**Okuqukethwe**


1. Umyalezo kaNkulunkulu Oza NgoJakobe…..…………..……………….5
2. Ukuhlakanipha Okunempumelelo…….….…..........................10
3. Ukubhekana Nesilingo….………………….……………………………….15
4. Ukusebenzisa Ukukholwa..................................................20
5. Ukunqoba Ubandlululo…………………….…….......................25
6. Ukukholwa Okusebenzayo….............................................31
7. Ukukhuleka Ngaphambi Kokuvula Umlomo Wethu…….......36
8. Ukukhetha Okufanele Ngicabange Ngakho.........................41
9. Ubumnene Bokuhlakanipha…….………………………………..……46
10. Ukunqoba Izinkinga Zethu Zesimo Sengqondo…...…............52
11. Ukuba Nombono Othobekile……….......................................57
12. Ukugxilisa Amehlo Ezulwini………….….......................................62
13. Ukubekezela Ngokukholwa ...............................................67



**Contacts: Telephone & Fax +27 011 838 0265,**

**Website: www.sdarmsa.org.za ,**

**Email: admin@sdarmsa.org.za**

**POSTMASTER: P. O. Box 7950, Johannesburg, 2000**

# Isingeniso

Incwadi kaJakobe iqondile. Sidinga kangakanani umyalezo okuwo manje! Ngakho-ke, izinyanga ezintathu ezilandelayo, abafundi besikolo seSabatha emhlabeni wonke bazobe behlolisisa *izifundo Ezivela Encwadini kaJakobe*. Imicijo ebalulekile yomfutho wolwimi (ngobuhle kanye nobubi), ukulalela uNkulunkulu ngokukholwa, amandla omkhuleko, nesibonelo sikaEliya kungezinye zezihloko ezimbalwa. Kungani konke lokhu kubalulekile namuhla-na?

"Isono sanamuhla siwukudelela umyalo kaNkulunkulu. Amandla omfutho wendlela engalungile makhulu kakhulu."-*Testimonies for the Church*, vol. 3, p, 483.

"Makungabikho ozikhohlisayo ngenkolelo yokuthi angaba ngcwele kuyilapho ephula ngamabomu enye yezimfuno zikaNkulunkulu. Ukunika amandla isono esaziwayo kuthulisa izwi elifakazayo likaMoya futhi sihlukanisa umphefumulo noNkulunkulu. 'Isono singukweqa umthetho.' Bonke abenza isono [bayeqa umthetho] lowo owonayo akambonanga, futhi akamazi.' 1 Johane 3:4, 6."-*The Great Controversy,* p. 472.

"Namuhla kukhona isidingo sezwi lokukhuza elinamandla; ngoba izono ezimbi zihlukanisa abantu noNkulunkulu. Ukungathembeki kuba semfashinini. 'Asithandi ukuba lo abuse phezu kwethu,' kwaba yilizwi labayinkulungwane. Luka 19:14. Izintshumayelo ezibushelelezi ezivame ukushunyayelwa azinawo umfutho ohlalayo; icilongo alinikezi umsindo othile. Abantu abasikwa ezinhliziyweni ngamaqiniso asobala, abukhali ezwi likaNkulunku.

"Kukhona amaKrestu amaningi azishoyo lawo, uma engasho indlela abazizwa ngayo ngempela, bangathi, siyini isidingo sokukhuluma ngokusobala-na? Bangabuza futhi ukuthi, sasikhona yini isidingo sokusho lokhu kubaFarisi, 'Nzalo yezinyoka, ngubani onibonise ukubalekela intukuthelo ezayo-na?" Luka 3:7. Sasikhona yini isidingo sokuvusa ulaka lukaHerodiyasi ngokutshela uHerodi ukuthi akukho emthethweni ukuba yena ahlale nonkosikazi womfowabo-na? Umanduleli kaKristu walahlekelwa ukuphila kwakhe ngokukhuluma kwakhe ngokusobala. Kungani wayengakwazi ukuqhubekela phambili ngaphandle kokuzibangela intukuthelo yalabo abaphila esonweni-na?

"Kanjalo abantu okufanele beme njengabaphathi abathembekile bomthetho kaNkulunkulu bathe baphikisana, kufinyelela lapho isimiso sithatha indawo yokuthembeka, futhi nesono sivunyelwa ukuba singakhuzwa. Kunini lapho izwi elithembekile elikhuzayo lizozwakala futhi ebandleni."-*Prophets and Kings*, pp. 140, 141.

"Amalungiselelo amaningi enziwe okuba indodana nendodakazi kaAdamu zithole ulwazi lwentando engcwele, ukuphelelisa isimilo soMkrestu, nokuthi bahlanzwe ngeqiniso."-*Testimonies for the Church*, vol. 2, p, 644.

"Sidinga ngempela usizo lukaNkulunkulu futhi siqiniswe ngokukhanyayo ukuthi "ngokuba wonke umkhuleko oqotho wokukholwa noma yini ecelwayo, izimpendulo zizobuyiselwa. Hleze zingezi ngendlela ezilindelwe; kodwa zizoza, hleze kungabi ngendlela esiyihlelile, kodwa ngaleso sikhathi ngempela sizidinga kakhulu."-Ibid., vol. 3, p. 209. Amen!

*Igatsha leSikolo seSabatha leGeneral Conference*

## *Umnikelo weSabatha Lokuqala*

## *Owendlu Yokukhonzela eReading, Pennyslavania, USA*

I-Eastern United States Field (EUSF) ihlukaniswe yizindawo eziyisishiyagalombili ezakhiwe izifundazwe zasePennyslvania, New York, Connecticut, Rhode Island, Massachusetts, Maine, Vermont, neNew Hampshire. Umsebenzi ePennsylvania okwamanje ukhula ngokushesha.

Kuyalinganiswa ukuthi ngaphezu kwe 53% yabantu kulesifunda kukhona amakholwa-akhiwa ngamaMethodist, Lutheren, Baptisti, Pentekostals, nezinye izinkolo, i 28% ngamaKatolika. Ngezinsuku zombuso wasendulo, iPennsylvania bekuyindawo yokuphephela kwezihambi ezifuna inkululeko yezenkolo zibalekela ushushiso eEurope. Umlando usabonakala ngenani elikhulu lezenkolo yamaAmish abaqhubeka ukuhlala emapulazini omphakathi omkhulu esifundeni sase-Lancater, begqoke izingubo ezingenambala nokuhamba begibele amahashi kanye namakalishi.

“Uma iminyaka ihamba, amalunga ambalwa eSDARM ayehlala ePennsylvania kanye nokuqeqeshwa kwabashumayeli bekwenziwa kulendawo. Kodwa imvuselelo yanamuhla ivusa intakazelelo yeqiniso lanamuhla eyaqala ngo 2016 edolobheni laseReading emva kokuba amalunga amabili eza kulelizwe evela eNew York. Ixuku lakhula futhi laqala ukubamba imihlangano maSabatha onke ntambama, ukuhlangana epakini ngesikhathi sasehlobo noma endlini yodade ngesikhathi sasebusika. Emva kwezinyanga ezimbalwa zokufunda, abaningi babhapathizwa kwinkolo yamaReform.

“Isifunda saseReading sinabantu abangaphezu kwe 95, 000 futhi inxenye yezimboni zakhona yizinto ze-electronics, ezokwelapha, ezolwazi lokuxhumana nokunye. Ibandla lethu kulendawo likhulu ngaseMpumalanga yeField yase U.S. Imiphefumulo emisha ilungiselelwa ukuhlangana nabantu bakaNkulunkulu. Namuhla, sikhonza endaweni ekhokhelwayo kodwa sithanda ukumisa namuhla ibandla lethu silikhulise ukuba lifinyelele kude. “Lapho kuvuka khona ixuku labakholwayo, indlu yokukhonzela kufanele yakhiwe….Ezindaweni eziningi lapho isigijimi sithe samenyezelwa nemiphefumulo yamukelwa, isezindaweni ezimbalwa, futhi singenza okuncane ukugcina amathuba azonikeza isithunzi emsebenzini. Ngokuvamile lokhu kuletha ubunzima bokukhulisa umsebenzi .

“Ngokunjalo, siyacela kubazalwane bethu ukuba bazwelana nathi emhlabeni wonke jikelelo ukusiza ukukhulisa indlu yokukhonza endaweni yaseReading, nokuthi imiphefumulo eminingi ingalethwa esibayeni. Umusa wenu nezipho zenu zingathokozelwa kakhulu, neNkosi izokubusisa kamuva.

*Abazalwane benu nodade abavela eEastern United States Field*

**Isifundo 1** **ISabatha, Mfumfu 5, 2024**

# Umyalezo kaNkulunkulu Oza NgoJakobe

**IVESI LEKHANDA: "UJakobe, inceku kaNkulunkulu neyeNkosi uJesu Kristu, uyakhonza kuzo izizwe eziyishumi nambili ezihlanzekile" (Jakobe 1:1).**

"Akukho muntu, futhi asikho isizwe, esiphelele kuyo yonke imikhuba kanye nomcabango. Umuntu kumele afunde komunye. Ngakho-ke uNkulunkulu ufuna izizwe ezihlukene zihlangane, zibe munye, ekwahluleleni, zibe munye ngenhloso. Khona-ke ubunye obukhona kuKristu buzoba yisibonelo."-*Testimonies for the Church,* vol. 9, pp. 180, 181.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 9, pp. 190-203.

***NgeSonto*** ***Mandulo 29***

## 1. ABAFUNDI BAKA-KRISTU

**a. Ngobani amadoda amathathu amagama abo "nguJakobe" ayejwayelene noKristu-futhi ngubani esivame ukumnaka-na? Mathewu 10:2, 3; 13:55.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

**b. Yisho izikhathi ezimbalwa ezikhethekile noJesu ukuthi uJakobe, umfowabo kaJohane, abakufunda. Luka 8:51-55; Mathewu 17:1, 2; Marako 14:32-34.**

________________________________________________________________________________

"UJohane, indodana kaZebedewu, ungomunye wabafundi ababili bokuqala abalandela uJesu. Yena nomfowabo uJakobe babephakathi kwexuku lokuqala elashiya konke leza emsebenzini Wakhe. Ngokujabula bashiya ikhaya nabangane ukuze babeNaye; babehamba futhi bekhuluma Naye; babeNaye ekhaya ngasese, nasemihlanganweni yabantu bonke. Wathulisa ukwesaba kwabo, wabakhulula engozini, wenza ngcono ukuhlupheka kwabo, wabaduduza osizini lwabo, ngokubekezela nangobubele wabafundisa, kwafinyelela lapho izinhliziyo zabo zihlangana neYakhe, futhi ngokushiseka kothando lwabo bafisa ukuba seduze Kwakhe embusweni Wakhe."-*The Desire of Ages,* p. 548.

"Eduze nesango lensimu, uJesu washiya bonke abafundi ngaphandle kwabathathu, ebanxusa ukuba bazikhulekele futhi bamkhulekele Naye. Ekanye noPeter, uJakobe, noJohane, bangena endaweni esithekile. Labafundi abathathu yilabo ababesondelene kakhulu noKristu….Manje kulomshikashika omkhulu, uKristu wayefisa ubukhona babo eduze Kwakhe. Ngokuvamile ubusuku badlula beNaye kuleyondawo yokuphumula."-Ibid., p. 686.

## 2. UKUPHUZA ESITSHENI

**a. Chaza inhloso yokuqala kaJakobe, indodana kaZebedewu, ekanye nomfowabo, uJohane. Marako 10:35-38.**

_______________________________________________________________________________

"Ngalolonke ithuba alitholayo, uJohane wayethatha indawo eduze noMsindisi, futhi uJakobe wayefisa ukuhlonishwa ngokuba nobudlelwano obuseduze Naye.

"Umama wabo wayengumlandeli kaKristu, futhi wayekhonza ngokukhululeka ngobuqotho bakhe. Ngothando lomzali kanye nesifiso samadodana akhe, ebafisela indawo ehloniphekile embusweni wezulu. Ngalokhu wabakhuthaza ukuba benze lesicelo.

"Unina namadodana akhe beza kuJesu, bacela ukuthi abanikeze isicelo abazibekele sona ezinhliziyweni zabo.

"Wathi kubo: Nifuna ukuba nginenzeleni-na?

"Umama waphendula, 'Vumela amadodana ami omabili ukuba ahlale, omunye ngakwesokunene omunye ngakwesokhohlo, embusweni wakho.'

"UJesu wababekezelela ngobumnene, engakhuzi ubugovu babo ngokufuna ukhetho oludlula abazalwane babo. Wafunda izinhliziyo zabo, ubekwazi ukujula bokusondelana kwabo Naye. Uthando lwabo akulona nje uthando lomuntu; noma lungcoliswe ukuba ngumzila wawo wobuntu, yilolo oluphuma emthonjeni wothando Lwakhe oluhlengayo. Angeke abasole, kodwa ukuba abajulise futhi bahlanzeke. Uthi, 'Ningasiphuza yini isitsha engisiphuzayo Mina, nibhapathizwe ngombhapathizo engibhapathizwa ngawo-na?' Bawakhumbula amazwi angaqondakali, akhomba ukulingwa nokuhlupheka, nokho saphendula ngesibindi, 'Siyakwazi.' Bakubiza njengenhlonipho ukufakazela ukuthembeka kwabo ngokuhlanganyela nakho konke okuzokwehlela iNkosi yabo.

"'Nizakusiphuza ngempela isitsha Sami, futhi nibhajadiswe ngombhapathizo engibhapathizwa ngalo,' Wathi; phambi Kwami kukhona isiphambano esikhundleni sesihlalo sobukhosi, abenzi bobubi ababili abakanye Naye besandleni Sakhe sokunene nesokhohlo."- *The Desire of Ages,* pp. 548, 549.

**b. Njengoba uKristu abikezela ngaphambili, kuyini okwenzeka kuJakobe nomfowabo, uJohane, emva kokwenyuka kweNkosi-na? Izenzo 12:1, 2; Isambulo 1:9**

"UJohane noJakobe kwakufanele bahlanganyele neNkosi yabo ekuhluphekeni: lowo waba ngowokuqala kubazalwane ukuba abhujiswe ngenkemba; omunye, wabekezela ukukhandleka isikhathi eside kuna bonke, ethukwa, nokushushiswa."-Ibid., p. 549.

## 3. NGUBANI OWABHALA INCWADI-NA?

**a. IBhayibheli lichaza kanjani uJakobe, indodana kaAlfewu-omunye wabayishumi-nambili (kodwa engeyena umfowabo kaJohane uZebedewu)? Marako 15:40.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kwakukhona uLevi Mathewu umthelisi, owabizwa esemsebenzini webhizinisi, futhi ethobela iRoma, uSimoni umshisekeli, **isitha esingaguquki segunya lombuso; uPeter onamawala, onganeliseki**, onenhliziyo efudumele, kanye noAndreya umfowabo, uJudasi ongumJuda, ophucuzekile, onekhono, enomoya omubi, uFiliphu noThomasi, babethembekile futhi beqotho, kodwa benwabuzela ngenhliziyo ekukholweni; uJakobe omncane noJuda, bengadumanga phakathi kwabazalwane, kodwa bengamadoda anamandla, aqondile kokubili emaphutheni awo nasemandleni awo, uNathaniyeli, umntwana oqotho nothenjwayo, kanye namadodana kaZebedewu afiso izinto ezinkulu, anenhliziyo enothando."-*Education*, pp. 85, 86.

**b. Kungani kungenzeka ukuthi umbhali wencwadi kaJakobe (ubhekiswa kuye njengompostoli njengoba ubeyazi iNkosi ubuqu) wayezoba ngumfowabo kaKristu ngomzali oyedwa-futhi ukuzichaza kwakhe kubonise kanjani ukuthi isimilo sakhe siguqulwe umfutho weNkosi-na? Jakobe 1:1 (isigaba sokuqala).**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UKristu ubengaqondwa kahle ngababafowabo; ngoba ubengafani nabo. Ubesebenza ukukhulula konke ukuhlupheka akubonayo, futhi kaningi wayephumelela. Wayenemali encane angaphana ngayo, kodwa wayevame ukuphana ngokudla Kwakhe kulabo acabanga ukuthi bakudinga kakhulu ukudlula Yena. Abafowabo babezwa ukuthi umfutho Wakhe ufinyelela kude futhi uphikisana nowabo; ngoba uma bekhuluma kalukhuni nabampofu, imiphefumulo elahlekelwe yisithunzi ahlangana nayo, uKristu wayefuna bona labo, futhi akhulume amazwi enkuthazo. Uma phakathi komndeni, kungekho angakwenza, ubesondela ngokuthula nangokunyenya ngokungenzeka, anikeze izidalwa ezisosizini azama ukuzisiza, ngenkomishi yamanzi abandayo, abesebeka ukudla Kwakhe ezandleni zabo."-*This Day with God,* p. 59.

**c. UPawule wabonisa kanjani inhlonipho ngoJakobe, umfowabo kaJesu-na? Galathiya 1:17-19; Izenzo 21:18.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

## 4. UKUCHASISA EZINYE IZIHLOKO

**a. Kuyini okwembula ukuthi uJakobe, umfowabo kaKristu, ubeyindoda enomfutho kumkhandlu obalulekile webandla lokuqala-na? Izenzo 15:5, 6, 13, 19, 20.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngalesikhathi uJakobe wabonakala njengalowo okhethiwe ukumemezela isinqumo okwafinyelelwa kuso emhlanganweni. Bekuyisinqumo sakhe ukuthi umthetho wemikhosi, futhi kakhulu inkonzo yokusoka, akufanele icindezelwe kwabeZizwe, noma iphakanyiswe kubo. UJakobe wazama ukucindezela ezingqondweni zabazalwane bakhe umcijo wokuthi, ngokuphendukela kuNkulunkulu, abeZizwe benze inguquko enkulu ekuphileni kwabo nokuthi siqaphele kakhulu kumele bangahlushwa ngokudideka nemibuzo engabazayo ukubaluleka okuncane, hleze badangale ekulandeleni uKristu."-*The Acts of the Apostles*, p. 195.

**b. Kuyini okuvamile okuphakanyiswayo, kodwa okuyiphutha, okuphikisa indima evelele kaJakobe kulomkhandlu obalulekile-na? Mathewu 16:18.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UJakobe wengamela umkhandlu, futhi isinqumo sakhe sokugcina sabayilesi, 'Ngakhoke isigwebo sami-sithi, masingabakhathazi abeZizwe labo abaphendukela kuNkulunkulu.'

"Lesinqumo saphelisa inxoxo. Ngalesikhathi sasiphikisana nemfundiso ephakanyiswa iRoman Catholic Church leyo uPeter ubeyinhloko yebandla. Labo, njengopapa, abasho ukuthi balandela yena, abanaso isisekelo seMibhalo sokuzenzisa kwabo. Akukho ekuphileni kukaPeter okunikeza ukwehluka abambiza njengophakeme ngaphezu kwabazalwane bakhe njengobambele oPhakeme Kakhulu. Uma labo abathi balandela uPeter baye balandela isibonelo sakhe, bebezohlala njalo benelisekile ukulingana nabazalwane babo."-Ibid., pp. 194, 195.

"UMsindisi azange abeke umsebenzi wevangeli kuPeter yedwa. Esikhathini esilandelayo, ephinda amazwi akhulunywa kuPeter ngaphambili, wawakhuluma ngokuqondile ebandleni. Futhi ngomqondo ofanayo akhulunywa kwabayishumi nambili njengabamele umzimba wabakholwayo. Uma uJesu anikeza igunya noma yimaphi amandla kumfundi oyedwa ngaphezu kwabanye, besingeke sabathola kaningi bebuzana ukuthi ngubani oyakubamkhulu. Bebezothobela isifiso esisodwa seNkosi yabo, bahloniphe lowo aMkhethile."-*The Desire of Ages,* p. 414.

**5. U-ISRAYELI KA-NKULUNKULU**

**a. Lencwadi ibhalelwe obani-futhi ingenisa kanjani bonke abamukela uJesu njengeNkosi-na? Jakobe 1:1 (isigaba sesibili); Galathiya 3:27-29.**

"Phakathi kwamaIsrayeli kaNkulunkulu kwakufanele kubalwe abaningi ababengeyona inzalo kaAbrahama ngokwenyama."-*Prophets and Kings,* p. 367.
"Ukuphila kukaKristu kwamisa inkolo okungekho kuyo uhlobo lozalo, inkolo leyo umJuda noweZizwe, abakhululekile nabayizigqila, behlanganiswa ebuzalwaneni obuvamile, bayalingana phambi kukaNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 9. p. 191.

"UbuKrestu benza isibopho esiqinile sobunye phakathi kwenkosi nesigqila, inkosi nomphathi, umfundisi wevangeli kanye nesoni esehlisiwe sathola ukuhlanzwa esonweni nguKristu."-*The Acts of the Apostles,* p. 460.

**b. Ngokwesiprofetho, yiliphi igama elinikezwa uIsrayeli wesimoya ekugcineni-futhi achazwa kanjani amava abo ngaphambi kokubuya kukaKristu-na? Isambulo 7:4.**

"Masinyane sezwa izwi likaNkulunkulu linjengamanzi amaningi, lasinika usuku nehora lokubuya' kukaJesu. Abangcwele abaphilayo, abangu 144, 000 ngenani, balazi futhi baliqonda izwi, kuyilapho ababi babecabanga ukuthi kungukuduma nokuzamazama komhlaba….

"Abangu 144 000 baphawulwa futhi bahlanganiswa ngokuphelele. Emabunzini abo kwakukhona amazwi kaNkulunkulu, iJerusalema Elisha, nenkanyezi ejabulisayo inegama likaJesu'elisha. Kwisimo sethu senjabulo, ababi babethukuthele, begijima ngamandla ukubeka phezu kwethu izandla zabo basifake etilongweni, lapho besingalula isandla egameni leNkosi, futhi bebazokuwa bathithibale emhlabathini. Ngaleso sikhathi isinagoge likaSathane belazi ukuthi uNkulunkulu uyasithanda, owakwazi ukugeza izinyawo zomuntu ngamunye, futhi wabingelela abazalwane ngokwanga okungcwele, futhi bakhuleka ezinyawwezi zethu."-*Testimonies for the Church*, vol. 1. p. 59.

***NgoLwesihlanu*** ***Mfumfu 4***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Wakhula kanjani uJakobe, indodana kaZebedewu, wafana noKristu-na?**
2. **UJakobe umfowabo kaJesu ngomzali munye, wakhula wafane kanjani noKristu ngempela-na?**
3. **Yibuphi ubufakazi eMibhalweni obubonisa ukuthi uPeter ubengeyona inhloko yabapostoli-na?**
4. **UPawule uchaza kanjani ubunye nenani elifanayo lomKristu wonke-na?**
5. **Mfanekiso muni ukunqoba kokugcina kuka-Israyeli wesimoya kaNkulunkulu-na?**

# Ukuhlakanipha Okunempumelelo

**"IVESI LEKHANDA: "Uma-ke kukhona kini oswela ukuhlakanipha, makacele kuNkulunkulu obapha bonke ngobuhle engajakadi, khona uyakuphiwa" (Jakobe 1:5).**

"Awudingi ukuya emikhawulweni yomhlaba ukuze uthole ukuhlakanipha, ngoba uNkulunkulu useduze. Akuwona amakhono onawo manje noma ozobanawo azokunika impumelelo. Yilokhu iNkosi engakwenzela kona….ilangazela ukukunika ukuqonda kwizindaba zesikhashana nezesimoya. Iyakwazi ukuthuthukisa ingqondo. Iyakwazi ukunika ubuhlakani bokuhambisa izinto kanye nekhono. Beka amathalenta akho emsebenzini, cela ukuhlakanipha kuNkulunkulu, kanjalo uzakuphiwa."-*Christ's Object Lesson,* p. 146.

**Incwadi Enikeziwe**: *Testimonies for th*e Church, vol. 1, pp. 120, 121;
vol. 2, pp. 232-235.

***NgeSonto*** ***Mfumfu 6***

## 1. UKUCELA UKUHLAKANIPHA

**a. Kungani ngempela sidinga okungaphezu kokuhlakanipha kwabantu ekuphileni, futhi kungafinyelela kanjani kithi-na? Jakobe 1:5.**

__________________________________________________________________________
__________________________________________________________________________
__________________________________________________________________________

"Sidinga ukuqiniseka kancane kulokho umuntu angakwenza futhi sithembele kakhulu kulokhu uNkulunkulu angakwenzela yonke imiphefumulo ekholwayo. Ulangazela ukuba ufinyelele emva Kwakhe ngokukholwa. Ufisa ukuthi ulindele izinto ezinkulu Kuye."-*Christ's Object Lesson*, p. 146.

"Ukuzwa nje izintshumayelo amaSabatha alandelanayo, ukufunda iBhayibheli lonke, noma ukuchaza kahle ivesi ngalinye, angeke kwasisiza noma labo abasizwayo, ngaphandle kokuletha amaqiniso eBhayibheli kumava omuntu ngamunye. Ukuzwisisa, intando, intakazelelo, kufanele lunikelwe ekulawulweni izwi likaNkulunkulu. Ngakhe-ke umsebenzi woMoya Ongcwele izimiso zezwi zizoba izimiso zokuphila.

"Njengoba ucela eNkosini ukuthi ikusize, hlonipha uMsindisi wakho ngokukholwa ukuthi uyazithola izibusiso Zakhe. Wonke amandla, konke ukuhlakanipha, kungokomyalo wethu. Kufanele sicele kuphela."-*The Ministry of Healing*, p. 514.

**2. UKUNIKWA AMANDLA NGOKWETHEMBA**

**a. Sizuza kanjani uma sibheka ukuhlakanipha kukaNkulunkulu njengokuphakeme kakhulu kunokwethu, ngisho nasezintweni ezivamile zokuphila-na? Izaga 3:3-8.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Uma-ke kukhona kini oswela ukuhlakanipha, makacele kuNkulunkulu obapha bonke ngobuhle engajakadi, khona uyakuphiwa.' Isithembiso esinjalo sibalulekile kakhulu kunegolide nesiliva. Uma ngenhliziyo ethobekile ufuna ukuhola okungcwele kuzo zonke izinkinga nokudideka, izwi Lakhe lithembisa ukuthi impendulo ejabulisayo uzonikwa yona. Nezwi Lakhe alisoze lahluleka. Kuyakudlula iZulu nomhlaba, kepha amazwi Ami awasoze adlula. Themba uJehova, awusoze wajabhiswa noma ubenamahloni. 'Kungcono ukuthemba uJehova kunokubeka ithemba lakho kumuntu. Kungcono ukuthemba uJehova kunokubeka ithemba lakho kubaholi.'

"Noma isiphi isikhundla ekuphileni ongabanaso, noma yiliphi ibhizinisi, kufanele sithobeke ngokwanele ukuzwa isidingo sosizo; kufanele seyame ngokuhlanganyela ezimfundisweni zezwi likaNkulunkulu, sivuma ukulondolozwa ezintweni zonke, nokuthembeka ekuthululeni imiphefumulo ngomkhuleko. Yama kokwakho ukuqonda, mzalwane othandekayo, njengoba uhamba emhlabeni, uzovuna usizi nokudumala. Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho, uyakuqondisa imikhondo yakho ekuhlakanipheni, nentakazelelo yakho izophepha kulomhlaba nakumhlaba ozayo. Udinga ukukhanya nolwazi. Uzokwamukela iseluleko esivela kuNkulunkulu noma kweyakho inhliziyo; uzohamba phezu komlilo oziphembele wona, noma uzobuthela kuwe ukukhanya okungcwele kweLanga lokuLunga."-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 427.

**b. Kungani sidinga ukuzikhipha ekwencikeni kakhulu kwabanye abantu ukuze sithole ukuqondiswa-na? Jeremiya 17:5-8.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Lapho ukudideka kuvuka, nalapho ubhekana nobunzima, ungafuni usizo kumuntu. Themba kuJehova ngakho konke. Isenzo sokutshela ubunzima bethu abanye futhi kusenza sibe buthakathaka, futhi akulethi amandla nakubo. Ubeka phezu kwabo umthwalo wobuthakathaka besimoya, abangeke bakhululeka kukho. Sifuna amandla ebantwini abonayo, umuntu ofayo, engabe sithola amandla kuLowo ongoni, uNkulunkulu ongapheliyo."-*Christ's Object Lessons,* p. 146.

## 3. UKUTHUTHUKISA UKUSIMAMA KAKHUDLWANA

**a. Isiphi isimo okumele sihlangane naso ngaphambi kokuba iNkosi iphendule isicelo sethu-na? Jakobe 1:6 (isigaba sokuqala) Marako 11:24. Chaza isibonelo esisodwa sendlela esinganquma ngayo ukuthuthukisa amandla kulendaba. 1 Korinte 6:3-5.**

______________________________________________________________________

"Bambalwa abaqonda ukuziphendulela okuphezu kwabafundisi abambalwa abathwele ubunzima kulendlela. Abazalwane kaningi babiza labantu ukuba basuke emsebenzini wabo babhekane nezindaba ezincane, noma ukulungisa ezinye izilingo zebandla, lezo abangakwazi futhi abanakho ukubhekana nazo ngokwabo. 'Uma kukhona kini oswela ukuhlakanipha, makacele kuNkulunkulu, obapha bonke ngobuhle engajakadi, khona uyakuphiwa. Kodwa makacele ukukholo oluqinile.' Kufanele abeqotho futhi abe ngoqiniselayo. Uma ebuthakathaka, eqhubeka ukungabaza ukuthi uJehova ngempela uzokwenza lokho akusithembisile, angeke athole lutho.

"Abaningi babheka kubafundisi ukuthi balethe kubo ukukhanya okuvela kuNkulunkulu, becabanga ukuthi lena indlela eshibhile kunokuzihlupha ngokuya ngokwabo kuNkulunkulu. Abanjalo bazolahlekelwa okuningi. Uma usuku nosuku bengalandela uKristu bamenze umholi nomeluleki wabo, hleze bebazothola ulwazi olukhanyayo lwentando Yakhe, kanjalo bazuze amava abalulekile. Ukuswela amava afana nalawa, kubazalwane abafakazela iqiniso bahamba kumalangabi okhelwe ngabanye; abawujwayele uMoya kaNkulunkulu futhi abanalo ulwazi lwentando Yakhe, ngalokho basuswa kalula ekukholweni kwabo. Bayaxega, ngoba bathemba abanye ukuthola amava abe ngowabo."-*Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 643, 644.

**b. UMkrestu ozishoyo uqhathaniswa nani uma ukholo lwakhe luqala ukuntengantenga-na? Jakobe 1:6 (isigaba sokuqala); Genesis 49:4. Singakugwema kanjani lokhu-na?**

______________________________________________________________________

"Ukholo lwamaKrestu amaningi luzontengantenga ngenxa yokunganaki njalo ukuhlanganyela ndawonye emihlanganweni nasemkhulekweni."-Ibid., vol. 4, p. 106.

"Yamukela izwi likaKristu njengesiqiniseko sakho. Akakumemanga yini ukuthi uze Kuye-na? Ungavumi nakanye ukukhuluma ngendlela yokungabi nethemba, nokudumala. Uma wenza kanjalo uzolahlekelwa okuningi. Ngokubheka ukubonakala kwangaphandle nokukhononda lapho kufika ubunzima nencindezi, unikeza ubufakazi bokholo olugulayo, noludondobalayo. Khuluma futhi wenze kungathi ukholo lwakho alunakwahlulwa."-*Christ's Object Lessons,* pp. 146, 147.

## 4. UKUGWEMA INHLIZIYO EMBAXA-MBILI

**a. Singaqiniseka kanjani ukuthi umkhuleko wethu wokucela ukuhlakanipha uzophenduleka-na? Luka 18:1; Jakobe 1:6, 7.**

___

"Isicelo sokuhlakanipha akufanele sibe ngumkhuleko ongezwakali, ophuma engqondweni ngokushesha lapho uqeda ukukhuleka. Ngumkhuleko ogcizelela isifiso esinamandla, esiqotho senhliziyo, esibangelwa ukuntula ukuhlakanipha ukukhamelela intando kaNkulunkulu.

"Emva kokunikela umkhuleko, uma impendulo ingabonakali masinyane, ungakhathali ukulinda futhi untengantenge. Ungaxegi. Bambelela esithembisweni, 'Uthembekile Yena okubizayo, oyakukwenza futhi.' Njengomfelokazi othobekile, beka indaba yakho, futhi uqine enjongweni yakho. Ingabe ngumgomo obalulekile kuwe nomphumela omkhulu-na? Ngempela kunjalo. Ungaxegi, ngoba kungenzeka ukholo lwakho luvivinywe. Uma lokhu okufisayo kubalulekile, kuwufanele umzamo oqinile, noqotho. Unaso isithembiso; Linda ukhuleke. Qina umkhuleko uzophendulwa; ngoba akuyena yini uNkulunkulu othembisile-na? Uma kubiza okuthile kuwe ukuba ukuzuze uzokwazisa kakhulu uma ukuthola. Utshelwa ngokukhanyayo ukuthi uma ungabaza ungacabangi ukuthi uzothola okuthize eNkosini. Isixwayiso lapha ukuthi singakhathali, kodwa sihlale siqinile phezu kwesithembiso. Uma ucela, uzakuphiwa ngesihle futhi ungasoli.

"Yilapha abaningi benza iphutha. Bayaxega emgomeni wabo, nokholo lwabo luyahluleka. Yilesi isizathu esenza bangamukeli lutho eNkosini, lowo onguMthombo wamandla. Makungabikho ohamba ebumnyameni, akhubeke njengomuntu oyimpumputhe; ngoba iNkosi inikile ukukhanya uma sizokwamukela ngendlela ayimisile, futhi bangakhethi eyabo indlela. Udinga kukho konke okwenziwa ngenkuthalo imisebenzi yansuku zonke."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 130, 131.

**b. Kungani kufanele sigweme ukuba nomqondo ombaxa-mbili-na? Jakobe 1:8; Amahubo 86: 11.**

"Ngesikhathi bezisho ukuthi bangamaKrestu, abaningi banesimo somhlaba kubo, futhi nothando lwabo alubekwanga kuNkulunkulu. Banhliziyo-mbili, benza umzamo wokukhonza uNkulunkulu kanye nomamona ngesikhathi esisodwa…ngokuzama ukukhonza amakhosi amabili, futhi abagxilanga ezindleleni zabo zonke, futhi angeke bancika kubo….

"Kunanzuzo yini ukusho okujabulisayo, kokudelela umsebenzi kaSathane, nokho ngesikhathi esifanayo ungene ekugcwalisekeni kwawo wonke amacebo akhe-na? Lokhu kusho ukuthi umbaxa-mbili."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], vol. 7, p. 938.

## 5. UKUKHUMBULA U-JAKOBE

**a. UJesu ufanekisa kanjani ukuqina okufanele sinikele ngakho ekunxuseni kwethu amandla okufeza intando kaNkulunkulu-na? Mathewu 11:12.**

"'Umbuso wezulu uyafuzulwa, nabafuzulayo bayawuthatha.' Lobudlova bungena enhliziyweni. Ukuba mbaxa mbili kuchaza ukungaqini. Ukuqonda, ukuzidela nomzamo wokuzingcwelisa kuyadingeka emsebenzini wokulungiselela. Ingqondo nonembeza kuyahlanganiswa; kodwa uma intando ingabekwa emsebenzini, sizokwehluleka. Wonke amandla nomuzwa kufanele kungeniswe. Ukushiseka nobuqotho bomkhuleko kufanele kuthathe indawo yokucobeka kanye nokungakhathali. Ubuqotho kuphela, nomzamo ophikelelayo nokukholwa ekufanelekeni kukaKristu esinganqoba ngakho, futhi sizuze umbuso wezulu. Isikhathi sethu sokusebenza sincane. UKristu uyeza masinyane okwesibili."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], vol. 1, p. 1906.

"Ngeqiniso elikhulu esibe nelungelo lokulamukela, kufanele, futhi nangaphansi kwamandla oMoya Ongcwele singabanakho, ukuba yimizila ephilayo yokukhanya. Singasondela esihlalweni somusa; futhi ngokubona ukuthobeka kwesithembiso, siguqe ngezinhliziyo ezizisolayo, sifune umbuso wezulu ngamandla esimoya esizoletha umvuzo wawo. Kufanele siwuthathe ngendluzula, njengoJakobe. Bese isigijimi sethu siba ngamandla kaNkulunkulu kube yinsindiso. Izicelo zethu zizogcwala ubuqotho, zibe nomqondo wesidingo sethu esikhulu; futhi angeke senqatshwe. Iqiniso lizocindezelwa ngokuphila nesimilo, nangezindebe ezithintwe ngelahle eliphilileyo elivela kwi-altare likaNkulunkulu.

"Uma lamava kuba ngawethu, sizokhishwa ekuhluphekeni kwethu, ubumina obushibhile esibuthanda kakhulu. Sizothulula izinhliziyo zethu emandleni obugovu obugqwalayo, futhi sizogcwala ukudumisa nokubonga kuNkulunkulu. Sizokhulisa iNkosi, uNkulunkulu womusa wonke, Lowo owakhulisa uKristu. Futhi uzobonakalisa amandla Akhe ngathi, ukuba asenze njengamasikela abukhali ensimini yokuvuna. UNkulunkulu ubiza abantu Bakhe ukuba bamembule."-*Reflecting Christ,* p. 217.

***NgoLwesihlanu*** ***Mfumfu 11***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Chaza ezinye izihluthulelo ezibalulekile zokuzuza ukuhlakanipha okwengeziwe okuvela Ezulwini.**
2. **Kwenzekani uma seneliseka ekweyameni olwazini lwabantu-na?**
3. **Ngingenza kanjani inxenye yami ngikhulule abafundisi ukuthi bagxile emiphefumulweni emisha-na?**
4. **Yiziphi izici zokuphila engingase ngibe mbaxa-mbili kunalokhu engikuqondayo-na?**
5. **Chaza amandla kanye nokufaneleka komshikashika kaJakobe ezinsukwini zokugcina.**

**Isifundo 3** **ISabatha, Mfumfu 19, 2024**

# Ukubhekana Nesilingo

**IVESI LEKHANDA "Ubusisiwe umuntu okhuthazela ekulingweni; ngokuba esevivinyekile uyakwamukeliswa umqhele wokuphila othenjisiwe yiNkosi kwabayithandayo" (Jakobe 1:12).**

"Khuluma futhi wenze ngokuvumelana nemikhuleko yakho. Kuzokwenza umahluko ongapheli kuwe nokuthi isivivinyo sizobonisa ukholo lwakho ukuthi luyiqiniso, noma lubonise imithandazo yakho ukuthi iyisimo nje."-*Christ's Object Lessons*, p. 146.

**Incwadi Enikeziwe**: *Testimonies for the Church*, vol. 3, pp. 477-492.

***NgeSonto*** ***Mfumfu 13***

**1. ISIMO SOKUKHULA NGOKWESIMOYA**

**a. Chaza imfihlakalo yokuthi kungayiphi indlela uJakobe 1:2 angagcwaliseka kanjani kithi. Nehemiya 8:10.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Zonke izilingo ezamukelwa njengezimfundiso ezibalethela injabulo. Ukuphila konke kwenkolo kuzokhuliswa, kuphakanyise, kusisize, kunandiswe ngamazwi amnandi nemisebenzi. Isitha siyajabula kakhulu ukubona imiphefumulo edangele, nedumele, ekhonondayo nebubulayo; ufuna kuphela ukucindezela okwenziwa njengomphumela wokukholwa kwethu. Kodwa uNkulunkulu uhlela ukuthi ingqondo ukuthi ingehliselwa kwizinga eliphansi. Ufisa wonke umphefumulo ukuqoda ngamandla oMhlengi olondayo."-*Testimonies for the Church*, vol. 6, pp. 365, 366.

**b. Kungani uNkulunkulu evumela izilingo ukuba zisehlele-na? Jakobe 1:3; Roma 5:3.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Uma sinqoba izilingo zethu futhi sithole ukunqoba izilingo zikaSathane, kanjalo sibekezelela isilingo sokukholwa kwethu, esiyigugu kunegolide, futhi sinamandla futhi silungele kangcono ukuhlangabezana nesilingo esilandelayo. Kodwa uma sicwila ekuzinikeleni kwizilingo zikaSathane, sizokhula sintengantenga singatholi umvuzo wesilingo angeke walungela kahle ukubhekana nesinye. Ngalendlela sizoba buthakathaka kakhulu, size siholelwe ebugqilini bukaSathane entandweni yakhe. Kufanele sihlome ngezikhali zonke zikaNkulunkulu nokuthi silungele nangasiphi isikhathi sempi yolulwa namandla obumnyama."-*Early Writings*, p. 46.

## 2. IMIPHUMELA ENGAPHEZU KOKUCABANGA KWETHU

**a. Chaza inzuzo yokubonakalisa ukubekezela. Jakobe 1:4; Luka 21:19.**

___

"UNkulunkulu uhlakaniphe kakhulu futhi muhle ukuphendula imikhuleko yethu njalo ngesikhathi nangendlela esifisa ngayo. Uzokwenza okuningi kangcono ngenxa yethu kunokufeza zonke izifiso zethu. Ngoba singathemba ukuhlakanipha Kwakhe nothando, masingaceli Kuye ukuthi sisithele entandweni yethu, kodwa masifune ukungena ukufeza intando Yakhe. Isifiso sethu nentakazelelo ilahleke entandweni Yakhe. Lamava avivinya ukholo lwethu ngenxa yenzuzo yethu. Ngabo kwenziwa kungembula noma ukholo lwethu luqiniseke kubeqotho, ngokweyama ezwini likaNkulunkulu kuphela, noma seyame kwizimeko, futhi kuqinisekile akuguquki. Inkolo iqiniswa ngokusetshenziswa. Masivumele ukubekezela umsebenzi ophelele, ukhumbula ukuthi lezi izithembiso eMibhalweni ngalabo abalinda eNkosini."-*The Ministry of Healing*, p. 231.

**b. Kungayiphi indlela futhi kungani uJakobe esibonisa isithombe esikhulu kunombono wesikhashana wamandla emfuyo yalelizwe eyonakele-na? Jakobe 1:9-11.**

___

"Ngalesikhathi, ngaphambi kwengozi enkulu, kunembumbiso yokuqala yomhlaba, abantu bacwila ekuzijabuliseni kanye nokulandela ingqondo. Ukulibazisa ngombono nokukhula, balahlekelwe umbono ongambonwa kanye naphakade. Ngezinto ezifayo nokusetshenziswa, banikela ngengcebo efayo. Izingqondo zabo zidinga ukuphakanyiswa, imibono yabo yokuphila yandiswe. Badinga ukuvuswa ekunwabuzeleni kokuphupha okwelizwe.

"Ngenxa yokuvuka nokuwa kwezizwe njengoba kwenziwe kwabasobala kumakhasi eZibhalo eZingcwele, kufanele bafunde ukuthi abafaneleki kanjani lokhu okwangaphandle kuphela kanye nodumo lwezwe. Ibhabhilona, namandla onke alo nobukhulu balo, okufanayo lokho umhlaba wethu ongakaze ukubone-amandla nobukhosi lokhu kubantu bangalolusuku babonakala bagxilile futhi beqinile-futhi kuphela futhi kwedlula kanjani! Ngokuba 'njengembali yotshani uyakudlula. Konke kuyakubhubha lokho uNkulunkulu engeyena isisekelo sakho. Kuphela lokho okuhlanganiswe nenhloso Yakhe nokucindezela isimilo Sakhe okuzohlala isikhathi. Izimiso Zakhe kuphela nezinto eziqinile umhlaba wethu ozaziyo."-*Education,* p. 183.

"Ingcebo yomhlaba idlula ngokushesha. KungoKristu kuphela esingathola ngayo ingcebo engunaphakade."-*The Review and Herald,* Zibandlela 10, 1901.

## 3. LAPHO IMPI IVUTHA KHONA

**a. Lapho sibhekene nesilingo, kuyini okumele sikwenze ngomthandazo, futhi kungani-na? Jakobe 1:12.**

______________________________

"Bekela eceleni konke ukuzenzisa nokuzidla. Yenza ngobulula, ubumina bemvelo. Yiba neqiniso ngawo wonke umcabango ngelizwi nangesenzo, futhi 'ngokuzithoba kwengqondo masibone abanye bengcono kunathi.' Khumbula njalo ukuthi ukuziphatha kwemvelo kufanele sikwamukele ngokuqaphela njalo nangomkhuleko. Uma ubheka kuKristu njalo, uzoba uphephile; kodwa uma ucabanga ngokuzidela kwakho nobunzima, futhi uqale ukuzizwela nokuzitotosa ngokwakho, balahlekelwa ukuthemba uNkulunkulu futhi basengozini enkulu."-*Testimonies for the Church*, vol. 4, p. 522.

"Kufanele siqhubekele phambili ngokukhuthazela, ungalahlekelwa inhliziyo noma ithemba emsebenzini omuhle, noma yiziphi izilingo zisihlasela endleleni yethu, bonke ubumnyama besimilo busizungeza. Ukubekezela, ukholo, nothando lomsebenzi ziyizifundo okufanele sizifunde. Ukuthobisa ubumina nokubheka kuJesu emsebezini wonke wosuku. INkosi ayisoze yadela umphefumulo obeka ithemba Kuyo nokufuna usizo Kuye. Umqhele wokuphila ubekwa ebunzini kuphela konqobayo."-Ibid., vol. 5, pp. 70, 71.

**b. Kungani kungalungile ukuthi uNkulunkulu othumela izivivinyo nezilingo-na? Jakobe 1:13.**

______________________________

"Akufanele sinciphise icala lethu ngokuthethelela isono. Kufanele samukele isilinganisa sikaNkulunkulu sesono, futhi lokhu kunzima ngempela. IKhalivari kuphela elingembula ubukhulu bobubi besono….

"Isilingo sisiyengela esonweni, futhi lokhu akuveli kuNkulunkulu, kodwa kuSathane futhi nasebubini bezinhliziyo zethu. 'UNkulunkulu angeyengwe ngokubi, Naye uqobo akayengi muntu.' Jakobe 1:13, R. V.

"USathane uzama ukusifaka ekulingweni, ukuze ububi besimilo sethu bubonakale phambi kwabantu nezingelosi, ukuze athi singabakhe….Isitha sisiholela esonweni, bese sisimangalela phambi kombuthwano wasezulwini, njengabanga-lufanele uthando lukaNkulunkulu."-*Thoughts from the Mount of Blessing,* pp. 116, 117.

**c. Lapho ummangaleli ehlasela isimilo sethu esinesici, iNkosi isivikela kanjani-na? Zakariya 3:1-4; 1 Johane 1:9; 2:1.**

## 4. AMANDLA KANKULUNKULU EBUTHAKATHAKENI BETHU

**a. Chaza isipho seNkosi somkhuleko, "Ungasingenisi ekulingweni. Mathewu 6:13 (isigaba sokuqala); Isaya 30:21.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"[UNkulunkulu] uyasivumela ukuba sibhekane nezithiyo, izinhlupho, nobunzima, kungabi njengesiqalekiso, kodwa njengesibusiso esikhulu sokuphila kwethu. Isilingo ngasinye omelana naso, ukuvivinywa okukodwa okuthwalayo, kusinika amava amasha futhi kusikhulise emsebenzini wokwakha isimilo. Umphefumulo lowo ngamandla angcwele okumelana nesilingo okwembula emhlabeni futhi nakumhlaba wasezulwini ukuneliseka komusa kaKristu.

"Kodwa njengoba kungafanele sidangale ngenxa yesivivinyo, noma ubuhlungu, masikhuleke ukuthi uNkulunkulu angeke asivumela ukuba silethwa lapho sizodonselwa kude ngezifiso ezimbi zezinhliziyo zabo. Ngokunikela umkhuleko lowo uKristu asinike wona, sizinikela ekulawulweni nguNkulunkulu, simcela ukuba asiholele ezindleleni eziphephile. Asikwazi ukunikela lomkhuleko ngobuqotho, futhi nokho sikhethe ukuhamba noma ngayiphi indlela yokukhetha kwethu. Sizolindela isandla Sakhe ukusihola….

"Akuphephile kithi ukuba silibale ukucabanga ngamathuba okuzuza ngokuzinikela kumacebo kaSathane. Isono sichaza ukudumaza futhi nengozi kumphefumulo ngamunye ozitika ngawo; kodwa kuyesabisa futhi kuyadukisa ngemvelo yakho, futhi izakusiyenga ngokupha okududayo. Uma siphendukela emhlabeni kaSathane asinaso isiqiniseko sokuvikelwa emandleni akhe. Konke okumele sikwenze, kufanele sivale yonke imigudu eminingi umlingi angathola ngayo ukufinyelele kithi.

"Umkhuleko, 'Ungasingenisi ekulingweni,' wona uqobo uyisithembiso."-*Thoughts from the Mount of Blessing,* pp. 117, 118.

**b. Isiphi isikhalo nesiqinisekiso uNkulunkulu asinika sona maqondana nesilingo-na? Jakobe 1:14-16; 1 Korinte 10:13.**

"Siyini isilingo-na? Kuyizindlela lezo bonke abazibiza abantwana bakaNkulunkuku balingwa futhi bavivinywe ngazo. Siyafunda ukuthi uNkulunkulu walinga uAbraham, nokuthi walinga abantwana bakwaIsrayeli. Lokhu kuchaza ukuthi wavumela izimeko ukuba zenzeke ukuvivinya ukholo lwabo lubaholele ukubheka Kuye usizo. UNkulunkulu uvumela isilingo ukuba size kubantu Bakhe namuhla ukuze babone ukuthi ungumsizi wabo. Uma besosondela eduze Kwakhe uma belingwa, ubapha amandla okuhlangabezana nesilingo."-*In Heavenly Places,* p. 251.

**Ngolwesine** **Mfumfu 17**

## 5. IZILINGO NGOBUNJALO BAZO

**a. Ukuhlala kuKristu ngalokho asikhulule ekulingweni, kuyini okufanele sikukhethe njalo-na? Luka 4:8; Filiphu 1:21.**

____________________________________________________________________________

"Umlingi angeke asicindezela ukuba senze okubi. Angeke alawula izingqondo zethu ngaphandle kokuthi bazinikela ekulawulweni nguye. Intando kufanele ivunywe, ukholo kufanele lubambelele kuKristu, ngaphambi kokuba uSathane asebenzise amandla akhe phezu kwethu. Kodwa sonke isifiso sesono esikuthokozelayo kumnike ithuba lokubambelela. Wonke umcijo esehluleka ukufinyelela isilinganiso esingcwele ukuvuleka komnyango lowo azongena ngawo ukulinga nokusibhubhisa. Futhi konke ukuhluleka noma ukunqotshwa ohlangothini lwethu kunikeza ithuba kuye kuyinhlamba kuKristu."-*The Desire of Ages,* p. 125.

**b. Kuyini okufanele kusishukumise ukuze siqhubekele phambili ekunqobeni ngoKristu-na? Filiphu 4:13; Isambulo 2:10 (isigaba sokugcina); 3:21.**

____________________________________________________________________________

"Lowo ozihlanganisa noMoya kaKristu uhlala kuKristu. Konke ukushaya okubhekiswe kuye kuwela phezu koMsindisi, omzungeza ngobukhona Bakhe. Nomayini okuza kuye kuvela kuKristu. Akanaso isidingo sokumelana nobubi, ngoba uKristu uyisivikelo sakhe. Akukho okungamthinta ngaphandle kokuvunyelwa yiNkosi, futhi 'zonke izinto' ezivunyelwa' ukusebenza kokubili okuhle kulabo abamthandayo uNkulunkulu.' Roma 8:28."-*Thoughts from the Mount of Blessing,* p. 71.

"Umqhele wokuphila ubekwa kuphela ebunzini lomnqobi. Kukhona, kuwo wonke umuntu, ngomsebenzi oqotho, onesizotha kaNkulunkulu ngesikhathi ukuphila kusekhona."-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 71.

**NgoLwesihlanu** **Mfumfu 18**

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kuyini okufanele ngikukhumbule ngokuzayo lapho kufika isikhathi esinzima kimi-na?**
2. **Kuyini okufanele ngikuqaphele indlela uNkulunkulu aphendula ngayo imikhuleko-na?**
3. **Zivelaphi izilingo nezivivinyo zivela kuphi, futhi kungani-na?**
4. **Kuyini okwenzakalayo lapho simelana nesilingo-na?**
5. **Ngingahlala kanjani ngokuphelele kuKristu-na?**

**Isifundo 4** **ISabatha, Mfumfu 26, 2024**

# Ukusebenzisa Ukukholwa

**IVESI LEKHANDA: "Yibani ngabalenzayo izwi, ningabi ngabalizwayo kuphela, nizikhohlisa" (Jakobe 1:22).**

"[Umuntu] ukhethelwe ukulalela lonke izwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu, nokuthi angabi, ngolizwayo kuphela, kodwa ngolenzayo."-*Testimonies to Ministers,* p. 454.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 2, pp 24-26, 50-55, 164, 165.

***NgeSonto*** ***Mfumfu 20***

## 1. OPHANA NGOKUPHELELE

**a. Kuyini okwembula ubuhle bukaNkulunkulu obumangazayo kithi-na? Jakobe 1:17.**

______________________________________________________________________________

"Uthando lukaKristu kubantwana Bakhe lumnene njengoba luqinile. Futhi linamandla kunokufa; ngoba Wafa ukuze athenge insindiso yethu, nokusenza sibemunye Naye, ngokumangalisayo kanye nokungapheliyo. Uthando Lwakhe olujulile lulawula wonke amandla Akhe, futhi lusebenzisa izindlela ezinkulu zezulu ukwenzela abantu Bakhe okuhle. Alunakulinganiswa nathunzi lokuguquka-luyafana izolo, namuhla, naphakade. Noma isono sinesikhathi eside sabakhona, sizama ukunciphisa lothando futhi siphazamise ukuhamba kwalo emhlabeni, nokho lusageleza ngezihlambi ezinothile kulabo uKristu abafelayo.

"UNkulunkulu uyazithanda izingelosi ezingawelanga esonweni, ezenza umsebenzi Wakhe futhi zithobela yonke imiyalo Yakhe; kodwa akazabeli umusa; futhi azikaze ziwudinge, ngoba azinasono. Umusa uphawu olubonakaliswa kwizidalwa zabantu ezingawufanele. Asizange siwufune; wathunyelwa kithi ukuba usifune. UNkulunkulu uthokozela ukubeka umusa phezu kwabo bonke abawulambele nabawomele, kungesikho ukuthi sifanelekile, kodwa ngoba singafanelekanga. Isidingo sethu imvumo esinikeza ithemba lokuthi sizothola isipho."-*Testimonies to Ministers*, p. 519.

**b. Kukanjani futhi kungani singabazelwe nguNkulunkulu-na? Jakobe 1:18; 1 Peter 1:23; 2:9.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

## 2. UKUPHOLISA IZINGA LOKUSHISA

**a. Ezweni eligcwele intukuthelo, kufanele sehluke kanjani futhi kungani-na? Jakobe 1:19.**

___

"Yenza kube ngumthetho ukuthi ungakhulumi izwi lokusola komunye nomunye, kodwa ncomani futhi nidumise noma nini uma kungenzeka.

"Abanye bacabanga ukuthi kuyinto enhle ukukhululeka, futhi bazokhuluma ngokuzincoma umkhuba wokukhuluma kwabo bengancengi ukuzwakalisa izinto abangavumelani nazo ezisenhliziyweni. Bavumela umoya wolaka usebenze njengesikhukhula ukukhuza nokuthola amaphutha. Njengoba beqhubeka bekhuluma, bayakhula ekujabuleni, futhi uSathane uba seduze ukuncedisa lomsebenzi, ngoba uyamfanela. Amazwi acunula lowo okukhulunywa kuye, futhi azobuyiselwa emuva, ukuletha ukucunuka ngamazwi alukhuni, ize indaba ifinyelela ekuvutheni kwelangabi elikhulu. Nobabili nizizwa sengathi ninezilingo zonke eningazibekezelela kodwa ukuphila kwenu akujabulisi ngempela. Zimisele ukuqala umsebenzi wokulawula imicabango yakho, amazwi akho, nezenzo zakho. Lapho omunye wenu ezwa ubuhlungu, kwenze kube ngumthetho ukuzihlola uwedwa futhi ukhuleke ngokuzithoba kuNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 243.

**b. Kungani ulaka oluvuthayo lungamthokozisi uNkulunkulu-futhi lungalashwa kanjani-na? Jakobe 1:20.**

"Abanye banovalo, futhi uma beqala ukulahlekelwa ukuzibamba ngamazwi noma bephansi komoya wokucunulwa, nabo baba ngabadakiwe ngokufanayo futhi banolaka lesidakwa ngokufanayo nophuza utshwala. Abanangqondo, futhi ababoniseki kalula noma bavunyiswe. Abaphelele ngokomqondo; uSathane okwesikhashana ulawula ngokuphelele. Lonke ulaka olubonakaliswayo lwenza buthakathaka umgudu womuzwa namandla okuziphatha, kwenze kubenzima ukuvimbela ulaka nasekucunulweni okulandelayo.

"Kulexuku labantu kukhona ikhambi elilodwa-ukuzibamba okuhle ngaphansi kwezimeko zonke. Umzamo wokuba sendaweni efanele, lapho umina angeke acunulwa khona, uzophumelela okwesikhashana; kodwa uSathane uyazi ukuthi uzoyithola kuphi imiphefumulo empofu, futhi uzoyikhukhulela ezindaweni ezibuthakathaka ephinda phinda. Bazokhathazeka njalo njengoba becabanga kakhulu ngomina….kodwa likhona ithemba ngabo. Makuthi kulokuphila, okunezivunguvungu zezimpi nokwesaba, kungabaletha ekuxhumaneni noKristu, kanjalo umina angeke ufise ukuphakama….kufanele bazithobe, bathi ngokusobala, 'Ngenze isiphambeko. Ungangithethelela-na? Ngoba uNkulunkulu wathi ilanga malingashoni usathukuthele.' Lena indlela ephephile kuphela eholela ekunqobeni."-*Sons and Daughters of God*, p. 142.

## 3. UKUTHOKOZELA UKUKHANYA

**a. Chaza ubizo lukaNkulunkulu komunye nomunye wethu. Jakobe 1:21.**

______________________________________________________________________________

"Maye, kwenzeka kanjani kulowo onokukhanya kweqiniso, ukukhanya okukhulu abanikezwe nguNkulunkulu, bedelela ulaka nezahlulelo zikaNkulunkulu ngokumonela benze kanye lezozinto uNkulunkulu abatshelile ezwini Lakhe ukuba bangazenzi-na? Kungani bephuphuthekiswa nguSathane ukuba bahlambalaze uNkulunkulu ebusweni Bakhe, bangcolise imiphefumulo yabo ngokona ngabomu-na? Umpostoli uthi, ngokuba senziwe umbukwane wezwe, nowezingelosi, nowabantu.' Ingabe lezoni-ngingazibiza ukuthi ngabazenzisi-na? ESiyoni buza, ngeyiphi indlela engingumbukwane ngayo ezweni, nowezingelosi, nowabantu-na? Ziphendule ngokwakho, ngokusebenzisa kabi ukukhanya namathuba nomusa Nkulunkulu angiphe wona, ngezenzo ezingabonwa ezonakalisa nezingcolisa umphefumulo."-*Testimonies to Ministers*, p. 447.

**b. Izwi likaNkulunkulu lihlobana kanjani nensindiso yethu, ikakhulukazi ezinsukwini zokugcina-na? 2 Thimothi 3:15; 1 Korinte 15:1, 2.**

______________________________________________________________________________

"Ukusebenza kwangempela koMoya Ongcwele ezinhliziyweni zabantu kuthenjisiwe, ukuze kunikeze ukuphumelela ngeZwi. UKristu wamemezela iZwi ukuthi lingumoya lingukuphila….

"USathane usebenza ngedlela enobuqili obukhulu ukungenisa okuqanjwe ngabantu kwambathiswa ngezingubo zezingelosi. Kodwa ukukhanya okuvela eZwini kukhazimula phakathi kobumnyama bokuziphatha; futhi iBhayibheli alisoze lingene endaweni ekbonakaliswa ngokumangalisayo. Iqiniso kufanele lifundwe, kufanelwe lihlolwe njengengcebo ethukusiwe. Ukukhanya okumangalisayo angeke kwalethwa ngaphandle kweZwi, noma kuthathe indawo yalo. Singatha iZwi, wamukele iZwi elingaxutshiwe, elizokwenza abantu bahlakaniphe kube yinsindiso.'"-*Selected Messages*, bk. 2, p. 100.

"Labo abamukela iqiniso kufanele bafune ukuqonda okucacile kweMibhalo engcwele nolwazi lwamava ngoMsindisi ophilayo. Ubuhlakani kufanele buhlakulelwe, inkumbulo ikhandleke. Bonke ubuvila bobuhlakani buyisono, kanye nokukhathala kwesimoya kungukufa."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 399.

"Lapho amazwi Akhe eseluleko amukelwe, futhi sawadla, uJesu ungubukhona obuhlala njalo kithi, obulawula imicabango yethu nezifiso kanye nezenzo. Sigcwele izeluleko zikathishela omkhulu umhlaba okewamazi ngaphambili."-*Messages to Young People,* p. 160.

## 4. ISIBUKO SOMTHETHO KA-NKULUNKULU

**a. Kungani kubalulekile kithi ukuhlola izinhliziyo zethu-na? Jakobe 1:22-24.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Abaningi bathola ukushayelwa ihlombe ngamandla abangenawo. Lowo oHlola izinhliziyo ulinganisa okuhlosiwe, futhi izenzo ezishayelwa ihlombe ngabantu kaningi zibhalwa Nguye njengezivumbuka kubugovu nokuzenzisa okunolunya. Isenzo ngasinye ekuphileni kwethu, noma sisihle kakhulu noma situseka, noma sidinga ukusolwa, sahlulelwa nguMhloli wezinhliziyo ngokuya ngezinhloso ezivumelanayo.

"Abaningi abanaki ukubheka esibukweni esembula ubuthakathaka besimilo; ngakhoke izici nesono zikhona, futhi zisobala kwabanye, uma zingaqondwa yilabo abasephutheni. Isono esizondwayo sobugovu sivamile ngezinga eliphakeme, ngisho nakulabo abazishoyo ukuthi bazinikele emsebenzini kaNkulunkulu. Uma bengaqhathanisa isimilo sabo nezimfuno Zakhe, kakhulukazi ngesilinganiso esikhulu, somthetho kaNkulunkulu ongcwele, bazoqinisekisa, futhi bazihlole ngokwethembeka, ukuthi bayasilela ngokwesabekayo. Kodwa abanye abathandi ukubheka ngokwanele noma ngokujulile kakhulu ukubona ukonakala kwezinhliziyo zabo. Bayasilela ngezindlela eziningi kakhulu, nokho bahlala ngokuthanda ukungazi ngesono sabo."-*Gospel Workers*, pp. 275, 276.

**b. Chaza ubuhle benkululeko yeqiniso ngamandla okudala atholakala ngokuzinikela kuKristu nasentandweni Yakhe. Jakobe 1:25; Johane 8:32.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Emsebenzini wokuhlenga akukho ukuncindezela. Akukho ukusebenza kwamandla angaphandle. Ngaphansi komfutho woMoya kaNkulunkulu, umuntu ushiywa ekhululekile ukukhetha lowo azomkhonza. Kwinguquko ethatha indawo lapho umphefumulo uzinikela kuKristu, kukhona umqondo ophakeme wenkululeko. Ukuxoshwa kwesono yisenzo somphefumulo ngokwawo. Ngeqiniso, asinawo amandla okuzikhulula ngokwethu ekulawuleni kukaSathane; kodwa uma sifisa ukukhululwa esonweni, futhi kwisidingo sethu esikhulu ukukhalela amandla futhi ngaphezu kwethu, amandla omphefumulo ahlanganiswa namandla angcwele oMoya Ongcwele, futhi ukulalela okunika intando ukuphelelisa intando kaNkulunkulu.

"Isimo kuphela umuntu angakhululeka ngaso singenzeka, futhi yileso sokuba munye noKristu. 'Iqiniso lizokukhulula; 'futhi uKristu uyiqiniso. Isono singanqoba kuphela ngokwenza buthuntu ingqondo, futhi nokuchitha inkululeko yomphefumulo. Ukuthobela uNkulunkulu ukubuyiselwa komuntu uqobo-kwinkazimulo yeqiniso kanye nesithunzi somuntu. Umthetho ongcwele, lowo esilethwa ngaphansi kwawo, 'ngumthetho wenkululeko.' Jakobe 2:12."-*The Desire of Ages,* p. 466.

## 5. INKOLO YEQINISO

**a. Yisho isici esibalulekile sobuKristu esivame ukuntuleka. Jakobe 1:26.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ngosizo lolo uKristu angalunikeza, sizokwazi ukufunda ukubamba ulwimi. Kabuhlungu njengoba Naye walingwa kumcijo wokuba namawala nangamazwi entukuthelo, akazange ona ngezindebe Zakhe. Ngokubekezela okuzothile wahlangabezana nabafenyisayo, abafundekelayo, abahleka usulu nakulabo asebenza Nabo esihlalweni sombazi, esikhundleni sokuphendula ngolaka, wayeqala ukuhlabelela ezinye zezihlabelelo zikaDavide; futhi abangani Bakhe, ngaphambi kokuba babone lokhu abakwenzayo, babehlanganyela Naye engomeni. Inguquko emangalisayo izosebenza kulomhlaba uma abesilisa nabesifazane namuhla bengalandela isibonelo sikaKristu ekusebenziseni amazwi."-*The SDA Bible Comments* [E.G.White Comments], vol. 7, p. 936.

**b. Inkolo yeqiniso isebenza kanjani ngokuthula, ngokuzidela ingabonwa-na? Jakobe 1:27.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ukuba ngosebenzayo, ukuqhubeka ngokubekezela ekwenzeni okuhle okubiza ukusebenza ngokuzidela, ngumsebenzi omuhle kakhulu, lowo iZulu elimomotheka ngawo. Ukusebenza ngokuthembeka kwamukeleka kakhulu kuNkulunkulu kunalowo oshisekelayo ocabanga ukuthi ukhonza ngokungcwele. Kungokusebenza ndawonye noKristu okungukukhonza kweqiniso. Imikhuleko, izintshumayelo, kanye nokukhuluma kuyizithelo ezishibhile, kaningi kubambelelwa kuzo; kodwa izithelo ezibonakala ngemisebenzi emihle, yokunakekela abaswelayo, izintandane, abafelokazi, yizona zithelo zangempela, futhi zikhula ngokusobala phezu kwesihlahla esihle."-*Testimonies for the Church*, vol. 2, p. 24.

***NgoLwesihlanu*** ***Mfumfu 25***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kungani singathembela ngezimpilo zethu kuNkulunkulu ongapheliyo waseZulwini-na?**
2. **Uyini umsebenzi wabo bonke abaye bazithola behluleka ukuzibamba-na?**
3. **Kungani kubalulekile kimina ukuzifundela izwi likaNkulunkulu-na?**
4. **Chaza ukuthi iyini inkululeko yeqiniso.**
5. **Ngingakhulisa kanjani ngezinga elikhulu inkolo yeqiniso esuka enhliziyweni-na?**

# *Umnikelo weSabatha Lokuqala Ngowegatsha Lezemfundo yeGC*

"Kukhona isisho esidumile esithi, "Iconsi likayinki lingase lenze izigidi zicabange.' Izincwadi ezishicilelwe zivame ukuthwala isisindo esikhulu kunamazwi akhulunywayo ngenxa yokuthi ahlala ekhona. Ngezincwadi ezishicilelwe, singathatha isikhathi sethu nangenkambiso yethu, futhi sibuyele emuva sicabange ngokujulile izinto esifuna ukuzazi. Kuyasiza uma sizama ukwamukela izihloko zesimoya ezijulile.

"Lokhu okwenzekayo kuyiqiniso ngenxa yomlando: "Usiba luka Luther belingamandla, izincwadi zakhe, ezisakaziwe, zashukumisa umhlaba. Izithunywa ezifanayo zingumyalezo kithi, ngezinhlobo eziphindwe ngamakhulu. AmaBhayibheli, ashicilelwa ngezilimi eziningi, eletha ngaphambili iqiniso lanamuhla, lisezandleni zethu, futhi lingahanjiswa ngokushesha emhlabeni wonke."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 403.

"Ngezinga elikhulu nangenxa yezidlu zethu zokushicilela kufanele siphelelise umsebenzi walengelosi enye eyehla ezulwini inamandla amakhulu nomhlaba wakhanyiswa ngokukhazimula kwayo."-Ibid., vol. 7, p. 140.

"Ngonyaka ka1849, uJames White washicilela incwajana encane igama layo *The Present Truth.* "Amapheshana amaningi ayizinqwaba aqokelelwe abekwa phansi. Kwasekuthi abazalwane nodade basondela eduze kwawo ngezinyembezi ezigcwele amehlo benxusa uNkulunkulu ukuba abusise lamapheshana njengoba ezohanjiswa. Amapheshana asongwa, agoqwe futhi afakwe amakheli, besekuthi uJames White awathathe ahamba amamayela ayisishiyagalombili ukuya eposini laseMiddletown."-*Early Writings*, (xxv).

"Lesenzo besivuma isigijimi esithi: "Kufanele nishicilele ipheshana elincane nilithumele ebantwini. Kufanele okokuqala libe lincane; kodwa njengoba abantu belifunda, bazothumela kuwe imali ozoshicilela ngayo, futhi kuzoba impumelelo yokuqala."-Ibid., (xxiv).

"Kwenzakalani uma inani lokuhanjiswa kwazo liphezulu kanye nemithetho yemingcele enamafomu agcwaliswayo abiza kakhulu ukwabelwa kwazo-na? Amanani ezincwadi zethu awahlanganisi lamanani amasha. Ngakho-ke kufanele seyame kwizipho zomusa wamakholwa ukugcwalisa isiprofetho esakhulunywa ngumshicileli wokuqala: "Njengoba abantu befunda, bazothumela kini imali."

"Siyakhuleka ukuthi Umnikelo WeSabatha Lokuqala oya kwigatsha lezemfundo yeGC uzothinta inhliziyo yakho ukunikela kakhulu ngenxa yemiphefumulo esemhlabeni wonke ethanda ukufunda ngeqiniso lanamuhla. Siyabonga!

*Abazalwane benu kwigatsha lemfundo yeGeneral Conference*

**Isifundo 5** **ISabatha, Lwezi 2, 2024**

# Ukunqoba Ubandlululo

**IVESI LEKHANDA: "Ngokuba akukho ukukhetha umuntu kuNkulunkulu"(Roma 2:11).**

"UNkulunkulu akanakho ukuhlukanisa ngezikhundla. Kuye asikho isigaba. Emehlweni Akhe, abantu ngabantu, balungile noma babi. Ngosuku lokugcina sekubalwa, isikhundla, ubukhulu, noma ingcebo ngeke kwaguqula umphefumula ngecala noma elikabani. Ngokubona kukaNkulunkulu, abantu bazokwahlulelwa ngalokho abayikho ngokucweba, ngesithunzi, ngokuthanda uKristu."-*Counsels on Stewardship,* p. 162.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 3, pp. 304-309, 320-329.

***NgeSonto*** ***Mfumfu 27***

## 1. INKINGA YESIMO SENGQONDO

**a. Chaza umkhuba welizwe esingaba necala ngawo, hleze ngaphandle kokuwuqonda. Jakobe 2:1-4.**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

"Abampofu kufanele baphathwe ngentakazelelo enkulu kanye nangokunakekela njengalokho kwenziwa kwabacebile. Isenzo sokuhlonipha abacebile sokweyisa nokunganaki abampofu kuyisono phambi kukaNkulunkulu. Labo abazungezwe yikho konke ukuzithokozisa kwempilo, noma abatotoswayo nabanconywa ngumhlaba ngoba becebile, abasiboni isidingo sozwelo nokukhathalela ngesihawu kanjalo abantu abaphila isikhathi eside bebhekene nobumpofu."-*Testimonies for the Church*, vol. 4, p. 551.

"Nakuba uKristu ecebile ezigodlweni zezulu, nokho waba mpofu ngenxa yenu ukuze ngobumpofu Bakhe nicebe-nina. UJesu wahlonipha abampofu ngokuhlanganyela kwisimo sabo sokuthobeka. Emlandweni wokuphila Kwakhe kumele sifunde ukuthi sibaphatha kanjani abampofu."-Ibid., p. 550.

**b. Kuyini esingakuqonda ngalabo abampofu ngokwemfuyo yalomhlaba kodwa banothile ekukholweni-na? Jakobe 2:5.**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

## 2. UKUQAPHELISA NOKULINGANISA

**a. Chaza ukusondela okulinganayo lokhu uJesu asifundisa khona maqondana nokusiza abampofu-na? Marako 14:3-9.**

"Abanye bathwala umsebenzi wokusiza ngokwedlulele futhi balimaza abasweleyo ngokubenzela okuningi kakhulu. Abampofu mabazikhandle ngokufanele ngezikhathi zonke. Noma kungafanele ukuba banganakwa futhi bashiywe behlupheka, kufanele bafundiswe ukuzisiza.

"Indlela kaNkulunkulu akufanele ibukelwe phansi yokuthi bampofu kufanele bathole ukunaka kwethu kuqala. UKristu uke wanikeza abafundi Bakhe isifundo esibalulekile kulomcijo. Lapho uMariya ethela amafutha ekhanda likaJesu, umhawu kaJudasi waletha isicelo ngenxa yabampofu, ekhononda ngalokhu akubheka njengokuchithwa kwemali. Kepha uJesu waphendula wathi, 'Myekeni, nimhluphelani-na? Usebenzile umsebenzi omuhle kimi.' Noma kukuphi lelivangeli lishunyayelwa emhlabeni wonke, nalokhu akwenzile kuzokhulunywa ngakho njengesikhumbuzo sakhe.' Ngalokhu sifundiswa ukuthi uKristu kufanele ahlonishwe ekungcwelisweni ngokuhle kakhulu ngempahla yethu. Singenza ukunaka kwethu kuqondiswe ekukhululeni izidingo zabampofu, indlela kaNkulunkulu izogwenywa. Futhi akekho ozohlupheka uma izinceku Zakhe zenza umsebenzi wazo, kodwa umsebenzi kaKristu kufanele uhambe phambili."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, pp. 550, 551.

**b. KuIsrayeli wasendulo, simo sini esasidingeka kulabo abaphethe ubulungisa-na? Levi 19:15; Duteronomi 1:17; 10:17.**

___________________________________________________________________________

**c. Namuhla, kungayiphi indlela bonke ububanzi bobuholi banoma yiliphi ibandla bungasebenzisa lesimiso esifanayo-na? 1 Peter 1:17; Kolose 3:25.**

"Labo abahlanganisa ukunaka nentakazelelo yabo koyedwa noma ababili, futhi babakhethe ukuze bangasizi abanye, akufanele bagcine isikhundla sabo emsebenzini nosuku olulodwa. Lokukhetha okungengcwele kulabo abakhethekile abajabulela isifiso sokunganaki labo abanonembeza nabesaba uNkulunkulu, futhi phambi Kwakhe bayigugu kakhulu, akumthokozisi uNkulunkulu. Lokhu uNkulunkulu akwazisayo nathi kumele sikwazise. Ukuhloba ngobumnene nomoya othulile iNkosi ikubheka njengokubalulekile kakhulu kunobuhle bangaphandle, ukuhloba kwangaphandle, ubucebi, noma udumo lwezwe."-Ibid*.,* vol. 3, p. 24.

## 3. UKWAKHIWA KWEMIKHUBA ENGCONO

**a. Kukhuza kuni uJakobe akunikezayo maqondana nobandlululo lwempahla ngamakholwa azishoyo-futhi kungani kuyindaba enkulu-na? Jakobe 2:6, 7.**

______________________________________________________________________________

"UNkulunkulu ukuvumile wena phambi kwabantu nezingelosi njengomntwana Wakhe; khuleka ukuba ungahlambalazi 'igama elihle enibizwa ngalo.' Jakobe 2:7. UNkulunkulu unithumela emhlabeni njengabameli Bakhe. Isenzo ngasinye sokuphila kufanele sembule igama likaNkulunkulu. Lesicelo siyakubiza ukuba nesimilo Sakhe. Awusoze wangcwelisa igama Lakhe, angeke umfanekise emhlabeni, ngaphandle kokuthi ekuphileni nangesimilo ufanekisa kona kulokuphila nesimilo sikaNkulunkulu. Lokhu ungakwenza kuphela ngokwamukela umusa nokulunga kukaKristu."-*Thoughts from the Mount of Blessings*, p. 107.

**b. Singaba ngabanqobi ngokufanele kanjani sifanekisa uKristu-na? Roma 2:11; Izaga 23:7.**

______________________________________________________________________________

"Funda ngokunakekela isimilo somuntu-esingcwele, futhi ubuze ngezikhathi zonke, 'Kuyini uJesu ebezokwenza uma ebesesikhundleni sami-na?' Lokhu kufanele kube yisilinganiso sokusebenza kwethu. Ungazibeki ngokungenasidingo endaweni emphakathini walabo ngobuqili babo bazokwenza buthakathaka inhloso yokwenza okuhle, noma balethe isici kunembeza wakho. Ungenzi lutho phakathi kwezihambi, emgwaqeni, ezimotweni, ekhaya, lokho okungaba nokubukeka okuncane kobubi. Yenza nsuku zonke ukuba uthuthuke, uhlobise, futhi ukhulise ukuphila lokhu uKristu akuthenga ngegazi Lakhe.

"Ngezikhathi zonke sebenza ngezimiso, ungenzi ngokuthathwa yinhliziyo. Thambisa amawala emvelo ngokuthobeka nangobumnene. Ungazitiki ngobulula nangobuyize. Makungabikho amazwi okulilisela abhinqayo aphuma ezindebenzi zakho. Ngisho nemicabango akufanele ivunyelwe ukudala uthuthuva. Kufanele avinjelwe, alethwe ebugqilini bokulalela uKristu. Mawabekwe phezu kwezinto ezingcwele. Bese kuthi, ngomusa kaKristu, ahlanzeke futhi aqiniseke.

"Sidinga njalo umqondo wamandla okukhulisa imicabango ehlanzekile. Isiphephelo kuphela sanoma yimuphi umphefumulo ukucabanga okulungile….

"Khulisa umkhuba wokukhuluma okuhle ngabanye. Gxila phezu kwezimpawu zalabo osondelene nabo, ubone kancane uma kwenzeka amaphutha nokwehluleka kwabo."-*The Ministry of Healing*, pp. 491, 492.

**4. UKUBA NOKUZIPHATHA NGOKWASEBUKHOSINI**

**a. IMibhalo igcizelela kanjani okubalulekile ngempela kukholo lobuKrestu bethu-futhi kungani-na? Jakobe 2:8.**

________________________________________________________________________________

"Othishela abaningi bezenkolo baqinisa ukuthi uKristu ngokufa Kwakhe wawuqeda umthetho, futhi abantu kusukela ngalesosikhathi babekhululekile kwizimfuno zawo. Abanye bawufanekisa njengejoka elinzima, futhi ngokuphambene nobugqila bomthetho banikeza inkululeko eyathokozelwa ngaphansi kwevangeli.

"Kodwa abenzanga kanjalo abaprofethi nabapostoli maqondana nomthetho ongcwele kaNkulunkulu. Kusho uDavide: 'Ngiyakuhamba endaweni ebanzi, ngokuba iziyalezo zakho ngiyazifuna.' Amahubo 119:45. Umpostoli uJakobe, owabhala emva kokufa kukaKristu, ubhekisa eMthethweni 'njengomthetho wobukhosi' futhi 'umthetho ophelele wenkululeko.' Jakobe 2:8; 1:25. Futhi umambuleli, emva kwenxenye yekhulu leminyaka emva kokubethelwa, umemezela isibusiso phezu kwalabo 'abagcina imiyalo Yakhe, ukuba bathole ilungelo labo emthini wokuphila, bangene emzini ngamasango."-*The Great Controversy*, p. 466.

"Lapho umuntu ezinikela kuKristu, ingqondo ilethwa ngaphansi kokulawulwa ngumthetho; kodwa umthetho wobukhosi, omemezela inkululeko kubo bonke abathunjiwe. Ngokuba munye noKristu, umuntu uyakhululwa. Ukuzithoba entandweni kaKristu kusho ukubuyiselwa ebudodeni obuphelele.

"Ukulalela uNkulunkulu kuyinkululeko yokusuka ebugqilini besono, nokukhululwa kwinkanuko nobuthakathaka bomuntu. Umuntu angazinqoba ngokwakhe, anganqoba izinkanuko zakhe, anganqoba iziphathi-mandla, 'nababusi bezwe balobumnyama,' nabawomoya bobubi emkhathini.' Efesu 6:12."-*The Ministry of Healing*, p. 131.

**b. Ukuba nobandlululo, olukhethayo, futhi olungathandeki olulimaza futhi lonakalise ubufakazi bethu ngoKristu-na? Jakobe 2:9.**

________________________________________________________________________________

"Singazisho ukuthi singabalandeli bakaKristu, singazisho ukuthi sikholelwa eqinisweni lonke elisezwini likaNkulunkulu; kodwa lokhu angeke kwenzela omakhelwane bethu okuhle ngaphandle kokuthi ukukholwa kusebenza ekuphileni kwethu nsuku zonke. Ukuzisho kwethu kungaphakama njengezulu, kodwa angeke kwasindisa thina noma abahlobo bethu ngaphandle kokuthi sibe-ngamaKristu. Isibonelo esifanele sizokwenza kakhulu ukusiza umhlaba kunokuzisho kwethu."-*Christ's Object Lessons*, p. 383.

**5. UKUFUNDISA NGOKUHLAKANIPHA OKUNOZWELO**

**a. Kuyini okufanele sikugcine engqondweni ngokuphakamisa ukulunga komthetho kaNkulunkulu kithi-ngokufanayo uma sabelana neqiniso kwisizukulwane esilandelayo-na? Umshumayeli 11:9; 12:13, 14; Jakobe 2:10-13.**

"Abasha banothando lokuzalwa lwenkululeko; bafisa inkululeko; futhi badinga ukuqondiswa ukuthi lezibusiso ezingenakulinganiswa kufanele zithokozelwe kuphela ngokulalela umthetho kaNkulunkulu. Lomthetho ungumlondolozi wenkululeko yangempela kanye namalungelo. Ukhomba futhi uvimbele lezozinto ezonakalisa futhi zigqilaze, futhi kanjalo ukulalela kunika ukuvikeleka emandleni omubi.

"Umhlabeleli uthi: 'Ngiyakuhamba endaweni ebanzi: ngokuba iziyalezo Zakho ngiyazifuna.' Ubufakazi Bakho buyintokozo yami, bungumluleki wami.

"Emizamweni yethu yokulungisa ububi, kufanele sivikele umkhuba wokufuna amaphutha noma ukusola. Ukusola okuqhubekayo kuyakhohlisa, kodwa akuguquki. Ezingqondweni zabaningi, futhi ngokuvamile labo abathinteka kakhulu, isimo sokugxeka okungenalo uzwelo sibulala umzamo. Izimbali azizivezi ngaphansi komphefumulo womoya obhubhisayo.

"Isihloko sangempela sokusolwa sitholakala kuphela lapho umenzi wokubi ukuba abone iphutha lakhe futhi intando yakhe ibhaliselwa ukulungiswa kwawo. Uma lokhu sekufeziwe, mqondise emthonjeni wentethelelo namandla. Funa ukugcina ukuzihlonipha kwakhe umkhuthaze ngesibindi nethemba….

"Lomsebenzi muhle kunayo yonke, futhi unzima kunayo yonke, kubantu abake bazinikela. Udinga ubuhlakani obubucayi kakhulu, uzwelo oluhle ngempela, ulwazi lwemvelo yomuntu, nokholo oluvela ezulwini nokubekezela, ukuzimisela ukusebenza nokubheka nokulinda. Kungumsebenzi okungekho lutho olubaluleke okwedlula lokho."-*Education,* pp. 291, 292.

*NgoLwesihlanu* **_Lwezi 1_**

**IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**

1. **Noma ngingase ngingabi nakho okuningi, kuyini okufanele ngiqaphele ngabanye abanokuncane kakhulu-na?**
2. **Kulula kanjani ukuba nobandlululo noma ukuchema okungalungile kwabanye abantu?**
3. **Isibonelo sendlela esicabanga ngayo sithinta kanjani indlela esiphatha ngayo abantu-na?**
4. **Kungani umthetho kaNkulunkulu ubizwa ngokuthi umthetho wenkululeko-na?**
5. **Chaza isimo sokufundisa abantu abanemibono engalungile-na?**

**Isifundo 6** **ISabatha, Lwezi 9, 2024**

# Ukukholwa Ngezenzo

**IVESI LEKHANDA: "Kodwa uyathanda ukuqonda ukuthi ukukholwa ngaphandle kwemisebenzi kuyize-na?" (Jakobe 2:20).**

"Lapho imisebenzi emihle ingeke isindise ngisho nomphefumulo owodwa, nokho akunakwenzeka ukuba ngisho nomphefumulo owodwa usindiswe ngaphandle kwemisebenzi emihle."-*Faith and Works,* p. 111.

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Early Writings,* pp. 226-228, 269-273.

***NgeSonto*** ***Lwezi 3***

## 1. UKUKHOLWA KANYE NESIBONELO

**a. Kungani kubaluleke ngempela ukuphila ngokuvumelana ngokugcwele ukholo esizisho ngalo-na? 1 Korinte 4:9; 1 Johane 5:3; Jakobe 2:14.**

____________________________________________________________________________

"Makungabikho ozikhohlisayo ngenkolelo yokuthi angabangcwele kuyilapho ephula ngamabomu enye yezimfuno zikaNkulunkulu. Ukwenziwa kwesono esaziwayo kuthulisa izwi lofakazi loMoya futhi kuhlukanisa umphefumulo kuNkulunkulu."-*The Great Controversy*, p. 472.

"Ubufakazi bomuntu oyedwa kumemezela emhlabeni ukuthi uthembekile yini enkolweni ayifakazelayo noma akunjalo. Ukuziphatha kwakho kunciphisa umthetho kaNkulunkulu ekulinganiseni kwabangane bakho emhlabeni. Kungathi kubo: 'Hleze uyayilalela noma awulaleli umthetho. Ngiyakholwa ukuthi umthetho kaNkulunkulu, esimeni sawo, uyisibopho phezu kwabantu; kodwa, kunakho konke, iNkosi ayikhethekile ukuqaphela ngokuqinile izimiso zawo, futhi ukuwephula njalo akuhanjelwa ngokuvamile ngamandla ohlangothini Lwakhe.'

"Abaningi bayazithethelela ngokwephula iSabatha ngokwenza isibonelo ngawe. Bayaphikisana bethi uma lomuntu omuhle kangaka, okholelwa ukuthi usuku lwesikhombisa luyiSabatha, angahlanganyela emisebenzini yelizwe ngalolusuku uma izimeko zikudinga, ngempela bangenza okufanayo ngaphandle kokulahlwa. Imiphefumulo eminingi izobhekana nawe ekwahlulelweni, yenze umfutho wakho ukuzithethelela ngokungalaleli umthetho kaNkulunkulu. Noma lokho kungeke kwaba ukuxolisa ngenxa yezono zabo, nokho bazokhuluma ngokwesaba bemelene nawe."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 250.

**2. IZULU NOMHLABA ZIYABONA**

**a. Sibonelo sini uJakobe asinikeza njengomfanekiso wokuzenzisa kwenkulumo eyize ngaphandle kwesenzo-na? Jakobe 2:15-17.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Intshumayelo enamandla amakhulu engashunyayelwa phezu komthetho weMiyalo Elishumi *ukuba niyenze.* Ukulalela kufanele kube ngumsebenzi womuntu ngamunye. Ukunganaki lomsebenzi kuyisono esibi kakhulu. UNkulunkulu usibeka ngaphansi kwezibopho kungezona zokuthi sizigcinele kuphela izulu ngokwethu, kodwa ukuba nomuzwa wokuthi ngumsebenzi oyisibopho ukubonisa abanye indlela, futhi ngokunaka kwethu nangothando olungakhathali, lubaholele kuKristu labo abeza phakathi komkhathi womfutho wethu. Ukungabikho kwesimiso esisodwa esakha ukuphila kwamaKrestu amaningi azishoyo kuyesabeka. Ukunganaki umthetho kaNkulunkulu kudangalisa labo abaqaphela ubungcwele bezimiso futhi bavame ukuphendukela kulabo abasuka eqinisweni uma kungenjalo bawamukele."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 58. [Ukugcizelela koMbhali.]

**b. Kusho ukuthini ukukholwa kuKristu ngempela-na? Jakobe 2:18; Mathewu 6:24.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UNkulunkulu ukhulumile, futhi uchaza ukuthi umuntu uzakulalela. Akabuzi ukuthi kulungile kuye ukwenza kanjalo. INkosi yokuphila nenkazimulo ayibuzanga ngokufaneleka Kwayo noma ijabule lapho ishiya isikhundla sokuhlonipheka Kwayo okuphakeme ukuba ngumuntu wosizi futhi ijwayelane nezinhlupheko, yamukele ihlazo nokufa ukuze ikhulule umuntu kumphumela wokungalaleli kwakhe. UJesu wafa, kungesikho ukusindisa umuntu *esezonweni* zakhe, kodwa ukusuka ezonweni zakhe. Umuntu kufanele ashiye indlela yesiphambeko sakhe, alandele isibonelo sikaKristu, athabathe isiphambano sakhe aMlandele, ngokudela umina, alalele uNkulunkulu nganoma iyiphi indlela…

"Uma siyizinceku ngempela zikaNkulunkulu, akufanele kubekhona umbuzo ezingqondweni zethu wokuthi sizolalela umthetho Wakhe noma sibuze izintakazelelo zethu zesikhashana. Uma abakholwa yiqiniso bengaqiniswa ukholo lwabo kulezinsuku zokulinganisa okuthulile, kuyini okuzobasekela lapho isilingo esikhulu sifika sesimemezelo esiphuma maqondana nalabo abangeke bakhonza isilo nomfanekiso waso noma bamukele uphawu lwaso emabunzini abo noma ezandleni zabo-na? Lesikhathi esinesizotha siseduze kakhulu. Esikhundleni sokuba buthakathaka nokuba manqikanqika, abantu bakaNkulunkulu kufanele bahlanganise amandla nesibindi esikhathi sohlupho."-Ibid., pp. 250, 251. [Ukugcizelela koMbhali.]

**3. UKUFUNDA KU-ABRAHAMA**

**a. Siyingozi kanjani isimo sesimoya esixwayiswa ngaso ngesizotha-na? Jakobe 2:19.**

"Abaningi bayavuma ukuthi uJesu Kristu unguMsindisi welizwe, kodwa ngaleso sikhathi bazehlukanisa Naye, bayahluleka ukuphenduka ezonweni zabo, bayahluleka ukwamukela uJesu njengoMsindisi wabo. Ukholo lwabo luvuma kalula ngomqondo nokwahlulela eqinisweni; kodwa iqiniso alilethwa enhliziyweni, ukuze lingcwelise umphefumulo futhi liguqule isimilo."-*Selected Messages,* bk. 1, pp. 389, 390.

"Ungakholelwa eqinisweni lonke; kodwa uma izimiso zingasebenzi ekuphileni kwakho, ukuzisho kwakho akusoze kwakusindisa. USathane uyakholwa futhi athuthumele. Uyasebenza. Uyazi ukuthi isikhathi sakhe sifushane, futhi wehlele phansi ngamandla amakhulu ukwenza umsebenzi wakhe wobubi ngokuya ngokholo lwakhe. Kodwa abantu bakaNkulunkulu abazishoyo abasekeli ukholo lwabo ngemisebenzi yabo. Bayakholwa ukuthi isikhathi sifushane, kodwa babamba ngokulangazela izinto zalelizwe kungathi umhlaba uzoma iminyaka eyinkulungwane njengoba unjalo manje."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 161.

**b. Singakhuthazeka kanjani ngesibonelo sikaAbrahama-na? Roma 4:1-3; Jakobe 2:20-22.**

"UAbraham wakholwa nguNkulunkulu. Sazi kanjani ukuthi wakholwa-na? Imisebenzi yakhe yafakazela isimilo sokukholwa kwakhe, nokukholwa kwakhe kwabalelwa kuye ukuthi ulungile.

"Sidinga ukholo lukaAbrahama osukwini lwethu, ukukhanyisa ubumnyama obusizungezile, sivalela ngaphandle ukukhanya okupholile kothando lukaNkulunkulu, futhi bumbashise ukukhula kwesimoya….Wonke umsebenzi owenziwayo, konke ukuzidela okwenziwa egameni likaJesu, kuletha umvuzo omkhulu kakhulu. Ngesenzo somsebenzi, uNkulunkulu uyakhuluma futhi anikeze izibusiso Zakhe."- *The SDA Comments* [E.G.White Comments], vol. 7, p. 936.

"Abantu balungisiswa ngokukholwa, kodwa bahlulelwa futhi bavuzwa ngokuya ngemisebenzi yabo."-*The Signs of the Times,* Lwezi 20, 1884.

"Ukulunga kukaKristu kwakhiwa ngezenzo ezilungile nangemisebenzi emihle evela ngezinhloso ezihlanzekile, ezinomhawu."-*Testimonies for the Church,* vol. 3, p. 528.

"Ukugcina imithetho kaNkulunkulu kudinga kithi imisebenzi emihle, ukuzincisha, ukuzidela, ngokukhonza ngobuhle babanye, kungasho ukuthi imisebenzi yethu emihle yiyona kuphela engasisindisa, kodwa ukuthi ngempela angeke sasindiswa ngaphandle kwemisebenzi emihle. Uma sesenze konke esinakho ukukwenza, kufanele sithi: Nxa nikwenzile konke enikuyaliweyo, anothi, asizinceku zalutho, sikwenzile ebesifanele ukukwenza, ongafanelwe umusa omncane kaNkulunkulu. UKristu kufanele abe ukulunga kwethu nomqhele wokujabula kwethu."-Ibid., p. 526.

**4. AMAZWI AKHUTHAZELAYO**

**a. Chaza ukuthi iyiphi indlela isibonelo sokuphila kukaAbrahama kufanele sibonakale ekuphileni kwethu njengabakholwa kuKristu. Genesis 26:5; Jakobe 2:23, 24.**

"Imisebenzi emihle iyizithelo zokukholwa. Njengoba uNkulunkulu esebenza enhliziyweni, nomuntu enikele intando yakhe kuNkulunkulu, futhi ukusizana noNkulunkulu, esebenza ekuphileni lokho uNkulunkulu akwenzayo ngoMoya Ongcwele, futhi kukhona ukuvumelana phakathi kwenhloso yenhliziyo nezenzo zokuphila. Isono ngasinye kufanele silahlwe njengento enyanyekayo eyabethela iNkosi yokuphila nenkazimulo, nokholwayo kufanele abe namava akhulayo aqhubeke ukwenza imisebenzi kaKristu. Kungenxa yokuzinikela okuqhubekayo kwentando, nokulalela okuqhubekayo, ukuthi isibusiso sokulungisiswa sigcinwe.

"Labo abalungisiwa ngokukholwa kufanele babe nenhliziyo yokugcina indlela yeNkosi. Kungubufakazi bokuthi umuntu akalungisiswa ngokukholwa lapho imisebenzi yakhe ingavumelani nokuzisho kwakhe. UJakobe uthi, 'Uyabona ukuthi ukukholwa kwasebenza kanye nemisebenzi yakhe, nokuthi ukukholwa kwapheleliswa ngemisebenzi?' (Jakobe 2:22).

"Ukukholwa okungavezi imisebenzi emihle akulungisi umphefumulo."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 397.

**b. Kungani bonke abanikeza ubufakazi kubahedeni namuhla bangakhuthazwa ukuthi iyiphi indlela uRahabi, isifebe, ebalwa njengalowo uNkulunkulu ambalela ukuthi ulungile-na? Jakobe 2:25; Heberu 11:31.**

"IJeriko eyonakele ubufakazi bowesifazane ongumhedeni babuthi, 'UJehova uNkulunkulu wenu, unguNkulunkulu ezulwini phezulu nasemhlabeni phansi.' Joshuwa 2:11. Ulwazi ngoJehova olufinyelele kuye, lufakazela insindiso yakhe….Futhi ukuguquka kwakhe bekungesona isehlakalo esivamile somusa kaNkulunkulu maqondana nabakhonza izithixo abavuma ubungcwele negunya Lakhe."-*Prophets and Kings*, p. 369.

"Bonke labo, abanjengo Rahabi uMkhanani, noRuthe uMmowabi, bashiya izithombe bakhonza uNkulunkulu weqiniso, kwakufanele bazihlanganise nabantu Bakhe abakhethiwe."-*Christ's Object Lessons*, p. 290.

"Umsebenzi omkhulu kufanele wenziwe emadolobheni ethu, ngoba amasimu wonke alindele isivuno. Ukunaka kwethu kuzobizelwa yonke indawo, ngoba imiphefumulo ephendukile kuwo womabili amazwe obuKristu kanye nawobuhedeni bazophakamisa amazwi ukuze bathole usizo. Akufanele kubekhona inhlayiya encane yokuziphakamisa; ukuphepha kuphela ukwethembela kuNkulunkulu."-*The General Conference Bulletin*, Mbasa 1, 1895.

*Ngolwesine* **Lwezi 7**

**5. IZIHLUTHULELO EZILETHA UKUNQOBA**

**a. Chaza ukuthi iyiphi indlela esingathola ngayo ukunqoba kuKristu. Jakobe 2:26; 2 Peter 1:3, 4.**

"Kubalulekile ukuba nokukholwa kukaJesu, nokukholwa ukuthi usindisiwe ngenxa Yakhe; kodwa kukhona ingozi yokuthatha indawo leyo abaningi abayithathayo yokuthi, 'Ngisindisiwe: 'Kufanele ube nemisebenzi emihle, uzophila'; kodwa ngaphandle kukaKristu akekho ongenza imisebenzi emihle. Abaningi namuhla bathi, 'Kholwa, kholwa kuphela, uphile.' Ukukholwa nemisebenzi kuhamba ndawonye, ukukholwa nokwenza kuxubene. INkosi ifuna manje umphefumulo ophelele, ngokufanayo nalokhu ayekufuna kuAdamu eParadesi ngaphambi kokuwa-ukulalela okuphelele, ukulunga okungasoleki. Izimfuno zikaNkulunkulu ngaphansi kwesivumelwano somusa zibanzi njengenzimfuno azenza eParadesi-ukuvumelana nomthetho Wakhe, ongcwele, futhi ulungile, futhi muhle....Makungabikho owamukela inkohliso ngenjabulo enhliziyweni yemvelo, ukuthi uNkulunkulu uzokwamukela ubuqotho, kungakhathaliseki ukuthi ukholo lunjani, noma ukuphila kungaba ngokungalungile. UNkulunkulu udinga emntwaneni Wakhe ukulalela okuphelele.

"Ukuze uhlangabezane nezimfuno zomthetho, ukholo lwethu kufanele lubambe ukulunga kukaKristu, sikwamukele njengokulunga kwethu. Ngokuba munye noKristu, ngokwamukela ukulunga Kwakhe ngokukholwa, singafaneleka ukwenza imisebenzi kaNkulunkulu, ukusebenza ndawonye noKristu. Uma uthanda ukuhambisana nomsinga wobubi, ungasizani nezithunywa zasezulwini ukuvimbela ukona emndenini wakho, ebandleni, ukuze ukulunga okungapheli kungalethwa kuwe, awunalo ukholo. Ukukholwa kusebenza ngothando futhi kuhlanze umphefumulo. Ngokukholwa uMoya Ongcwele osebenza enhliziyweni ukwakha ubungcwele ngaphakathi; kodwa lokho akwenzeki ngaphandle kwesithunywa somuntu esisebenza noKristu....Ukuze sibe nokulunga kukaKristu, sidinga ukuguqulwa nsuku zonke ngoMoya, ukuba ngumhlanganyeli wemvelo engcwele."-*Selected Messages,* bk. 1, pp. 373, 374.

*NgoLwesihlanu* **Lwezi 8**

**IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**

1. **Ukuzisho njengogcina umthetho kaNkulunkulu, kuyini engingakuqaphela ngomfutho wami-na?**
2. **Kuyini iZulu elikudingayo kumakholwa angamaKrestu-na?**
3. **Kungani uAbrahama evame ukubizwa njengoyise wamakholwa-na?**
4. **Phakathi kwabantu engibaziyo, ngubani ekugcineni ongaphenduka njengoRahabi-na?**
5. **Kungayiphi indlela engingaba namava obuKrestu obunqobayo-na?**

# Ukukhuleka Ngaphambi Kokuvula Umlomo Wethu

**IVESI LEKHANDA: "Ngifundise, khona ngiyakuthula mina, ningiqondise lapho ngiduke khona" (Jobe 6:24).**

"Noma ngubani ongakhubeki ngezwi, lowo uyindoda epheleleyo, enamandla okulawula umzimba wonke ngetomu.' Ukukhanya okukhanyisa endleleni yethu, iqiniso elizincoma ngokwalo kunembeza wethu, lizolahla futhi libhubhise umphefumulo, noma liwungcwelise futhi liwuguqule. Siphila eduze kakhulu ekuvalweni komusa ukuba seneliseke ngomsebenzi wangaphandle."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 308.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 50-55. 314-318; vol. 5, pp. 55-59, 175-177.

***NgeSonto*** ***Lwezi 10***

**1. UKWEHLISA UMOYA WOKUZIGQAJA KWETHU**

**a. Kuyini okufanele kukhunjulwe yilabo abahlala ngokushesha ukuzama ukubusa abanye-na? Jakobe 3:1; Marako 9:35.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UNkulunkulu ubeka wonke umuntu icala ngomfutho ozungeza umphefumulo wakhe, ngenxa yakhe nangenxa yabanye."-*Counsels to Parents, Teachers, and Stdents,* p. 102.

"Ngokwemvelo, abantu bazicabangela bona futhi banemibono yabo. Kodwa ubugovu buyanyamalala ezimpilweni zalabo abafunda izifundo uKristu afisa ukubafundisa zona. Baba ngabahlanganyeli bemvelo engcwele, noKristu uphila kubo. Babheka bonke abantu njengabazalwane, banezifiso ezifanayo, amandla, izilingo, izivivinyo, befisa uzwelo nosizo abaludingayo.

"Akufanele nanini silulaze umfowethu. Uma sibona amaphutha enziwe, kufanele senze konke okusemandleni ethu ukusiza labo abasephutheni, ngokubatshela amava ethu-ngesikhathi senze amaphutha amakhulu, ukubekezela nobudlelwane, umusa nokusiza, inxenye yabasebenzi esikanye nabo, yasinika isibindi nethemba."-*The Signs of the Times*, Nhlaba 11, 1904.

## 2. UKUHLAKULELA ISIMO SENGQONDO ESINGCONO

**a. Kusolwa kuni okubukhali okunikezwa labo abalukhuni kwabanye kuyilapho benqaba ukuvuma amaphutha abo-na? Umshumayeli 7:20; Jakobe 3:2 (isigaba sokuqala).**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

“Angeke wahlukanisa yini ubuthakathaka bakho bese uhloma ngazozonke izikhali zokulunga okungokwakho-na? Angeke uqaphele futhi usole phezu komoya wakho inhliziyo namazwi njengoba ungaphezu kwabanye, hleze uNkulunkulu adunyazwe, eqiniso Lakhe lihlanekezelwe? Ukuhlakanipha kwakho kuzothuthukiswa kakhulu uma ukwenza lokho. Iqiniso, izwi eliphilayo, lizoba njengomlilo ovalelwe phakathi kwamathambo akho, elizokhanya ngokusobala, ngokuhlukile okungenaphutha, lifanekisa uKristu emhlabeni…

“Akekho yini kulaba abazenze abaseshi ongabona ukuthambekela kwesikhundla abasithathile bezama ukuba namandla okulawula-na? Abekuphi amehlo esimoya esisobala-na? Kungani bekwazi ukubona ucezwana olusesweni lomfowabo, kuyilapho ugongolo lusemehlweni abo-na?”-*Testimonies to Ministers*, pp. 295, 296.

**b. Yini ebonisa ukuthi omunye usefinyelele kwizinga lokuphelela lokuziphatha-nokuthi lokhu kungenzeka kuphela kanjani-na? Jakobe 3:2; 1 Korinte 13:5 (isigaba sesibili).**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

“Lapho ulwimi olungalawuleki luthola indawo yokwenza umsebenzi wawo ongcolile, injabulo yeNkosi ayinakho ukuhlala lapho.

“Labo abakhonondayo, abacabanga futhi bakhulume okubi ngabazalwane babo, khumbulani ukuthi benza umsebenzi kaSathane. Ilunga ngalinye lebandla malisebenze ngokuzimisela okuqinisekile, futhi ngomkhuleko wosizo, ukwelapha ilunga eligulayo, lolwimi. Umuntu ngamunye makazizwe ukuthi ngumsebenzi wakhe nethuba ukudlulisela ukungezwani okuncane namaphutha ngaphandle kokuthasisela. Ungakhulisi amaphutha amancane enziwa ngomunye, kodwa cabanga okuhle okukuye. Lapho amaphutha ecatshwanga futhi kukhulunywa ngawo, ayakhula. Intaba iyenziwa esikhundleni sentaba yemvukuzane. Ukuzizwa okungemnandi nokuswela isibindi ngumphumela.”-*Australian Union Conference Record,* Mbasa 15, 1903.

“Yenza isivumelwano noNkulunkulu sokuthi uzolonda kahle amazwi akho. ‘Uma umuntu engakhubeki ngazwi, lowo uyindoda epheleleyo enamandla okubamba nomzimba wonke kungathi ngetomi.’ Jakobe 3:2. Khumbula ukuthi amazwi okuziphindisela awenzi umuntu azizwe ethola ukunqoba. UKristu ukhuluma ngawe. Ungalahlekelwa isibusiso esiza ngokungacabangi okubi.”-*Testimonies for the Church,* vol. 7, p. 243.

**3. KUQALA KUYO IMPANDE**

**a. Bheka indlela engafanela elandelayo lapho sifukamele intukuthelo, futhi sichaze kuphela indlela yokugwema lokhu. Heberu 12:15; Jakobe 3:3-5.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Uthe wagodla umhawu ubhekene nomyeni wakho nabanye abanecala kuwe, kodwa wehluleka ukubona lapho uphambuke khona wenza izindaba zabe zimbi kakhulu ngendlela yakho engalungile. Umoya wakho obuhlungu umelene nalabo abenze okungalungile, imizwa yakho yafumana isikhala sokudumala nokusola. Lokhu kuzokupha inkululeko yesikhashana umthwalo wenhliziyo yakho, kodwa ushiye ibala elihlalayo emphefumulweni wakho. Ulwimi luyisitho esincane, kodwa luthe lakhuliswa ukulisebenzisa ngokungafanele laze lafinyelela lapho liba ngumlilo obhubhisayo.

"Zonke lezinto zigebele ekuhloleni ukuthuthuka kwesimoya sakho. Kodwa uNkulunkulu uyabona ukuthi kunzima kanjani kuwe ukubekezela nokuthethelela, futhi uyakwazi ukuzwela nokusiza. Ufuna ukuba uguqule ukuphila kwakho, ulungise izici zakho. Ufisa ukuthi ukuqina kwakho, umoya wokungavumi kufanele uthotshiswe ngomusa Wakhe. Kufanele ufune usizo kuNkulunkulu, ngoba uyakudinga ukuthula nokuzotha esikhundleni sesiphepho nombango. Ivangeli likaKristu liqondisa phezu kwakho ukuba uhambe kancane ekuthathweni inhliziyo, futhi okwengeziwe ngesizathu esingcwelisiwe nokwahlulela okuzolile."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 139.

**b. Kuyini okufanele sikuqaphele ngamagama esiwakhulumayo-na? Jakobe 3:6.**

"Amazwi akho azomemezela, izenzo zakho zizobonisa lapho ingcebo yakho ikhona."- Ibid., vol. 1, pp. 698, 699.

"UDade F uhamba ngokuthatheka kwenhliziyo, futhi athole iphutha, futhi unokuningi kakhulu angakusho okuphambene nabazalwane nodade. Lokhu kuzobanga isiphithiphithi kunoma yiliphi ibandla."-Ibid., vol. 2, p. 51.

"Vumela labo abajabulela ukuphawula amazwi okuhleba namanga bemelene nezinceku zikaKristu bakhumbule ukuthi uNkulunkulu ungufakazi wezenzo zabo. Ukuthinta kwabo ukuhleba okukhona okungcolisa izitsha zomphefumulo kodwa izimilo zalabo uKristu abathenge ngegazi Lakhe. Isandla esaphawula izimilo ezindongeni zesigodlo sikaBelteshazari sigcina umbiko othembekile ngesenzo sonke sokungalungi noma ukucindezela okumelene nabantu bakaNkulunkulu."- Ibid., vol. 5, pp. 244, 245.

## 4. YIZE KUBONAKALA NGATHI KUYIQINISO

**a. Yiziphi izikhalo ezinamandla ezenziwayo maqondana nomkhuba oyingozi ovamile osukwini lwethu-na? Amahubo 15:1-3; 1 Korinte 13:6.**

______________________________________________________________________

"Ulwimi oluthokozela ukona, ulwimi oluxhaphazelayo luthi, Bika, ngizobikela abanye, kusho umpostoli uJakobe kufana nokokhela umlilo wesihogo. Luhlakaza izinkuni yonke indawo. Kuyini ukunaka ukuba ngumthengisi wokuhleba nokuthuka abamsulwa-na? Angeke asekela umsebenzi wakhe omubi, noma achithe ithemba nesibindi kulabo abehlela ngaphansi kwemithwalo yabo. Unaka kuphela ukuzitika ngomkhuba wokuthanda-ukuhleba. Ngisho namaKrestu azishoyo avala amehlo awo kukho konke okuhlanzekile, okuthembekile, okunesithunzi, nokuthandekayo, futhi balondoloze okungathandeki nokungemnandi, bakusakaze emhlabeni.

"Wena ngokwakho uvulele kakhulu uSathane iminyango ukuba angene. Wamupha indawo ehloniphekile yokucubungula kwakho, noma imihlangano yokuhlolisisa indaba. Awubonakalisi inhlonipho ebuhleni obuqiniswa iminyaka yokwethembeka. Umona, ulwimi lokuziphindise luthe lwapenda izenzo nokuhlobisa ukuze kufanele imicabango yakho. Benze ukuthi okumnyama kubonakale kumhlophe, nokumhlophe okumnyama. Uma bekhuzwa ngamazwi abo, abanye baphendule bathi: 'Kuyiqiniso.' Bevuma ukuthi ngempela lokhu okukhulunyiwe kuyiqiniso, ingabe lokhu kunika ilungelo indlela yakho-na? Cha, cha. Uma uNkulunkulu engamukela ukusola konke okungalethwa kumelane nawe ukuthi kunjalo, bakuhlobise bakuhluphe ukuze bakujezise, amanxeba akho abezojula kakhulu kunalokhu okuzwise Umzalwane….ngisho noma iqiniso lingabekwa kahle ukuqondisa ukucindezela kwamanga. Awunalo ilungela lokuhlanganisa wonke umbiko wokumelana naye wenze ukuba igama lakhe lonakaliswe futhi uchithe umsebenzi wakhe. Uma iNkosi ingabonakalisa kuwe umoya ofanayo othe wawubonakalisa kumzalwane wakho, kufanele ubhujiswe ngaphandle komusa. Awunawo amahloni esazela-na? Ngiyesaba awunawo. Isikhathi sokusebenza kukaSathane asikafafiki sokulahlekelwa amandla. Uma umzalwane….ubeyikho konke ofakazele ukuthi uyikho-engazi kahle ukuthi akanjalo, indlela yakho ayikho emthethweni.

"Uma silalela lapho sisolwa, maqondana nomzalwane wethu, masamukele ukusolwa…. [Amahubo 15:1-3 ngokuphindwa.]"-*Testimonies for the Church,* vol. *5,* pp. 57, 58.

**b. Phakathi kwezono eziyisikhombisa ezibalwa njengezinengekayo eNkosini, zingaki eziphathelene namazwini ethu-na? Izaga 6:16-19.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

***Ngolwesine*** **_Lwezi 14_**

**5. ISIKHALI ESILIMAZAYO**

**a. Kukanjani nokuthi kungani kufanele sigweme umkhuba ovamile kakhulu wokuhlebana? Jobe 6:24; Izaga 11:13; 26:20-22.**

"Umhlaba onjani ohlebayo obungavinjelwa uma wonke umuntu angakhumbula ukuthi labo abamtshela amaphutha abanye nabo bazohambisa ngokukhululeka amaphutha akhe ngethuba elifanelekile. Kufanele sizame ukucabanga okuhle ngabantu bonke, kakhulu abazalwane bethu, size sicindezelwe ukucabanga ngenye indlela. Masingasheshi ukukholwa imibiko emibi. Umphumela walokhu kaningi umona noma ukungezwani, noma baqhubekele phambili ukuba nehaba noma ukwembula inxenye yeqiniso. Umona nokucabangela, uma kunikwa indawo, bazovuna ngokwabo abakutshalile, njengamakhakhasi. Uma umzalwane ephambuka, manje yisikhathi sokubonisa intakazelelo yangempela kuye. Hamba uye kuye ngomusa, khuleka naye futhi umkhulekele, ukhumbule umvuzo ongapheli lowo uKristu awukhokha ngenhlengo yakhe. Ngalendlela uzosindisa umphefumulo ekufeni, usibekele izono eziningi.

"Ukubheka, inkulumo, ngisho nokuphimisela kwezwi kungase kubaluleke ngamanga, kucwile enhliziyweni yothile njengomcibisholo ohlabayo, kubangele isilonda esingelapheki. Kanjalo ukungabaza, ukusola, kungabekwa phezu komunye lowo uNkulunkulu angafeza umsebenzi omuhle, futhi umfutho wakhe wonakaliswe, nomsebenzi wakhe uchithwe. Phakathi kolunye uhlobo lwezilwane, uma elinye ilunga lawo lilimele futhi lawela phansi, ngokushesha liyasidlwengulwa libe izicubu ngabahlobo baso. Wona lomoya ofanayo uthokozelwa abesilisa nabesifazane abathwele igama likaKrestu. Babonakalisa ukushisekela ekuphonseni amatshe kulabo abanamacala amancane kunawabo. Kukhona abanye abakhomba amaphutha nokwehluleka kwabanye ukuphambukisa ukunaka okuqondene nabo, noma ukuzuza ukukholwa ngentshiseko enkulu kuNkulunkulu nebandla."-*Testimonies for the Church*, vol, 5, pp. 58, 59.

"Isikhathi esivame ukuba sibi kakhulu sichithwa ngokungenzi lutho, ngokuzithokozisa, nangenhlebo enenzondo okufanele ngabe inikezwa kwizinto eziphakeme nezihloniphekile."-Ibid., p. 176.

***NgoLwesihlanu*** **_Lwezi 15_**

**IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**

1. **Kungani kumele ngehlise umkhuba wokuba nombono ngayo yonke into-na?**
2. **Yisho isici esibalulekile ngesimilo soMkrestu esivame ukunganakwa.**
3. **Lapho sihlambalaza esikholwa nabo phambi kwabanye, uNkulunkulu ukubheka kanjani lokho-na?**
4. **Kuyini okufanele ngiyifunde kuMahubo 15-futhi kungani kubalulekile-na?**
5. **Ngingaba necala kanjani lokutshala ukungezwani phakathi kwabazalwane futhi kungani kufanele ngikuyeke-na?**

**Isifundo 8** **ISabatha, Lwezi 23, 2024**

# Ukukhetha Okufanele Sicabange Ngakho

**IVESI LEKHANDA: "Ningakhuluma kanjani okuhle nibabi-na? Ngokuba umlomo ukhuluma ngokuchichima kwenhliziyo." (Mathewu 12:34, isigaba sesibili).**

"Khuleka ngaphambi kokuba ukhulume, izingelosi zasezulwini zizokusiza futhi zibuyisele emuva izingelosi ezimbi, ezizokuholela ukuba udumaze uNkulunkulu, usole ukwenza Kwakhe, futhi zenze buthakathaka umphefumulo wakho."-*Testimonies for the Church,* vol*,* 2*,* p. 82.

**Incwadi Enikeziwe:** *Thoughts from the Mount of Blessings,* pp. 125-129.

***NgeSonto*** ***Lwezi 17***

**1. IKHAMBI LOKUPHOLISA USHEVU**

**a. Lapho sihlatshwa imikhuba yokukhuluma kwabantu abanomqondo omubi, uyini umyalezo kaNkulunkulu kithi, ngisho naphakathi kwakho konke-na? Jakobe 3:7, 8; Heberu 10:38.**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

"[Umzalwane u-J] izingelosi zezulu ziyamzwela, ngoba uzungezwe ngubumnyama. Izindlebe zakhe zilalela amazwi okungakholwa nobumnyama cishe ngezikhathi zonke. Unokungabaza futhi unemibuzo njalo ebhekiswe kuye. Ulwimi lingumhlaba wobubi. 'Kepha akakho kubantu onamandla okulithambisa; lungububi obuyaluzayo, lugcwele isihlungu esibulalayo.' Uma uMzalwane uJ enganamathela ngokuqinile kuNkulunkulu ezwa ukuthi angagcina ubuqotho bakhe phambi kukaNkulunkulu ngisho nangenani lokuphila kwakhe kwemvelo, uzothola amandla avela ngaphezulu. Uma evumela ukukholwa kwakhe kuthintwe ngubumnyama nokungakholwa okumzungezile-ukungabaza nemibuzo nokukhuluma kakhulu-masinyane kuzoba ngubumnyama nokungabaza nokungakholwa, angeke abe nokukhanya noma aqine eqinisweni.

"Akufanele acabange ukuthi ngokufuna ukuthambekela kubangane bakhe, labo ababi maqondana nokholo lwethu, uzokwenza kubelula kuye. Uma ema enenhloso eyodwa yokulalela uNkulunkulu noma kubizani uzothola usizo namandla. UNkulunkulu uyamthanda futhi uyamzwela uMzalwane u-J. Wazi konke ukudideka, konke ukudumala, wonke amazwi ababayo. Ujwayelene nakho konke. Uma engabekela eceleni ukungakholwa futhi eme kuNkulunkulu angashukunyiswa, ukholo lwakhe luzoqiniswa ngemisebenzi."-*Testimonies for the Church,* vol*,* 4*,* pp. 236, 237.

## 2. INDABA ENOHLONZE

**a. Kuyini okulotshiwe ngamazwi akhohlisayo navusa umunyu-futhi kungani kufanele sikhuleke ukuba sinqobe lesici kulokuphila-na? Amahubo 5:8-10.**

___________________________________________________________________________

"Ukukhuluma ngesinye sezipho zikaNkulunkulu kubantu. Ulwimi luyilunga elincane, kodwa amazwi eliwakhayo, azwakaliswa ngephimbo, elinamandla amakhulu. INkosi ithi, 'Kepha ulimi akakho kubantu onamandla okulithambisa.' Limise izizwe ukumelana nezizwe, futhi libangele izimpi nokuchitheka kwegazi. Amazwi okhela kabusha imililo obekunzima ukuyicima. Balethe futhi injabulo nokuthokoza emiphefumulweni eminingi. Uma amazwi ekhulunywa ngoba uNkulunkulu esho, 'Khuluma kubo amazwi Ami,' ngokuvamile adala usizi kuyo inguquko.

"Ithalenta lokukhuluma lihambisana nokuziphendulela okukhulu. Kufanele liqondiswe ngokucophelela; ngoba linamandla amakhulu okubi kanye nokuhle."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 3, p. 1142.

"Uma ulingeka ukunikela ukubusa okukhululekile ngelunga elingalawuleki, maye! Beka enqondweni ingelosi ebhalayo ukuthi iloba izwi ngalinye. Bonke balotshiwe encwadini, futhi, ngaphandle kokuthi bahlanjululwe ngegazi likaKristu, bazohlangana nawo futhi. Manje unombiko omabhadubhadu ezulwini. Inguquko yangempela phambi kukaNkulunkulu uzokwamukeleka. Uma uzokhuluma amazwi avuthayo, vala umlomo wakho, ungakhulumi."-*Testimonies for the Church*, vol, 2, p. 82.

**b. Chaza ukuthi amazwi ethu agcwele kanjani lokhu esikucabangayo nalokhu esiyikho-na. Jeremiya 17:9; Mathewu 12:33-37; 14:6-8.**

___________________________________________________________________________
___________________________________________________________________________

"Indikimba yenkulumo yembula ingcebo yenhliziyo. Inkulumo eshibhile nevamile, amazwi adudayo, ukuntela kobuwula, akhulunywayo ukuze kuhlekwe, angamathulusi kaSathane, futhi bonke abazitika ngalenkulumo bathengiselana ngempahla yakhe. Ukucindezela kwenziwa phezu kwalabo abezwa lezinto ngokufanayo nalokhu okwenziwa nguHerodi ngesikhathi indodakazi kaHerodiya idansa phambi kwakhe. Konke lokuthengiselana kulotshiwe ezincwadini zezulu; futhi ngosuku lokugcina olukhulu bazobonakala ekukhanyeni kwabo kwangempela phambi kwabanecala. Ngakho-ke bonke bazohlukanisa kubo ukuthatheka, ukusebenza kwenkohliso yomubi, yokubaholela endleleni ebanzi nesango elikhulu elivulekele ukushabalala kwabo."-*Testimonies to Ministers*, pp. 84, 85.

**3. UKUPHELELA KWENHLIZIYO KUYADINGEKA**

**a. Kungani kufanele silindele inkulumo engaguquki kumakholwa akholwa yiqiniso lanamuhla-na? Jakobe 3:9, 10. Isiphi isixwayiso esinikezwayo uma sehluleka kulephuzu?**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Uma uthanda ukucindezela umkhuba wokuthi uNkulunkulu uyabona futhi uzwa konke okwenzayo nokukhulumayo, futhi ugcina umbiko othembekile wamazwi nezenzo zakho, nokuthi uzohlangana nakho konke, ngakho-ke izenzo zakho zonke namazwi kufanele alandele amazwi esazela esiphapheme sokuqondisa. Ulwimi lwakho luzosetshenziswa ukudumisa uNkulunkulu futhi lizoba ngumthombo wezibusiso kuwe nakwabanye. Kodwa uma usuka kuNkulunkulu, njengoba ulokhu ukwenza, qaphela hleze ulwimi lwakho lufakazele umhlaba wobubi lulethe phezu kwakho ukulahlwa okwesabekayo; ngoba imiphefumulo izolahleka ngenxa yakho."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 244.

**b. Yimuphi umthandazo ongasisiza ukuba sicabange futhi sikhulume singaguquki-na? Amahubo 86:11.**

________________________________________________________________________

"Uma lowo owamukela ulwazi lweBhayibheli angenzi inguquko kwimikhuba yakhe noma izenzo zivumelane nokukhanya kweqiniso, kuyini -pho? Umoya ulwa umelene nenyama, nenyama ilwa imelene nomoya; futhi okukodwa kulokhu kumele kunqobe. Uma iqiniso lingcwelisa umphefumulo, isono siyenyanywa futhi siyagwenywa, ngoba uKristu wamukelwe njengesihambi esihloniphekayo. Kodwa uKristu akahlukanisi inhliziyo; isono noJesu abasebenzisani."-*Testimonies to Ministers,* p. 160.

"Linda ukhuleke ngezikhathi zonke. Zinikele ngokuphelele eNkosini, angeke kwabanzima ukumkhonza uNkulunkulu. Unehlizyo embaxambili. Yisona sizathu esenza ubumnyama bukuzungeze, esikhundleni sokukhanya. Isigijimi sokugcina somusa manje siqhubekela phambili. Kuluphawu lokubekezela nesihawu sikaNkulunkulu. Woza, isimemo manje siyanikezwa. Woza, ngoba konke sekulungile. Lesi isimemo sokugcina somusa. Okulandelayo ukuziphindisela okuzwise uNkulunkulu ubuhlungu."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 225.

"Kungenhliziyo yonke, abesilisa nabesifazane abazokuma manje. UKristu uthintitha abalandeli Bakhe njalo njalo, kuze kufinyelele isikhathi lapho kusele abayishumi nanye nabesifazane abambalwa abathembekile ukubeka isisekelo sebandla lamaKrestu. Kukhona labo abazomela emuva uma imithwalo kufanele ithwalwe. Kodwa uma lonke ibandla livutha, libamba ngomdlandla, lihlabelele futhi limemeza, futhi liba ngelijabulisayo; kodwa libhekeni. Lapho ukushisekela sekuphelile, kuphela lapho oKhalebi abambalwa abathembekile abazoza ngaphambili futhi babonakalise isimiso esiqinile."-Ibid., vol. 5, p. 130.

## 4. AMANZI APHUMA EMTHONJENI OCWEBILE

**a. Yisiphi isimiso esembula ukuthi inhliziyo entsha kuphela ngomusa kaNkulunkulu engaveza izenzo ezingaguquki-na? Jakobe 3:11, 12. Nikeza izibonelo zangempela.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Ubunono nokuhleleka ekugqokeni, nokuhlanzeka yonke indawo ohlala kuyo, kufanele kuqashelwe ngokuqinile ngabagcini beSabatha, njengalabo ababhekwa njengesimanga, futhi okubhekwa amaphutha abo. Umfutho wabo kufanele ubengcwele. Amaqiniso angcwele esiwafakazelayo awasoze alulaza owamukelayo, kubenza baqine futhi babenolaka, abantu abanganaki, futhi abangamadlabha ezindlini zabo. Uma owamukelayo enemikhuba yobuvila, iqiniso liyamphakamisa, lisebenze kuye imvuselelo. Ngaphandle kokuthi iqiniso linalomphumela, umuntu ngamunye akanamuzwa wamandla asindisayo. Isambatho esinganakiwe futhi esingahlelekile akulona uphawu lokuthobeka. Lapha kukhona abazikhohlisayo. Ukuphila, izenzo, amazwi, azosho ukuthi ngabanye sinakho ukuzithoba kweqiniso, isambatho sizofakazela izithelo eziboniswayo. Umthombo ocwebile angeke [uthumele] ngaphambili amanzi amnandi nababayo. Hlanza umthombo nemizila izohlanzeka. Indlu kaNkulunkulu ngokuvamile ayinakwa ngabantwana babagcini beSabatha. Abazali babo bayavuma ukuthi bagijime phakathi kwendlu, badlale, bakhulume, basuse ukunaka kwabantu, babonise ukuziphatha okubi kuyoyonke imihlangano lapho kubuthene khona izikhonzi zikaNkulunkulu. Ngibonile ukuthi yonke imibuthano yabangcwele ukuthula okungcwele kufanele kubuse. Kodwa indlu lapho abantu bakaNkulunkulu behlangana khona yenziwe iBhabhilona ngokuphelele, indawo yesiphithiphithi kanye nokuxhamazela. Lokhu akumthokozizi uNkulunkulu. Uma abazali bengakwazi ukulawula, futhi bengakwazi ukuphatha abantwana babo emhlanganweni, uNkulunkulu angathokoza uma bengahlala emakhaya nabantwana babo abangalawuleki. Kungcono balahlekelwe imihlangano, kunokuba kucunuke inani elikhulu, nemihlangano yabo ibangela usizi. Uma abazali bebayeka abantwana babo bengabakhuzi, bengabathobeli nasekhaya, akufanele babayeke benze abakuthandayo emhlanganweni. Ngubani okumele ahlupheke kulendaba-na? Ngempela, abazali. Mabangazizwa befundekelwa uma abanye bengafuni ukuthula kwabo kuphazanyiswe uma behlangana ukukhonza uNkulunkulu.

"Bazali, yinina okufanele nihlupheke kulendaba, futhi ingakuholela ubone futhi uphelelise umsebenzi wakho ongawunaki. Uma uhamba nabantwana bakho endlini kaNkulunkulu, kufanele ubenze baqonde ukuthi baya lapho uNkulunkulu ehlangana nabantu Bakhe. Loluhlelo aluqashelwa phakathi kwabagcini beSabatha kulomcijo okhona emabandleni adumileyo. Bazali, ninomsebenzi okumele niwenze. Thambisani abantwana benu emakhaya, kanjalo uzobanakho ukubalawula endlini kaNkulunkulu."-*Spiritual Gifts*, vol. 2, pp. 288, 289.

**_Ngolwesine_** **_Lwezi 21_**

**5. UKUHLAKANIPHA OKUMBATHISWE ULWAZI**

**a. Kungani ngamunye wethu kudingeka ahlolisise isimo sakhe sengqondo kusukela ngaphakathi kuye ngaphandle-ngobuqotho benhliziyo-nangezwi, nangesenzo-na? 2 Korinte 13:5.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Zihloleni-nina, nibone ukuba nisekukholweni yini, nizivivinye-nina' (2 Korinte 13:5). Gxeka ngokuseduze intukuthelo, isimo, imicabango, amazwi, ukuthambekela, izinjongo, nezenzo. Singazicela kanjani ngokuhlakanipha izinto esizidingayo ngaphandle kokuba sibonise ngeMibhalo isimo sempilo yethu yesimoya-na?"-*Selected Messages,* bk. 1, p. 89.

"Bazalwane bami nodade, nisebenzisa kanjani isipho sokukhuluma-na? Nifundile yini ukulawula ulwimi ukuthi lihloniphe njalo isazela esikhanyiselwe nothando olungcwele-na? Ingabe inkulumo yakho ikhululekile ekudlaleni, ukuzigabisa, nenhliziyo embi, inkohliso nokungcola-na? Awunawo amanga phambi kukaNkulunkulu-na? Amazwi anomphumela onamandla ohlalayo. USathane, uma kwenzeka, uzogcina ulwimi lukhuthele emsebenzini wakhe. Thina ngokwethu asikwazi ukubamba ilungu elingalawuleki. Umusa ongcwele kuphela oyithemba lethu."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 175.

"Lowo ozibeka ngokwakhe ngokuphelele ngaphansi kokuholwa nguMoya kaNkulunkulu, uzothola ukuthi ingqondo yakhe iyanetshwa futhi ikhuliswe. Uthola imfundo emsebenzini kaNkulunkulu ongekho ohlangothini olulodwa futhi oluphuthayo, olukhulisa isimilo ohlangothini olulodwa, kodwa omunye umphumela olingene nophelele. Ubuthakathaka obuthe babonakaliswa intando entengayo nesimilo esingenamandla, siyanqotshwa, ukuzinikela okuqhubekayo nozwelo oluletha umuntu kubudlelwano obusondele noKristu ukuthi unomqondo kaKristu. Futhi umunye noKristu, unesimiso esiqinile nesinamandla. Ukubona kwakhe kubukhali, futhi wembula ukuthi ukuhlakanipha kuvela kuNkulunkulu."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 338.

**_NgoLwesihlanu_** **_Lwezi 22_**

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kufanele ngiphendule kanjani lapho ngibhekana nengxoxo enobuthi-na?**
2. **Uma abantu besho izinto, empeleni kubonisani ngabo-na?**
3. **Chaza impi ehlasela ingqondo yomuntu, futhi inganqotshwa kanjani.**
4. **Yimiphi imikhuba, ukuthambekela kwami okungase kubonise amanzi angcolile ngaphakathi-na?**
5. **Kukanjani futhi kungani indlela yokuziphatha kwami uma ngikhuluma kufanele iguqulwe-na?**

**Isifundo 9** **ISabatha, Lwezi 30, 2024**

# Ubumnene Bokuhlakanipha

**IVESI LEKHANDA: "Ngubani ohlakaniphleyo nowaziyo phakathi kwenu-na? Makakhombise ngenkambo enhle imisebenzi yakhe ngobumnene bokuhlakanipha" (Jakobe 3:13).**

"UMsindisi wethu wamangaza abantu ngobumsulwa Bakhe nokuziphatha okuhle, kuyilapho uthando Lwakhe nomusa Wakhe kubakhuthaza ngentshiseko. Abampofu nabathobekile babengesabi ukusondela Kuye."-*Gospel Workers (1892),* p. 261.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 167-177.

***NgeSonto*** ***Lwezi 24***

**1. "UKUQONDA" OKUHLANEKEZELWE**

**a. Yibuphi ububi obunzima okumele sikuqaphele ngokuqinile-futhi kungani-na? Jakobe 3:14, 15.**

________________________________________________________________________

"Lowo ovula inhliziyo yakhe kumacebo esitha, amukele imicabango emibi, agcina engqondweni umona, ehlanekezela kaningi inkohlakalo embi, eyibiza ngolwazi olukhethekile, ubandlululo, noma ukuhlukanisa icala elimbuliwe futhi nokulinganisa okuqondiswe kwabanye. Ubheka isipho esiyigugu ukuthi savunyelwa yena; futhi uzihlukanisa nabazalwane bakhe labo okufanele avumelane nabo; uhlala phezu kwesihlalo sokwahlulela, avale inhliziyo yakhe imelane nalokhu okucatshangwa ukuthi kuphambukile, kungathi yena ungaphezu kwesilingo. UJesu uzehlukamisa naye, futhi avume ukuba ahambe phezu komlilo aziphembele wona.

"Makungabi phakathi kwenu azidumise njalo emelene neqiniso ememezela ukuthi lomoya ngumphumela wokubhekana ngokuthembeka nalabo abonayo nokuma bevikela iqiniso. Ukuhlakanipha okunjalo kuthandwa ngabaningi, kodwa kuyakhohlisa futhi kuyalimaza. Akuveli ngaphezulu, kodwa isithelo senhliziyo engaphendukanga. Umqalisi wakho nguSathane imbala. Makungabikho omangalela abanye avume ngokwakhe ukwahlulela; ngoba ngokwenze njalo wembathisa ukucabangela kukaSathane ngengubo yokulunga. Ngiyakubiza, mzalwane wami, ukuthi uhlanze umphefumulo kukho konke okungcolisayo; ngoba kuyizimpande zobuhlungu benhliziyo."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, pp. 936, 937.

## 2. UKUZIPHATHA OKUYINGOZI

**a. Chaza umphumelo ongenakugwenywa womhawu nombango. Jakobe 3:16.**

________________________________________________________________________________

"Umuntu oyedwa esikhungweni noma ebandleni odedela imicabango emibi ngokukhuluma kabi ngabazalwane, angase avuse izinkanuko ezimbi kakhulu enhliziyweni yomuntu, andise imvubelo yobubi ezosebenza kubo bonke abahlanganyela naye. Ngalendlela isitha sokulunga konke sizuza ukunqoba, futhi umphumela wokusebenza kwaso ukwenza umkhuleko woMsindisi lapho enxusa ukuba abafundi bakhe babe munye njengoba yena emunye noYise."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 937.

**b. Ngokuphambene nemikhuba yomuntu okukhuthazelwa yisitha semiphefumulo yethu, kufanele sisebenzisane kanjani nabanye-na? Johane 13:34.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"Ukhipha isahlulela kumuntu ngamunye, futhi uphawule izindlela nemikhuba yabo, kuyilapho ungaqondi isikhundla sabo noma umsebenzi wabo. Ubuka izinto ngokubona kwakho futhi ulungele ukubuza noma ukusola indlela abayilandelayo, ngaphandle kokubuka izinto ngobuqotho mahlangothi wonke. Awunalwazi ngemisebenzi yabanye futhi awufanele uzizwe unesibopho ngezenzo zabo, kodwa wenze umsebenzi wakho, ushiye abanye eNkosini. Bamba umoya wakho ngokubekezela, ugcine ukuthula nokuzotha kwengqondo, futhi ubonge….

"Uzwela ngokwedlulele, uma izwi likhulunywa futhi livuna indlela ephambene naleyo oyilandelayo, uphatheka kabi. Uzwa sengathi ubekwa icala, nokuthi kufanele uzivikele, usindise ukuphila kwakho; futhi ngomzamo okhuthazelayo wokusindisa ukuphila kwakho, ulahlekelwa yikho. Unomsebenzi wokuba ubulale umina futhi uhlakulele umoya wokunyamezela nokubekezela."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 424.

"Labo abagxekayo futhi basole omunye basuke bephula umthetho kaNkulunkulu, futhi banecala Kuye. Abathandi uNkulunkulu nabazalwane abakanye nabo. Bazalwane noDade, masisuseni endleleni yethu imfucumfucu yokugxeka nokusola nokukhononda, futhi ungagqoki imizwa yakho ngelingaphandle. Abanye bazwela ngangokuthi awukwazi ukubonisana nabo. Yiba ngozwela kakhulu mayelana nokuthi kusho ukuthini ukugcina umthetho kaNkulunkulu, futhi maqondana nokuthi uyawugcina noma uyawuphula umthetho. Yilokhu uNkulunkulu afuna sibenozwelo ngakho."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 937.

**3. UKUSEBENZANA NOKUDANGALISWA**

**a. Kuyini okulotshiwe ngalabo abathanda umthetho kaNkulunkulu-na? Amahubo 119:165.**

______________________________________________________________________

"Dlula kumcabango wokuthi awusetshenziswa kahle, nokuthi uphathwa kabi, nokuthi kukhona ozama ukukuminyanisa noma ukukulimaza. Ubona ngamehlo anephutha. USathane ukuholela ukuba uthathe lemibono yezinto eziphendukezelwe."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 424.

"Umhlaba uyasithanda isono, futhi uzonda ukulunga, futhi lokhu kwakuyimbangela yobutha obabhekiswa kuJesu. Bonke abenqaba uthando Lwakhe olungapheli bazothola ubuKrestu buyinto ephazamisayo. Ukukhanya kukaKristu bususa ubumnyama obusibekela izono zabo, nesidingo sokuguqulwa siyabonakaliswa. Uma labo abazinikela kumfutho woMoya Ongcwele baqala ukulwa nabo, labo abanamathela esonweni balwisana neqiniso nabammeli balo.

"Kanjalo umbango uyadaleka, nabalandeli bakaKristu babekwa icala njengabahluphi babantu. Kodwa kungukukhonza uNkulunkulu okubalethela ubutha emhlabeni. Bathwele okusolekayo kukaKristu. Bahamba indlela ethe yahanjwa amaqhawe omhlaba. Kungesikho ngosizi, kodwa ngenjabulo, okumele bahlangane nokushushiswa. Isilingo ngasinye esibabayo isithunywa sikaNkulunkulu sokuhlanzwa kwabo. Ngasinye sibalungisela umsebenzi wabo njengabasizana Naye. Impi ngayinye inendawo yawo empini enkulu yokulunga, ngamunye wengeza injabulo yokunqoba kwabo kokugcina. Ukuba nalombono, ukuvivinywa kokholo lwabo nokubekezela kuzokwamukelwa ngentokozo kunokuba kwesatshwe futhi kugwenywe."-*The Desire of Ages,* p. 306.

**b. Noma ngabe siphathwa ngokungafanele, kuyini esikhunjuzwa kona-na? Mathewu 5:11, 12, 41; 1 Peter 4:12-15.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Lowo oyiNhloko engcwele yebandla, umnqobi onamandla amakhulu, uzoqondisa abalandeli bakaKristu ekuphileni Kwakhe, umsebenzi Wakhe, ukuzincisha Kwakhe, izinhlupheko Zakhe, nokudelelwa, ngenzondo, ukwenqatshwa, ukuklolodelwa, amanga, ukwenyukela endleleni yaseKhalvari ukuya enkundleni yokubethelwa, ukuze akhuthazwe ukuba aphokophelele emgomeni womklomelo nomvuzo wokuphila. Ukunqoba kuqinisekiswa ngokholo nokulalela. Masisebenzise amazwi kaKristu ezindabeni zethu ngabanye."-*The Review and Herald,* Ntulikazi 24, 1888.

**4. UKUHLAKANIPHA OKUVELA PHEZULU**

**a. Buyini ubunjalo benhlakanipho yokuqala yenzalo yaseZulwini, futhi kungani lokhu kubalulekile-na? Jakobe 3:17 (isigaba sokuqala); Mathewu 5:8.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Emzini kaNkulunkulu akungeni okungcolileyo. Bonke abazokwakha lapho kufanele beselapha emhlabeni babe nenhliziyo ehlanzekile. Kulowo ofunda ngoJesu, kuzobonakala inzondo ekhulayo yokuziphatha ngobudlabha, inkulumo engafanele, umcabango olukhuni. Uma uKristu ehlala enhliziyweni, kuzobakhona ukuhlanzeka nokulungisa umcabango nokuziphatha.

"Kodwa amazwi kaJesu, 'Babusisiswe abanenhliziyo ehlanzekileyo,' anencazelo ejulile-akukona nje ukuhlanzeka ngokomcabango lowo umhlaba ozwisisa ukuhlanzeka ngayo, okukhululekile enyameni, kuhlanzekile ngokwenkanuko, kodwa okuqinisekile kwizinhloso ezifihlakele kanye nezinhloso zomphefumulo, kukhululekile ekuzigabiseni nasekuzifuneni, ukuzithoba, akunamhawu, kumsulwa."-*Thoughts from the Mount of Blessing,* pp. 24, 25.

**b. Chaza ukuthi kuyini okumele sigxile kuyo ekulungiseleni uKristu. 1 Johane 3:2, 3.**

______________________________________________________________________

"Kumava ethu emihla ngemihla sibona ubuhle [bukaNkulunkulu] nozwelo ekubonakalisweni kokuhlinzelela Kwakhe. Sibona Kuye isimilo seNdodana Yakhe. UMoya Ongcwele uthatha iqiniso maqondana noNkulunkulu nalowo amthumileyo, alivule ukuba liqondwe futhi lingene enhliziyweni. Ohlanzekile ngenhliziyo ubona uNkulunkulu kubuhlobo obusha obuthathekisayo, njengoMhlengi wabo; futhi lapho bebona ukuhlanzeka nobuhle besimilo Sakhe, balangazelela ukufanekisa umfanekiso Wakhe. Bambona njengoBaba olangazelela ukwamukela indodana ephendukayo, nezinhliziyo zabo zigcwaliswa ngenjabulo esabekayo negcwele inkazimulo.

"Abahlanzekile ngenhliziyo bahlukanisa uMdali emsebenzini wesandla Sakhe esinamandla, ezintweni ezinhle ezihlanganisa izulu nomhlaba. EMibhalweni Yakhe bafunda ngemigqa ecwebile izambulo zomusa Wakhe. Amaqiniso afihlakele kulabo abahlakaniphile nabaxwayile embulelwa abantwana. Ubuhle nokuthandeka kweqiniso, lelo elingathandeki kwabahlakaniphileyo-belizwe, lembuleka kaningi kulabo abanethemba, ngesifiso somntwana ukwazi nokwenza intando kaNkulunkulu. Sibona iqiniso ngokufaneleka, kwethu, ukuba ngabahlanganyeli bemvelo engcwele.

"Labo abanenhliziyo emhlophe baphila ebukhoneni bukaNkulunkulu obubonakalayo kusukela esikhathini ebamisa kulomhlaba."-Ibid., pp. 26, 27.

**5. AMANYE AMAKHONO ABALULEKILE**

**a. Emva kokuhlanzeka, yisho izimfanelo ezinhlanu zokuhlakanipha kozalo lwaseZulwini, ngaphandle komfutho wethu owonakele. Jakobe 3:17 (isigaba esiphakathi).**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Udinga umusa, inhlonipho, ubumnene, nokuthobeka kukaKristu. Unezimfanelo eziningi ezibalulekile ezingapheleliselwa inkonzo ephakeme uma yahlukaniselwa uNkulunkulu kufanele zibe nesidingo sokusondela kumzalwane wakho ngomusa nangenhlonipho, kungesikho ngobulukhuni nangamandla. Awuboni umonakalo owenzayo ngokuqina, umoya wokubusa oqondiswe kubo. Abafundisi ebandleni lakho bayadumala, balahlekelwa isibindi engabe banaso uma bewubanika inhlonipho, umusa, nokuzethemba, nothando. Ngokuziphatha kwakho nangokwenza kwakho wahlukanise izinhliziyo zabazalwane bakho kuwe, kanjalo iseluleko sakho asilethanga umfutho omkhulu nomuhle phezu kwabo."-*Christian Leadership,* pp. 6, 7.

"Uma okulindele kungaqondwa, uzoba sengozini yokudangala nokungahlaliseki, futhi uzolangazelela ushintsho. Kufanele ugweme indlela okhuza ngayo, uthwalele phansi. Yenza konke kubesobala okunandisa umoya wokusola. Akumjabulisi uNkulunkulu ukuba lomoya ubonakale nakumuphi wezinceku Zakhe onamava amakhulu. Kuhle kumuntu osemusha, uma ephiwa ukuthobeka nokuhloba kwangaphakathi, ukubonisa amashushu nokushiseka; kodwa uma ukushiseka okusheshayo nomoya wokusola kubonakaliswa ngomusha onamava eminyaka embalwa, akwamuleki ngempela futhi kuyenyanyeka kakhulu. Akukho okunga bulala umfutho wakhe ngokushesha njengalokhu. Ukuthamba, ubumnene, ukubekezela, ukubheka-kade ukungacunuki kalula, ukubekezelela izinto zonke, ukukholwa yizinto zonke, ukuthemba izinto zonke-lezi izithelo ezimila esihlahleni esiyigugu sothando, esikhula ezulwini. Lesihlahla uma sondliwa, sizobonakala sihlala siluhlaza. Amagatsha aso awayikubola, amaqabunga aso awayikubuna, asinakufa, simi ingunaphakade, siniselwa njalo ngamazolo ezulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 134, 135.

*NgoLwesihlanu* **Lwezi 29**

**IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**

1. **Yisiphi isimo engilingeka ukuba ngihlulele umsuka futhi ngikubiza ngokuqonda-na?**
2. **Kungayiphi indlela umkhuba wokugxeka abanye ungukwephula umthetho kaNkulunkulu-na?**
3. **Lapho ukuziphatha okunobutha kumelene nami, kuyini okufanele ngikukhumbule-na?**
4. **Kusho ukuthini ukuba "nenhliziyo ehlanzekile-na"?**
5. **Ngingaba ngosondelekayo kakhulu kanjani-kubelula "ukuncengwa-na"?**

# *Umnikelo WeSabatha Lokuqala Uya Colombian Union Headquarters*

"I-Colombia isizwe esise eNingizimu yeAmerica abantu abahlala kulo abangaphezu kwezigidi ezingu 51. Izimboni ezikhiqiza uparafini, ezemishini, ezokuthunga, ezokwakha, ezolimo, ezamabhange, kanye nezinsiza. Phakathi kwabahlali, i 73% yabantu ngamaKatolike, 9.1% abazishoyo ukuthi banekolo okungeyona yobuKristu, 6.9% ngabaVangeli, 6.5% abanayo inkolo, 2.9% ngamaProtestanti, 0.9% abakholelwa kuNkulunkulu. Lesimo sifanekisa inselelo enkulu ebandleni likaNkulunkulu lapha.

"Ngonyaka ka1960, isigijimi sengelosi yesithathu safika eColombia lapho isizwe sihlupheka ngokwehla kokuziphatha ngenxa yezimpi zangaphakathi. Phakathi kwesiyaluyalu, sifinyelele kumalunga ayikhulu (100) ngasekupheleni konyaka ka1971 lapho ibandla labhaliswa ngokusemthethweni embusweni. Ngalezozinsuku izisebenzi zazimbalwa, kodwa aziswelanga isibindi nentshiseko yokunikela konke emsebenzini abawuthandayo. Sasijabulela njalo ukuxhasa abafundisi nabothishela labo, abashiye amazwe abo nokuthokomala, beza ngokuthokoza ukuxhasa umsebenzi eColombia-bezinikela ngenhliziyo yonke ekuhambiseni isigijimi kulendawo.

"Ngomusa kaNkulunkulu, ngonyaka 2006, I-Union yaseColombia yahlelwa, futhi namuhla inamaField amathathu. I-Union yethu isemaphandleni emzini waseBarbosa, eSantander.

"Ukuze sisebenzele abazalwane bethu nalabo abanentakazelelo ekhulayo eqinisweni, sibona isidingo esikhulu sokukhulisa izakhiwo zethu ezikhona namuhla. Manje, sinomhlaba lapho kukhona amahovisi ethu, isikolo sokushumayela ivangela, kanye nomyango weMultimedia uyasebenza. Lapha sibamba khona imihlangano yebandla, imihlangano yabafundi, namalunga ethu ahlehlela emuva ngokwesimoya nalabo abanentakazelelo kwisigijimi sethu.

"Inxenye yesakhiwo seyiqalile ukwakhiwa kulendawo, nezinye izinxenye ezengeziwe umsebenzi uyaqhubeka, kodwa siswele imali yokuziphelelisa. Yingakho sicela izipho zokuzithandela kumndeni webandla emhlabeni wonke. Uxhaso lweminikelo yokuzithandela uzokwenza sibe nezakhiwo ezifanelekile zokusebenzela imiphefumulo elambele ulwazi lweNkosi.

Sibonga kakhulu izipho zenu. Iphakade kuphela elizobonisa ukuthi zinhle kangakanani izipho neminikelo ekwenzileyo.

*Abazalwane nodade abavela Colombian Union*

Isifundo 10 ISabatha, Zibandlela 7, 2024

# Ukunqoba Izinkinga Zethu Zesimo Sengqondo

**IVESI LEKHANDA: "Ngakho thobelani uNkulunkulu, kepha nimelani noSathane, khona uyakunibalekela" (Jakobe 4:7).**

"Uthando lweqiniso olumsulwa nolungcwelisayo, uthando loMhlengi othandekayo, luzokwenza ubelula umsebenzi wokunqoba."-*Testimonies for the Church* vol. 4, p. 38.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 3, pp. 39-47.

***NgeSonto*** ***Zibandlela 1***

## 1. UKUSEBENZA OKUNGENABO UBUGOVU

**a. Yisho izimfanelo ezimbili zokugcina ezibalwa ohlwini lokuhlakanipha kozalo-lwasezulwini. Jakobe 3:17 (isigaba sokugcina).**

___________________________________________________________________________

___________________________________________________________________________

"Umpostoli uJuda uthi: 'Abanye abangabazayo, nibahawukele.' Lomehluko akufanele usetshenziswe ngomoya wobandlululo. Akukho ukubheka ubuso okumele kunikezwe emoyeni othi: 'Uma ungithanda, nami ngizokuthanda.' Lona ngumthetho welizwe, ongangcweliswanga, lowo othukuthelisa uNkulunkulu. Lena yinkokhelo yomusa nokutuswa ngenxa yenzuzo. Kubonisa ukukhetha kwabathile, belindele ukuthola amandla ngabo. Kungenxa yokufuna intando yabo enhle ngokuzitika, ukuze sithathwe njengabafanelekile kakhulu kunabanye ngokugcwele njengathi."-*Testimonies for the Church* vol. 4, pp. 221, 222.

"UNkulunkulu akajabuleli umsebenzi wobuvila owenziwa emabandleni. Ulindele ukuthi izinceku Zakhe ziqiniseke futhi zithembeke ekunikezeni ukukhuza kanye nokuqondisa. Kufanele zixoshe isiphambeko ngokuya ngomthetho kaNkulunkulu awunikile ezwini Lakhe, kungesikho ngokuya ngemibono yabo nokuzizwa. Azikho izindlela ezilukhuni okumele zisetshenziswe, kungabikho ukungalungi, ukujaha, ukwenziwa komsebenzi ngokuzizwa. Imizamo eyenziwayo ukuhlanza ibandla ekungcoleni kwalo makwenziwe ngendela kaNkulunkulu. Akufanele kubekhona ukukhetha, kungabikho ukuzenzisa. Kufanele kungabikho abathandwayo, labo izono zabo zibhekwa njengokona okuncane kunabanye. Maye, sidinga kanjani sonke ukubhajadiswa ngoMoya Ongcwele. Kanjalo sizosebenza ngomqondo kaKristu, ngokuthamba, ngomusa, ngozwelo, ngesihawu, sibonisa uthando kowonayo lapho sizonda isono ngenzondo ephelele."-*The Ellen G. White 1888 Materials,* p. 144.

## 2. UKUMELA UKRISTU NGOKUFANELE

**a. UKristu angamelwa ngendlela efanele kanjani ngamazwi ethu-na? Jakobe 3:18.**

______________________________________________________________________________

"Kulula ngamazwi ethu ukuvuma uKristu kodwa ngezenzo zethu simphike. Izithelo zikaMoya ezibonakala ekuphileni zingukuvuma Yena. Uma sidela konke ngenxa kaKristu, izimpilo zethu zizothotshiswa, nokukhuluma kwethu kwasezulwini, ukuziphatha kwethu kungasoleki. Umfutho onamandla, weqiniso elihlanza umphefumulo, nesimilo sikaKristu esifanekiswa ekuphileni, kungukuvuma Yena. Uma amazwi okuphila okuphakade etshalwa ezinhliziyweni zethu, sisoveza isithelo esilungile nesinokuthula. Singamenqaba uKristu ekuphileni kwethu ngokuzitika ngothando lokunethezeka noma uthando lukamina, lokuntela namahlaya, lokufuna udumo lwezwe. Singamphika Yena ngokubukeka kwethu kwangaphandle okuvumelana nelizwe, nokubukeka kokuzidla noma izambatho zenani eliphezulu. Kungenxa yokubheka njalo nokubekezela nokukhuleka ungaphezi esingaba nakho ukubonisa ekuphileni kwethu isimilo sikaKristu noma umfutho ongcwelisayo weqiniso. Abaningi baxosha uKristu emindenini yabo ngokuba nomoya ongenakubekezela, nolukhuni. Abanjalo kukhona abangakunqoba kulomcijo."-*Testimonies for the Church* vol. 1, pp. 303, 304.

**b. Ngeyiphi imikhuba evamile kumuntu evuvuzela ekuphileni kwansuku zonke okudingeka ukunqotshwa ngempela-futhi kungani? Jakobe 4:1-3.**

______________________________________________________________________________

"Kuyinto edabukisayo ukungenami ngalokhu okusizungezile noma izimeko ezisibeke kuzo lapho imisebenzi yethu ibonakala izothile futhi ingabalulekanga. Imisebenzi esithekile nezothile ayithandeki kuwe; awuhlaliseki, awuzinzanga, futhi awuneliseki. Konke lokhu kuvela ngenxa yobugovu….

"Labo abathi bangamaKrestu abahlala njalo bebubula futhi bekhononda, ababonakali becabanga ukuthi injabulo nobuso obuthokozile njengesono, abanalo uhlamvu ngempela lenkolo."-Ibid*.,* vol. 3, p. 334.

"Ngingadla yini isilinganiso esiphindwe kabili manje nangesikhathi esizayo, ngoba kunambitheka kumnandi, ngingaguqa kanjani ngicele uNkulunkulu ukuba angisize emsebenzini wami wokubhala, uma ngingatholi umcabango wecala lokuminza kwami-na? Ngingacela uNkulunkulu ukuthi anakekelo umthwalo ongenasidingo esiswini sami-na? Lokhu kusho ukudumazeka Kwakhe. Lokhu kuzobangela ukuchithwa kwenkanuko. Manje ngidla lokhu engicabanga ukuthi kuhle, futhi bese ngicela Kuye amandla okwenza umsebenzi angiphe wona ukuba ngiwenze."-Ibid*.,* vol. 2, pp. 373, 374.

"Lapho inkolo kaKristu ilawula inhliziyo, unembeza uyavumelana, futhi ubusa ukuthula nenjabulo; ukudideka nobunzima kungase kukuzungeze, nokho kukhona ukukhanya emphefumulweni."-Ibid*.,* vol. 4, p. 47.

**3. UKUBALEKELA IZIHIBE EZIVAMILE**

**a. Yimuphi umgomo obalulekile wokuxhumana kwangempela noKristu, uma kuqhathaniswa nokholo olungajulile ngokwegama kuphela-na? Jakobe 4:4.**

"Labo abaqala ukuphila kwabo kobuKristu ngokuba mbaxa-mbili, ekugcineni bazotholakala besohlangothini lwesitha, noma ngabe bekuyinhloso yabo yokuqala. Futhi ukuba ngumhlubuki, imbuka emsebenzini kaNkulunkulu, kubi kakhulu kunokufa; ngoba kusho ukulahlekelwa ukuphila okuphakade.

"Abesilisa nabesifazane abambaxa-mbili basebenzisana ndawonye noSathane. Noma yimuphi umbono abanawo ongowabo, bayambuluza. Bonke abathembekile kuNkulunkulu nakulo iqiniso mabeme baqine bemela okulungile ngoba kulungile. Ukuhlanganyela nalabo abangengcwele, bese uyathembeka eqinisweni, angeke kwenzeka ngempela. Angeke sihlanganyele nalabo abazikhonzayo, abasebenza ngamacebo elizwe, futhi singalahlekelwa ukuxhumana noMluleki wasezulwini. Singazithola sisuka kumaqhinga esitha, kodwa sicindezelwe futhi silimale, futhi amava ethu ambashiswe."-*The Review Herald,* Mbasa 19, 1898.

**b. Kungani kufanele sisiphule ngokuqinile yonke imikhuba yokuba nomona-na? Jakobe 4:5, 6.**

"Iphutha elilodwa elikhulu likaSawule bekungukuthanda ukutuswa. Lesici besinomfutho wokulawula phezu kwezenzo zakhe nemicabango; konke bekuphawula isifiso sokudunyiswa nokuziphakamisa. Isilinganiso sakhe sokulunga nokungalungile bekuyisilinganiso esiphansi sokubongwa okuvamile. Akukho muntu ophephile ophilela ukujabulisa abantu, futhi ongafuni ukutuswa kuqala nguNkulunkulu."-*Patriachs and Prophets,* p. 650.

"Umona yiwona owenza uSawule abelusizi futhi wafaka indaba yombuso wakhe engozini. Kukhona ukufundekela okungashiwongo lesici sobubi besimilo esikwenzayo emhlabeni wethu! Ubutha obufanayo babukhona enhliziyweni kaSawule okwashukumisa inhliziyo kaKayini ukumelana noAbela umfowabo, ngoba imisebenzi kaAbela yayilungile, noNkulunkulu wayamukela, kodwa imisebenzi kaKayini ibimibi, neNkosi ayikwazanga ukumbusisa. Umona yisithelo sokuziqhenya, futhi uma uthokozelwa enhliziyweni, uzoholela kwinzondo, futhi ekugcineni ukuziphindisela nokubulala kuyalandela."-Ibid., p. 651.

"Ukuzithoba, uthando, kanye nokubonga kuNkulunkulu ukugcina ukukhanya kwelanga enhliziyweni, noma usuku luhlala luguqubele. Ukuzidela kanye nesiphambano sikaKristu siphambi kwenu. Uzosiphakamisa yini isiphambano."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 47.

## 4. UKUQAPHELA NOKUTHOBEKA

**a. Isiphi isici esibalulekile esisinikeza ukunqoba kwangempela kuKristu-na? Jakobe 4:7.**

_______________________________________________________________________________

"Abanye bazizwa benesidingo senhlawulelo, futhi ngokubona lesidingo, nesifiso senguquko yenhliziyo, umshikashika uyaqala. Ukudela eyabo intando, hleze izinto abazikhethile ezibathathekisayo noma abazilandelayo, zidinga umzamo, lowo abaningi bewungabaza futhi bakhubeke babuyele emuva. Kodwa lempi kufanele iliwe inhliziyo ngayinye ephenduke ngempela. Kufanele silwe nezilingo ezimelene nathi ngaphandle nangaphakathi. Kufanele sinqobe umina, sibethele ukunaka nezinkanuko; bese kuqala ubudlelwano bomphefumulo noKristu. Lapho ukoma nokungabi nempilo kwegatsha elixhunywe emthini ophilayo, kanjalo singaba ngamagatsha Omvini Weqiniso. Futhi isithelo esingalethwa nguKristu sivezwa yibobonke abalandeli Bakhe. Emva kokuba lobunye sebakhiwe, bungalondolozwa kuphela ngokuqhubeka, ukuphikelela, umzamo onesineke. UKristu usebenzisa amandla Akhe ukulondoloza nokulinda lesibopho esingcwele, nalabo abaphethe, isoni esingenakho ukuzisiza kufanele senze eyaso inxenye ngamandla angapheli, noma uSathane ngolunya lwakhe, ngamandla obuqili uzomehlukanisa noKristu.

"Wonke uMkrestu kufanele ame elindile njalo, abheke yonke indawo yomphefumulo lapho uSathane angathola indawo yokungena. Kufanele akhulekele usizo olungcwele futhi ngokufanayo amelane ngokuqinisela konke ukuthambekela esonweni. Ngesibindi, ngokukholwa, umsebenzi ophikelelayo, anganqoba. Kodwa makakhumbule ukuthi ukuzuza ukunqoba kuKristu kufanele ahlale Kuye naye kuKristu."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 47.

**b. UPawule uyenanela kanjani incazelo kaJakobe maqondana nokuqina kwesimoya ekuphileni koMkrestu-na? Roma 6:6-11.**

"Ukunaka ezomhlaba, ubugovu, inkanuko, yilokhu okudla isimoya nokuphila kwabantu bakaNkulunkulu."-Ibid., vol. 1, p. 141.

"Sidinga ukholo oluqinile nokuzinikela okushiseka ngokwengeziwe. Kufanele ubumina bufe, futhi engqondweni nasenhliziyweni sizothokozele uthando lokudumisa uMsindisi wethu. Lapho simfuna uJehova ngenhliziyo yonke siyakumfumana, futhi izinhliziyo zethu zivutha ngothando Lwakhe. Ubumina buzoshona bungabonakali, noJesu uzakuba yiko konke nakho konke emphefumulweni….

"Kufanele sisondele kuNkulunkulu. Kufanele sisebenze kanye Naye, uma kungenjalo ubuthakathaka namaphutha azobonakala kukho konke esikwenzayo."-Ibid., vol. 6, p. 51.

**5. UKUMISA KANCANE UKUZE SIKHULEKE NGOKUFANELE**

**a. Yisiphi isiqiniseko nokunxusa okufanele kuzwakale komunye nomunye wethu ekulweni nemikhuba yethu emibi-na? Kolose 3:1-3; Jakobe 4:8, 9.**

______________________________________________________________________________

"Angeke kwenzeke nakoyedwa ukuhlukanisa iqiniso lapho umhlaba unokwako okuthathekisayo. Umhlaba ungena phakathi kwabo noNkulunkulu, ufiphaza ukubona kwabo wenze buthuntu imizwa kuze kufinyelele ezingeni okungeke kwenzeka ukuhlukanisa izinto ezingcwele. UNkulunkulu ubiza labo: 'Hlanzani izandla nina-zoni; nihlambulule izinhliziyo-nina banhliziyombili. Yibani lusizi, nidabuke, nikhale; ukuhleka kwenu kuphenduke ukudabuka, nokujabula kube ngukujabha. Labo abathe bangcolisa izandla zabo ngokungcola komhlaba kufanele bazihlanze ngokwabo amachaphazelo alo. Labo abacabanga ukuthi bangakhonza umhlaba babuye bathande uNkulunkulu banomqondo ombaxambili. Kodwa angeke bakhonza uNkulunkulu nomamona. Bangabantu abamqondo mbili, ukuthanda ilizwe nokulahlekelwa yiyo yonke imizwa yezibopho zabo kuNkulunkulu, nokho befakazela ukuba ngabalandeli bakaKristu. Abayona into eyodwa noma enye. Bazolahlekelwa imihlaba yomibili ngaphandle kokuba bahlanze izandla zabo futhi bahlanze izinhliziyo zabo ngokulalela izimiso ezicwebile zeqiniso."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, pp. 530, 531.

**b. Kuyini okwenzekayo uma siguqa phambi kukaNkulunkulu ngokuzithoba-na? Amahubo 34:18; 1 Peter 5:6, 7.**

______________________________________________________________________________

"Uma uzithoba manje phambi kukaNkulunkulu, uvuma iziphambeko zakho, futhi ubuyele Kuye ngenhloso ephelele ngenhliziyo, okwakho kungaba umndeni ojabulile. Uma ungakwenzi lokhu, kodwa ukhethe eyakho indlela, injabulo yakho isekupheleni."-Ibid., vol. 2. p. 304.

***NgoLwesihlanu*** ***Zibandlela 6***

**IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**

1. **Ngokuphenyisisa ngokujulile imisuka-yami ngaphakathi, yiziphi izici engingase ngibe umzenzisi kuzo-na?**
2. **Yisho ezinye izindlela amazwi ethu avame ukuhlanekezela ngazo uKristu-na?**
3. **Kungamuphi umqondo umona ungukuphika okunzima ukholo-nokuhlambalaza uNkulunkulu-na?**
4. **Kungani kufanele ngife kumina ukuze ngiphile kuKristu-na?**
5. **Lesifundo sifingqa kanjani ezinye zezinkinga zangempela okufanele ngizinqobe-na?**

**Isifundo 11** **ISabatha, Zibandlela 14, 2024**

# Ukuba Nombono Othobekile

**"IVESI LEKHANDA: "Zithobeni ebusweni beNkosi, khona iyakuniphakamisa" (Jakobe 4:10).**

"Uma silandela indlela ethobekile yokulalela, sishiya umzila okhanyayo obheke ezulwini ukuze abanye bahambe kuyo. Kuyilungelo lethu lokuba sibenamava ajulile ezintweni zikaNkulunkulu."-*The Signs of the Times,* Ndasa 17, 1890.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 41-44, 678-686.

***NgeSonto*** ***Zibandlela 8***

**1. UKUGWEMA UKUHLAKANIPHA KWAMANGA**

**a. Yimuphi umkhuba oyingozi kakhulu okudingeka ulahlwe yibo bonke abafakazela ukuthi bathanda abazalwane babo, futhi kungani-na? Jakobe 4:11, 12.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Akufanele kuthathwe njengento elula ukukhuluma kabi ngabanye noma ukuzenza abahluleli ngabakuqondile noma izenzo zabo."-*Patriachs and Prophets,* p. 385.

"Ukubaluleka kokuziphatha kweqiniso akufuni ukuzenzela indawo ngokucabanga nokukhuluma okubi, ngokwehlisa abanye. Wonke umhawu, nomona, nokuhlambalaza konke, nakho konke ukungakholwa, kufanele kususwe kubantwana bakaNkulunkulu."-*Our High Calling,* p. 234.

"Umzamo ophikelelayo kufanele wenziwe ebandleni ngalinye ukubekela kude ukuhleba nomoya wokusola ophakathi kwezono eziveza ububi obukhulu ebandleni. Ukuba lukhuni nokufuna amaphutha kufanele kukhuzwe njengokusebenza kukaSathane. Uthando olufanayo nesibindi kufanele kukhuthazwe futhi kunikwe amandla ngamalunga ebandla. Makuthi bonke, ngokwesaba uNkulunkulu nothando lobuzalwane, bavale izindlebe zabo ekuhlebeni nasekusoleni. Qondisa abathwali bezindaba ezimfundisweni zezwi likaNkulunkulu. Mncenge ukuba alalele iMibhalo ahambise ukukhonona kwakhe ngokuqondile kulabo acabanga ukuthi basephutheni. Isenzo esisodwa sizoletha ukukhanya okukhulu ebandleni sivale umyango wobubi obukhulu. Kanjalo uNkulunkulu uzodunyiswa, futhi imiphefumulo eminingi izosindiswa."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 609, 610.

**2. UKUBEKA UKUKHANYA NGOKWEQINISO**

**a. Uma senza izinhlelo, kuyini okufanele sihlale sikukhumbula-na? Amahubo 16:8; Jakobe 4:10, 13-16.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Zingcwelisele uNkulunkulu ekuseni ukwenze kube ngumsebenzi wakho wokuqala. Umkhuleko wakho mawuthi, 'Ngithathe, Nkosi, ngingoWakho ngokuphelele. Ngibeka wonke amacebo ezinyaweni Zakho. Ngisebenzise namuhla emsebenzini Wakho.' lesi isihloko semihla ngemihla. Ukusa ngakunye zingcwelisele uNkulunkulu ngalolosuku. Nikela Kuye amacebo akho, ukuba aphumelele noma anikelwe ukuhlinzekela Kwakhe kuzobonakala. Ngakho-ke usuku nosuku unganikela ukuphila kwakho ezandleni zikaNkulunkulu, futhi ngaleyondlela ukuphila kwakho kuzolololongwa kakhulu kufane nokuphila kukaKristu."-*Steps to Christ,* p. 70.

**b. Chaza umthwalo wemfanelo ozothile nokuziphendulela esinakho umuntu ngamunye ngokukhanya kwasezulwini esinikeziwe kuzo zonke izimo zokuphila. Jakobe 4:17; Mathewu 12:31, 32.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Akusiye uNkulunkulu ophuphuthekisa amehlo abantu noma aqinise izinhliziyo zabo. Ubathumela ukukhanya ukuba balungise amaphutha abo, nokubahola ngokuphepha endleleni; kungenxa yokwenqaba lokukhanya ukuthi amehlo aphuphutheke nezinhliziyo ziqiniswe. Ngokuvamile uhlelo luhamba kancane, futhi alubonakali. Ukukhanya kuza emphefumulweni ngezwi likaNkulunkulu, ngezinceku Zakhe, noma ngezithunywa eziqondile zoMoya Ongcwele; kodwa uma umsebe owodwa wokukhanya unganakwa, kubakhona ubuthuntu bokwahlukanisa kwesimoya, nokwembulwa kokukhanya kwesibili kwehlukaniswa kancane. Kanjalo ubumnyama buyakhula, kufinyelele lapho ubumnyama buba ubusuku emphefumulweni."-*The Desire of Ages,* p. 322.

"Kuyingozi ukukhuluma izwi lokungabaza, kuyingozi ukubuza nokusola ukukhanya okungcwele. Umkhuba wokunganaki nokugxeka okungenanhlonipho kubuyela phezu kwesimilo, ekukhuthazeni ukungahloniphi nokungakholwa. Abaningi abenza lomkhuba bayaqhubeka ukuba sengozini yokungabi nonembeza, baze balungele ukugxeka nokwenqaba ukusebenza koMoya Ongcwele."-Ibid., p. 323.

"Uma abantu bekhuluma ngendaba yezempilo, bavame ukuthi: 'Sazi kangcono kakhulu kunalokho esikwenzayo.' Abaqapheli ukuthi banokuziphendulela ngemisebe yonke yokukhanya maqondana nokuphila kwabo ngokomzimba, nokuthi imikhuba yabo yonke ivulekele ukuhlolwa nguNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 372.

## 3. INGCEBO EVEZWA NGENDLELA EDLULELE

**a. Yiziphi izixwayiso ezinikiwe maqondana nezilingo ezizungeze labo ababusiseke ngezinto ezibonakalayo ukudlula abanye-na? Jakobe 5:1.**

"Abafundisi akufanele basebenzise ukuthopha noma bahloniphe umuntu. Beyilokhu ikhona ingozi, futhi isekhona kakhulu, yokuphambuka lapha, ukwenza umehluko omncane kwabacebile, noma ukubathopha ngokubanika ukunaka okukhethekile, uma kungewona amazwi. Kukhona ingozi 'yokuba nabantu abakutusayo' ngenxa yenzuzo, kodwa uma bekwenza lokho intakazelelo yabo ngephakade ifakwa engozini. Umfundisi angase abe yintandokazi ekhetheka endodeni ethile enothile, mhlawumbe futhi akhululeke emalini; lokhu kuyamjabulisa umfundisi. Futhi ujike amdumise ngomusa womnikelo wakhe. Igama lakhe lingase liphakanyiswe ngokuvela ezincwadini, futhi nokho lowo ophanayo ngokukhululela angase angalufaneli neze udumo alunikezwayo. Ukupha kwakhe ngokukhululeka akusuki esimisweni esijulile, esiphilayo sokwenza okuhle ngezinto zakhe, ukuqhubekisela phambili umsebenzi kaNkulunkulu ngoba ewuthanda, kodwa ngenxa yesisusa sobugovu, isifiso sokucatshangelwa njengenkululeko yokupha. Mhlawumbe unikela ngokuzizwa nokupha kwakhe akunaso isimiso esijulile. Mhlawumbe uthe washukunyiswa ukulalela amaqiniso aphaphamisayo lawo okwesikhashana akhulula izintambo zesikhwama semali; kodwa, emva kwalokho, ukupha kwakhe akunasisusa esijulile. Unikela ngenkwantshu; isikhwama semali sivuleka ngokugwabuzela futhi sivaleke ngokugwabuzela okuqinile. Akadingi ukubongwa, ngoba ngesimo sonke salegama ungumuntu oncishanayo, ngaphandle ngokuthi aphenduke ngokuphelele, isikhwama semali nakho konke, uzokuzwa amazwi akhuzayo: 'Minani-nina bacebileyo, khalani, nilile ngezinhlupheko eziyakunehlele. Ingcebo yenu ibolile, nezingubo zenu zidliwe yizinundu.' Abanjalo bazovuka ekugcineni ekuzikhohliseni okwesabekayo. Labo abadumisa ukupha kwabo okugwabuzayo basiza uSathane ukuba abadukise abenze bacabange ukuthi bayaphana, futhi banikela ngempela, lapho bengazi izimiso zokuqala zokuphana noma ukuzidela."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, pp. 475, 476.

**b. Singathuthukisa kanjani izinto eziza kuqala mayelana nemali-na? Izaga 11:4.**

________________________________________________________________________

"Ngokusebenzisa umusa, uyakhula kancane kancane futhi uqine, uze ube yisimiso esibusa umphefumulo. Kuyingozi enkulu esimoyeni ukuvumela ubugovu nokuhaha kuthole indawo encane kakhulu enhliziyweni."-Ibid., vol. 3, pp. 548, 549.

**4. UKUFULATHELA ISITHOMBE ESIKHONZWAYO**

**a. Siyini isizathu esivamile esenza abantu bazuze ingcebo ngayo-na? Jakobe 5:2 (isigaba sokuqala).**

____________________________________________________________________________

"Kulesizukulwane isifiso senzuzo siyashisekelwa ukuze silibazise ingqondo. Ingcebo kaningi itholakala ngenkohliso. Kukhona izinkulungwane ezihlupheka ngobumpofu, ezicindezelwa ukusebenza kanzima ukuthola iholo elincane, alikwazi ukugcina ngisho izimfanelo ezincane zempilo. Ukusebenza kanzima nokuswela, ngaphandle kwethemba lezinto ezingcono, kwenza umthwalo wabo ubenzima. Ukukhathazeka nokucindezelwa, abazi ukuthi bangaya kuphi ukuze bathole usizo. Futhi konke lokhu abacebile bangaxhasa ukusaphaza kwabo imali noma bajabulise izifiso zabo nokubuthelela ndawonye!

"Ukuthanda imali nokuthanda umbukiso kwenze lomhlaba waba ngumhume wamasela nabaphangi. Imibhalo ifanekisa ukuhaha kanye nokucindezela okuzokwanda ngaphambi-nje kokubuya kwesibili lukaKristu."-*Prophets and Kings*, pp. 650, 651.

**c. Kuyini okushukumisa inxenye enkulu yelizwe namuhla-futhi kuncenga kuni okudingeka kungeniswe kulabo abaqhutshwa yikho-na? 1 Thimothi 6:9, 10; Duteronomi 8:18, 19.**

"IBhayibheli alibeki muntu icala ngokuba abe ngonothile, uma ethola ingcebo yakhe ngokuthembeka. Akuyona imali, kodwa ukuthanda imali, okuyimpande yakho konke okubi. NguNkulunkulu onika abantu amandla okuthola ingcebo; futhi ezandleni zakhe lowo osebenza njengenceku kaNkulunkulu, esebenzisa imali yakhe ngokungazicabangeli, ingcebo iyisibusiso, kokubili kulowo onayo nasemhlabeni. Kodwa abaningi, babambelela kwintakazelelo yabo kwingcebo yelizwe, bengezwa izimfuno zikaNkulunkulu nezidingo zabahlobo babo. Babheka ingcebo yabo njengendlela yokuzidumisa. Bengeza izindlu phezu kwezindlu, imihlaba phezu kwemihlaba; bagcwalisa izindlu zabo ngezinto ezinhle, kuyilapho okubazungezile izidalwa zabantu abahluphekayo nobugebengu, ngokugula nokufa. Labo kanjalo banikela ukuphila kwabo ekuzikhonzeni futhi bayazikhulisa, kungekona ukucabangela uNkulunkulu, kodwa becabangela omubi.

"Lamadoda adinga ivangeli. Kudingeka asuse amehlo awo kwizinto eziyize ezibonakalayo ukuze babone ubugugu bengcebo engapheli….

"Abanye banelungelo elikhethekile lokusebenzela ixuku eliphezulu. Labo kufanele bafune usizo kuNkulunkulu lokwazi ukuthi bangafinyelela kanjani kulabantu, ukuba bangabi nokujwayelana nabo nje okuvamile, kodwa ngomzamo womuntu ngamunye nangokholo oluphilayo ukubaphaphamisa kwizidingo zomphefumulo, babaholela kulwazi lweqiniso njengoba lunjalo kuJesu."-*The Ministry of Healing,* p. 212, 213.

**Ngolwesine** **Zibandlela 12**

**5. UKUBONA NGAPHEZU KOKUPHATHEKAYO**

**a. Chaza umphumela wokuzuza ingcebo ngendlela-engalungile. Jakobe 5:2 (isigaba sokugcina).**

"Ukuthola ingcebo ngokwenza okungalungile, ngokugabadela kwezohwebo, ngokucindezela umfelokazi nezintandane, noma ukuqongelela ingcebo nokunganaki ukuswela kwabampofu, ekugcineni kuzoletha isijeziso esifanele esichazwe ngumpostoli ophefumulelwe."-*Testimonies for the Church*, vol. 2, p. 682.

**b. Yisiphi isixwayiso sikaNkulunkulu esikhethekile maqondana nengcebo-na? 1 Thimothi 6:17-19.**

"Abathobekile nabampofu kunabo bonke abafundi bakaKristu beqiniso, labo abacebile ngemisebenzi emihle, babusisiwe futhi bayigugu kakhulu emehlweni kaNkulunkulu kunabantu abaziqhayisa ngengcebo yabo enkulu. Bahloniphekile emagcekeni asezulwini kunamakhosi aphakeme nezikhulu ezingacebile kuNkulunkulu….

"Labo abagodla imali yabo noma abafaka imali eningi ukuzuza ngemihlaba yabo, kuyilapho bephanga imindeni yabo ukuthokozela izinto uNkulunkulu abaphe zona ngokunothile kakhulu. Nokho banemfuyo eningi, imindeni yabo kaningi icindezelwa ukusebenza kanzima ngaphezu kwamandla abo ukonga kakhulu imali ukuba bayigodle. Ingqondo, ithambo, kanye nomsipha kukhathazwa ngokwedlulele ukuyikhulisa, futhi inkolo nemisebenzi yamaKristu ayinakwa. Sebenza, sebenza, sebenza, isifiso sabo kusukela ekuseni kuze kube sebusuku.

"Abaningi ababonisi isifiso esiqotho sokufunda intando kaNkulunkulu nokuqonda izimfuno Zakhe kubo. Abanye abazama ukufundisa iqiniso abanye bona ngokwabo abalaleli izwi likaNkulunkulu. Njengoba othishela abanjalo emsebenzini kaNkulunkulu bekhona, izoncipha nemiphumela."-Ibid., p. 649.

**NgoLwesihlanu** **Zibandlela 13**

**IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**

1. **Uma ngigxila ekusileleni kwabanye, kuyini engikwenzayo-na?**
2. **Chaza ukuthi siwudabukisa kanjani uMoya Ongcwele uma singanaki ukukhanya okuthunyelwe yiZulu-na?**
3. **Kungayiphi indlela abantu abacebile nabafundisi babo bangase babanjwe ogibeni-na?**
4. **Kungani ukuhaha kwanda futhi kungani kufanele sikugweme manje ukudlula isikhathi esedlule-na?**
5. **Chaza ubuhle kanye nenzuzo yokuzithoba kuKristu-na?**

**Isifundo 12** **ISabatha, Zibandlela 21, 2024**

# Ukugxilisa Amehlo Ezulwini

**IVESI LEKHANDA: "Bekezelani nani, niqinise izinhliziyo zenu, ngokuba ukufika kweNkosi kusondele" (Jakobe 5:8).**

"Udinga ukwembathiswa njalo ukulunga kukaKristu. Udinga ukukhumbula ukuthi ungumntwana kaNkulunkulu, nokuthi kufanele ube nomoya omnene, onomusa, nomoya obekezelayo. Ubhekisisa kakhulu ukuthi ubugovu nokuhaha akuhlali emphefumulweni wakho."-*Manuscript Releases*, vol. 13, p. 288.

**Incwadi Enikeziwe:** *Early Writings,* pp. 72, 73.

***NgeSonto*** ***Zibandlela 15***

**1. ISIKHATHI SOKUZIHLOLISISA**

**a. Kuyini okuzokwenzeka masinyane kwizinto ezaziswa kakhulu futhi evame ukufiswa kusukela ezikhathini zasendulo-futhi lokhu kusikhumbuza ngani-na? Isaya 31:6, 7.**

______________________________________________________________________________

"Kungenxa yobugovu bokuthanda imali futhi isetshenziswe ngokungafanele yikona okuyimpande yabo bonke ububi. Ingcebo izofakazela isibusiso uma siyibheka njengeyeNkosi, ukwamukelwa ngokubonga nangokubonga okubuyiselwa kuMuphi wayo.

"Kodwa inaliphi inani lengcebo engachazeki uma iqoqelwa ezindlini ezinkulu ezibizayo noma impahla esebhange? Lezi zilinganisani uma ziqhathaniswa nokusindiswa komphefumulo owodwa owafelwa yindodana kaNkulunkulu emi ingunapahakade."-*Testimonies for the Church*, vol. 6, p. 453.

"Labo abakhetha ukwenza izaba futhi baqhubeke esonweni nasekuvumelaneni nelizwe bazoyekelwa kwizithombe zabo....Uma uKristu ebuya ngenkazimulo Yakhe nangenkazimulo kaBaba Wakhe, neyezingelosi zonke ezimzungezile, zimphelekezela endleleni Yakhe ngezingoma zokunqoba, lapho ubunzima obukhulu bomculo buhlatshelelwa buwela endlebeni, bonke bazoba nentakazelelo; angeke kubekhona isibukeli esingenandaba. Ukuqagela angeke kugculise umphefumulo. Izinqwaba zegolide zomxhwali, ezidle amehlo akhe, azisakhangwa. Izigodlo ezamiswa ngabantu bomhlaba abazidlayo, bezilokhu ziyizithombe zabo, ziphenduke zaba ukunengeka futhi zazondwa."-Ibid., vol. 2, p. 41.

**2. KUNGAKABI SEMVA KWESIKHATHI….**

**a. IMibhalo ifanekisa kanjani labo, ngokubuyela emuva, belahlekelwa ithuba lokuhlonipha uNkulunkulu ngempahla yabo-na? Hoseya 4:17; Mathewu 25:11, 12.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

**b. Chaza umphumela omkhulu wabo bonke-kanye nalabo abafakazela iqiniso lanamuhla-ngobugovu bebambelela kwizinto zemfuyo yabo. Jakobe 5:3.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"[Jakobe 5:1-3 ngokuphindwa.] Ngabona ukuthi lamazwi esabekayo aqondiswe kakhulu kulabo abanothile abafakazela iqiniso lanamuhla. INkosi iyababiza ukuba basebenzise imali yabo ukuthuthukisa umsebenzi Wakhe. Amathuba alethwa kubo, kodwa bavala amehlo abo kwizidingo zomsebenzi, babambelele ngokuqinile engcebeni yabo yasemhlabeni. Ukuthanda kwabo umhlaba kukhulu kunokuthanda iqiniso, uthando lwabangane babo, noma uthando lwabo kuNkulunkulu. Ubiza impahla yabo, kodwa ngobugovu, nangomhawu, bagcina lokhu abanakho. Banikela okuncane manje ukuthulisa unembeza wabo, kodwa bengazange banqoba ukuthanda kwabo lomhlaba. Abenzi umhlatshelo kuNkulunkulu. UNkulunkulu uvusile abanye labo abathanda ukuphila okuphakade, labo abezwa futhi beqonda ukuthi kukhona okuthize okuyigugu lomphefumulo, futhi ngesihle bathe banikela ngezimali zabo ukuthuthukisa umsebenzi kaNkulunkulu. Umsebenzi ufinyelele ekupheleni; masinyane izimali zalabo abagodle ingcebo yabo, amasimu amakhulu, izinkabi zabo, nokunye, ngeke basweleke. Ngabona iNkosi iphendukela onjalo ngolaka, nangentukuthelo, futhi uphinda lamazwi: 'Minani-nina bacebileyo;' inibizile, kodwa anizwanga. Uthando lwalomhlaba luvale izwi Lakhe. Manje akasenamsebenzi nawe, uyakudedela ukuba uhambe, 'Minani-nina bacebileyo.'

"Maye, ngabona ukuthi kuyinto esabekayo ukufulathelwa iNkosi-into ethusayo ukubambelela kwinto ebhubhayo lapha, kuyilapho ikhulumile ukuthi uma sithengisa ngayo sabele abampofu, sizobe sizibekela ingcebo yethu ezulwini. Ngaboniswa ukuthi umsebenzi ufike ekugcine, neqiniso liqhubekela phambili ngamandla amakhulu, abacebile bazoletha imali yabo bayibeke ezinyaweni zezinceku zikaNkulunkulu, bebancenga ukuba bayamukele. Impendulo yezinceku zikaNkulunkulu izothi: Minani-nina bacebileyo. Imali yenu ayidingeki. Niyigodlile engabe nenzile okuhle ngayo ukuthuthtukisa umsebenzi kaNkulunkulu. Abampofu bahlupekile; azange babusiseka ngemali yenu. UNkulunkulu angeke amukela ingcebo yenu manje. Minani-nina bacebileyo.' "-*Testimonies for the Church*, vol. 1, pp. 174, 175.

### 3. UKUFUNDA UMYALELO WEGOLIDE

**a. Kungayiphi indlela abaphumelelayo kaningi bephatha ngayo ababasebenzelayo-noma abathenga kubo-futhi kuyini okufanele sikukhumbule njalo-na? Jakobe 5:4-6; Mathewu 7:12.**

"UNkulunkulu akekho kuyoyonke ingcebo etholakalayo. USathane uvame ukwenza okuningi ekuzuzeni imfuyo kunoNkulunkulu. Okuningi kwakho kutholakala ngokucindezela oqhashiwe maqondana neholo lakhe. Isicebi ngokwemvelo esihahayo sithola ingcebo yaso ngokugadlela phansi oqhashiwe, futhi sisebenzisa umuntu ngamunye nomaphi lapho ekhona, ngaleyondlela sengezela engcebeni lokhu okondla inyama yakhe njengomlilo.

"Ukuthembeka okuqinile, indlela eqondile ayilandelwanga ngabathile. Abanjalo kufanele bathathe indlela ehlukile ngempela basebenze ngokushesha ukuhlenga isikhathi. Abagcini beSabatha abaningi banephutha kulokhu. Amathuba athathwa ngisho nangabazalwane babo abampofu, futhi labo abanokuningi bacindezela kakhulu kunenani lezinto abanazo, okuningi abangakukhokhela izinto ezifanayo, kodwa bona labazalwane bakhungathekile futhi basosizini lokuswela imali. UNkulunkulu uyazazi zonke lezinto. Isenzo ngasinye sobugovu, umhawu ngamunye wokuphanga ngobugebengu, uzoletha umvuzo wako.

"Ngabona ukuthi kungulunya nokungalungi ukungabi nendaba nesimo somzalwane wakho. Uma ekhungathekile, empofu, nokho enza ngokungakho, isabelo kumele enzelwe sona, ngisho nangenani eliphelele lezinto angazithenga kocebile akufanele zibize kakhulu; kodwa kufanele babe nesihawu esisuka ezibilini ngenxa yakhe. UNkulunkulu uzovuma izenzo zomusa onjalo; nowenza lokho angeke alahlekelwe umvuzo wakhe. Kodwa ukulandisa okwesabekayo kumelana nabagcini beSabatha abaningi ngezenzo eziseduze, zokuhaha."-*Testimonies for the Church*, vol. 1, pp. 175, 176.

**b. Esikhathini sasendulo, kungayiphi indlela abakholwayo bebabelana ngayo ngesihle-na? 2 Korinte 8:1, 2.**

"Ngabuyiselwa emuva esikhathini lapho babembalwa abalalela iqiniso futhi belamukela. Bengenazo izinto eziningi zalomhlaba. Izidingo zomsebenzi zahlukaniswa phakathi kwababambalwa. Ngakho-ke kwafanela ukuthi abanye bathengise ngezindlu zabo nemihlaba, futhi bazithole zishibhile ukuyisebenzisa njengesivikelo, noma ikhaya, kuyilapho imali yabo ngesihle nangokuphana bayinikela eNkosini, ukusakaza iqiniso, futhi ngenye indlela usizo lokuthuthukisa umsebenzi kaNkulunkulu. Lapho ngibheka labo abazidelayo, ngabona ukuthi bathe babekezelela ukuswela ngenxa yokusiza umsebenzi. Ngabona ingelosi imi eduze kwabo, ikhomba phezulu, futhi yathi: 'Ninamasaka ezulwini! Ninamasaka ezulwini lawo angagugi! Bekezelani kuze kube sekupheleni, futhi umvuzo wenu uzakubamkhulu.'."-Ibid., p. 176.

**4. AMANDLA ADINGEKAYO NAMUHLA**

**a. Ngokukhulisa izimilo zethu, kungani ukubekezela kubalulekile-na? Jakobe 5:7.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"'Bhekani umlimi uyalindela isithelo somhlaba esiyigugu, ebekezelela sona, size sithole imvula yokuqala neyamuva.' Jakobe 5:7. Ngakho-ke umKrestu kufanele alinde ngokubekezela isithelo ekuphileni kwakhe ngezwi likaNkulunkulu. Kaningi uma sikhulekela umusa kaMoya, uNkulunkulu usebenzela ukuphendula imikhuleko yethu ngokusibeka kwizimo zokukhulisa lezithelo; kodwa asiqondi inhloso Yakhe, futhi siyamangala, futhi sinovalo. Nokho akekho ongakhulisa lomusa ngaphandle kohlelo lokukhula nokuthela isithelo. Inxenye yethu ukwamukela izwi likaNkulunkulu nokubamba ngokushesha, sizinikela ngokuphelele ekulawuleni kwalo, nenhloso yalo kithina izogcwaliseka.

"'Uma umuntu engithanda,' kusho uKristu, 'uyakugcina izwi lami; uBaba uyakumthanda; siyakuza kuye, sihlale naye.' Johane 14:23. Impumelelo yengqondo enamandla, nephelele izoba phezu kwethu; ngoba sinokuxhumana okuphilayo nomthombo wamandla onke ahlalayo. Ekuphileni kwethu okungcwele sizolethwa ebugqilini bukaJesu Kristu. Angeke sisa phila impilo evamile yobugovu, kodwa uKristu uzohlala kithi. Isimilo Sakhe sizofanekiswa emvelweni yethu. Kanjalo sizoveza izithelo zikaMoya Ongcwele-'ezinye ngamashumi amathathu, ezinye ngamashumi ayisithuphi, futhi ezinye ngekhulu.'"-*Christ's Object Lessons,* p. 61.

**b. Uma silingwa ukuba sikhungatheke noma sesabe ngenxa yobubi obukhulayo kulomhlaba, kungani ithemba elibekezelayo lisiza kakhulu-na? Jakobe 5:8; Luka 21:19.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Umhlaba uqhubekela phambili ukwephula umthetho kaNkulunkulu. Kodwa ngenxa yokubezela kade Kwakhe, abantu banyathelela phansi igunya Lakhe. Banikela amandla omunye komunye ukucindezela ngolunya labo abayifa Lakhe, bethi, 'UNkulunkulu wazi kanjani-na? Imbala kukhona ukwazi koPhezukonke-na? Amahubo 73:11. Kodwa kukhona umugqa ngaphezulu abangeke baweqa. Isikhathi sifikile lapho bazobe sebefinyelele kwisilinganiso esimisiwe. Ngisho namanje cishe bedlulile umkhawulo wokubekezela kukaNkulunkulu, isilinganiso somusa Wakhe, isilinganiso sesihawu Sakhe. INkosi izongenelela ukuphindisela udumo Lwakhe, ukukhulula abantu Bakhe, nokuvimbela ukukhula kokungalungi."- Ibid., pp. 177, 178.

**5. IZIBONELO ZOKUSINIKA AMANDLA**

**a. Kububanzi bebandla, yikuphi ngokuvamile esiqondisa kukho-kuyini esingakuletha engqondweni endaweni yalokho-na? Levi 19:18; Jakobe 5:9, 10.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"U-Abela, uMkrestu wokuqala kubantwana bakaAdamu, wafela ukholo. U-Enoki wahamba noNkulunkulu, futhi izwe alimazanga. U-Nowa waklolodelwa njengohlanya nanjengomuntu oshaywa luvalo ngeze. 'Abanye balingwa ngokujivazwa nokushaywa, yebo, nokuboshwa nokufakwa etilongweni; 'Abanye bahlushwa, abavuma ukukhululwa, ukuze bathole ukuvuka okuhle.'Heberu 11:36, 35.

"Ngezikhathi zonke izithunywa zikaNkulunkulu zithe zathukwa futhi zahlushwa, kodwa osizini lwazo ulwazi ngoNkulunkulu lufinyelele ezindaweni zonke. Umfundi ngamunye kaKristu kufanele angene emzileni wokuqhubekisela phambili umsebenzi ofanayo, enolwazi lokuthi izitha angeke zenze lutho ukumelana neqiniso, kodwa ngenxa yeqiniso. UNkulunkulu uchaza ukuthi lizolethwa phambili libe yindaba yokuhlolisiswa futhi kukhulunywe ngalo, ngisho nokweyiswa okuzobekwa phezu kwalo. Izingqondo zabantu kufanele zinyakaziswe; konke ukuphikisana, konke ukusola, wonke umzamo wokuvimbela inkululeko kanembeza, kuyizindlela zikaNkulunkulu aphaphamisa ngazo izingqondo lezo uma kungenjalo zingalala ubuthongo.

"Kukaningi kangakanani lomphumela othe wabonakala kwimbali yezithunywa zikaNkulunkulu! Lapho uStefani onesithunzi owakhuluma kamnandi wakhandwa ngamatshe waze wafa ngenxa yokuqhatha kwebandla leSanhendrin, akuzange kubekhona ukulahlekelwa emsebenzini wevangeli. Ukukhanya okuvela ezulwini okwakhazimulisa ubuso bakhe, isihawu esingcwele sadonsa umoya emkhulekweni wokufa kwakhe, wawubukhali njengomcibisholo wokulahlwa ngecala ngamaSanhendri anobandlululo ayemi eduzane, uSawule, uMfarisi oshushisayo, waphenduka isitsha sokuthwala igama likaKristu phambi kwabeZizwe namakhosi nakubantwana bakwaIsrayeli."-*Thoughts from the Mount of Blessings,* pp. 33, 34.

*NgoLwesihlanu* *Zibandlela 20*

**IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**

1. **Kuyini okufanele ngikuqaphele mayelana nokubaluleka kwemali yami-na?**
2. **Kuyini okuchazwa ngenselelo kaKristu kuJakobe 5:1-na?**
3. **Yibuphi ubuthakathaka engingaba necala ngabo maqondana nokusebenzisa imali-na?**
4. **Ekugcineni, ukubekezela kungakhanya kanjani njengobuhle phakathi kwabantu bakaNkulunkulu-na?**
5. **Kumlando wonke wabafel'ukholo bagcina kanjani ukuqondisa kwabo-na?**

**Isifundo 13** **ISabatha, Zibandlela 28, 2024**

# Ukubekezela Ngokukholwa

**IVESI LEKHANDA: "Ngakho, vumani izono omunye komunye, nikhulekelani ukuba niphulukiswe. Umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla kakhulu" (Jakobe 5:16).**

"Umkhuleko othobekile, oshisekelayo uzosindisa umphefumulo ekufeni, futhi ukuvuma izono nokubuyiselwa kuzosibekela inqwaba yezono."-*The Review and Herald,* Zibandlela 16, 1902.

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *The Ministry of Healing*, pp. 225-233.
*Testimonies for the Church,* vol. 3, pp. 271-293.

***NgeSonto*** ***Zibandlela 22***

**1. ITHEMBA**

**a. Yibuphi ubuhle uJobe akuqaphela ngokukhethekileyo-futhi lokhu kusitshelani ngoNkulunkulu-na? Jakobe 5:11.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"[INkosi] ilindile ngothando olungakhathali ukuzwa ukuvuma kwalabo abangalaleli futhi yamukele ukuzisola kwabo. Iyabheka ukubona abanye bebuya ngokubonga okuvela kithi, njengomama ebheka ukumomotheka okuvumayo okuvela kumntwana amthandayo. Uzokwenza sizwisise ukuthi inhliziyo Yakhe ilangazelela ngokuphikelela nangomusa phezu kwethu. Iyasimema ukuthi samukele izilingo zethu ngozwelo Lwakhe, ukuhlupheka kwethu othandweni Lwakhe, amanxeba ethu ekupholiseni Kwakhe, ubuthakathaka bethu emandleni Akhe, ubuze bethu ekuphelelenі Kwakhe. Akukho noyedwa oke wadumala othe weza Kuye. 'Babheka kuye phezulu, bakhanya; ubuso babo abusoze bajabha.'

"Labo abafuna uNkulunkulu ngasese abatshela iNkosi izidingo zabo futhi becela usizo, angeke ukunxusa kwabo kubeyize.*"-Thoughts from the Mount of Blessings,* pp. 84, 85.

**b. UJakobe waphinda kanjani amazwi kaKristu mayelana nokuba neqiniso-na? Jakobe 5:12; Mathewu 5:37.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Konke okwenziwa ngamaKrestu kufanele kube sobala njengokhanya kwelanga."-Ibid., p. 68.

**2. UKUKHOLWA VS. UKUZIQHENYA**

**a. Uma siphethwe yizifo, kunjani futhi kungani sikhuthazwa ukuba size kuMninki-kuphila omkhulu-na? Jakobe 5:13-15; Amahubo 103:1-3.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UNkulunkulu uthanda ukubuyisela impilo kogulayo manje njengaleso sikhathi lapho uMoya Ongcwele ukhuluma lamazwi ngomhlabeleli. Futhi uKristu ngokufanayo uyinyanga enozwelo manje njengoba wayenjalo esikhathi sokusebenza Kwakhe emhlabeni. Kuyena kukhona ikhambi elilaphayo lezifo zonke, elibuyisela amandla kuzo zonke izifo. Abafundi Bakhe namuhla kufanele bakhulekele abagulayo ngokufanayo njengabafundi basendulo. Ukubuyiselwa kwempilo kuzolandela; ngoba umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo.'sinawo amandla oMoya Ongcwele, isithembiso esithulile sokukholwa, olungabiza izithembiso zikaNkulunkulu. Isithembiso seNkosi yilesi, 'Bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, basinde' (Marako 16:18), sithembekile manje ngokufanayo nasezinsukwini zabapostoli."-*The Ministry of Healing,* p. 226.

**b. Kulingana kuni okufanele sikuqaphele uma sifuna impilo-na? Amahubo 66:18.**

____________________________________________________________________________

"Asiwufanele umusa [weNkosi], kodwa njengoba sizinikela Kuye, uyasamukela. Uzakusisebenzela futhi kanye nalabo abamlandelayo.

"Kodwa kuphela uma siphila ngokulalela izwi Lakhe yilapho singakwazi ukubiza ukugcwaliseka kwezithembiso Zakhe….Uma sinikela Kuye inxenye, ukulalela okumbaxa-mbili, izithembiso Zakhe angeke zagcwaliseka kithi."-Ibid., p. 227.

"Indlela uKristu asebenza ngayo ngukushumayela izwi, nokukhulula abahluphekile ngemisebenzi emangalisayo yokwelapha. Kodwa ngiyelulekwa ukuthi angeke manje sasebenza ngaleyondlela; ngoba uSathane uzosebenzisa amandla akhe ngokwenza izimangaliso. Izinceku zikaNkulunkulu namuhla angeke zasebenzisa izindlela zezimangaliso, ngoba imisebenzi yamanga yokwelapha, ebiza njengengcwele, izokwenziwa**.**

"Ngalesizathu iNkosi iphawulile indlela leyo abantu Bakhe abazoqhubekisela phambili umsebenzi wokwelapha umzimba uhlanganiswa nokufundiswa kwezwi. Izibhedlela kufanele zakhiwe, futhi ngalezindawo kufanele zihlanganiswe nezisebenzi ezizoqhubekisela phambili umsebenzi wemfundiso yokwelapha ngeqiniso. Kanjalo umfutho olondayo onikezwa labo abeza ukuzokwelashwa ezibhedlela.

"Lawa ngamalungiselelo iNkosi ewenzile lapho umsebenzi wobufundisi bevangeli lezokwelapha kufanele wenzelwe imiphefumulo eminingi."-*Medical Ministry,* p. 14.

**3. IZINHLOBO EZIMBILI ZOKUBA NESIBINDI**

**a. Yisho isici esibalulekile sokwelapha esinganakwa ngokudabukisayo. Jakobe 5:16.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Kuyiphutha elinjani kulabo abacabanga ukuthi ukuvuma isono kuphungula isithunzi sabo, futhi kunciphise umfutho wabo phakathi kwabangani babo. Bebambelela kulomcabango ophambukile, noma ubona amaphutha abo, abaningi bayehluleka ukuwavuma, kodwa kunalokho badlule kukho okubi abakwenzile kwabanye, ngokwenza zibemunyu izimpilo zabo, nokwenza mnyama izimpilo zabanye. Angeke kwalimaza isithunzi sakho ukuvuma izono zakho. Deda kulesithunzi samanga. Wela phezu kweDwala uphuke, futhi uKristu uzokunika isithunzi sasezulwini. Ungavumeli ukuzigabisa, ukuzazi, ukuzenzisa kugcine noyedwa ukuba angavumi isono sakhe, ukuze akwazi ukubiza isibusiso. 'Ofihla iziphambeko akayiphumelela, kepha ozivumayo azishiye uyakuthola umusa' (Izaga 28:13). Ungafihli lutho kuNkulunkulu, futhi ungadebeseli ukuvuma iziphambeko zakho kubazalwane. 'Ngakho vumani izono omunye komunye, nikhulekelane ukuba niphulukiswe' (Jakobe 5:16). Kaningi isono sishiywa singavunywanga ukuze simelane nesoni ngosuku lokugcina lokuziphendulela; kugcono ukubhekana nezono zakho manje, ukuba uzivume uzishiye, lapho uMhlatshelo ohlangulayo usancenga ngenxa yakho. Ungehluleki ukufunda intando kaNkulunkulu ngalesihloko. Ukuphila komphefumulo nensindiso yabanye kwencike phezu kwendlela oyilandelayo kulendaba."-*Selected Messages,* bk. 1, pp. 326, 327.

**b. Lapho ekhathazekile ngokuhlubuka kwesimoya kwesizwe sakubo, yiliphi inyathelo uEliya alithatha, futhi uNkulunkulu wamlondoloza kanjani-na? 1 Amakhosi 17:1-3.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Ngobuhlungu bomphefumulo [u-Eliya] wancenga uNkulunkulu ukuba alonde abantu abake bathandeka endleleni yobubini babo, ukuba abahambele ngezahlulelo, uma kudingeka, ukuze baholelwe ukubona ukukhanya kweqiniso ukusuka kwabo eZulwini. Walangazelela ukuba ababone bephenduka ngaphambi kokuba bahambe ibanga elide ekwenzeni okubi ukuthukuthelisa iNkosi ukuba ibabhubhise ngempela….

"U-Eliya wathwaliswa umsebenzi wokunikeza uAhabi isigijimi sokwahlulela esivela eZulwini….Esigodlweni wacela ukuba angeniswe, noma alindele ukuba abikwe ngokomthetho. Embethe izingubo ezingalingani ngokuvamile ezazigqokwa ngabaprofethi balesosikhathi, wadlula abalindi, kungathi akabonwa, wema umzuzwana phambi kwenkosi eyayimangele."-*Prophets and Kings,* pp. 120, 121.

**4. UKUFUNDA KU-ELIYA**

**a. Kungani imikhuleko kaEliya yokucela uNkulunkulu ukuba avuse isizwe sakhe esihlubukile sinikezwa njengesibonelo sethu-na? Jakobe 5:17.**

____________________________________________________________________________

"Izicelo eziningi zenziwe, amazwi okusola, futhi izixwayiso zehluleka ukuletha uIsrayeli ekuphendukeni. Isikhathi sifikile lapho uNkulunkulu kufanele akhulume kubo ngendlela yezahlulelo. Kangangoba abakhonzi bakaBali bathi ingcebo yasezulwini, amazolo emvula, ayiveli kuJehova, kodwa zivela kumandla abusayo emvelo, nokuthi kungenxa yamandla adalayo elanga ukuthi umhlaba uvundise futhi uveze izithelo eziningi, isiqalekiso sikaNkulunkulu kufanele sihlale kanzima phezu komhlaba owonakalisiwe. Izizwe ezihlubukile zikaIsrayeli kwakumele ziboniswe ubuwula bokuthembela emandleni kaBali ngezibusiso zomhlaba. Kuze kufinyelele lapho bebuyela kuNkulunkulu ngokuzisola, futhi bamvume Yena njengomthombo wezibusiso zonke, kanjalo makungaweli phezu komhlaba amazolo nemvula."-*Prophets and Kings,* p. 120.

**b. Emva kokuba uIsrayeli evuselele ubuqotho bakhe kuNkulunkulu, kungayiphi indlela imikhuleko kaEliya iphinde ibe yisibonelo kithi-na? Jakobe 5:18, 1 Amakhosi 18:39-45.**

____________________________________________________________________________

"Izikhathi eziyisithupha [uEliya] ekhuleka ngokukhuthazela, kodwa lungekho uphawu lokuthi isicelo sakhe siyamukelwa, kodwa ngokholo oluqinile waletha isicelo sakhe esihlalweni somusa. Uma wavumela ukudumala esikhathini sesithupha, umkhuleko wakhe ngabe ungaphendulwanga, kodwa wabekezela impendulo yaze yafika. SinoNkulunkulu ondlebe Yakhe ivulelwe izicelo zethu; futhi uma sivuma izwi Lakhe, uzohlonipha ukholo lwethu. Ufuna ukuba sibe nentakazelelo yonke ihlanganiswe nentakazelelo Yakhe, futhi ngalokho angasibusisa kahle; ngoba asingeke sayisa udumo kumina uma izibusiso kungezethu, kodwa sonikela lonke udumo kuNkulunkulu. UNkulunkulu kaningi akaphenduli imikhuleko ngesikhathi siqala ukubiza igama Lakhe; ngoba uma ekwenza lokho, singathatha kalula ukuthi sinelungelo lezibusiso zonke nomusa awubeka phezu kwethu. Endaweni yokuhlola izinhliziyo zethu sibone ukuthi kukhona yini ububi esibuthokozelayo, noma yisiphi isono esisithandayo, singaba ngamadlabha, sehluleke ukubona ukweyama kwethu kuye, nesidingo sosizo Lwakhe.

"UEliya wazithoba waze waba sesimweni lapho angeke azithathela khona udumo. Lesi isimo iNkosi ezwa ngaso umkhuleko, yilapho sizobuyisela udumo lonke Kuye."-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 2, pp. 1034, 1035.

**_Ngolwesine_** **_Zibandlela 26_**

**5. UKWENGEZA UBUMNENE OBUNJENGOBUKA-KRISTU**

**a. Phakathi kokudumala okunqwabelane phezu kwethu abantu ababuthakathaka kumhlaba owileyo, kuncenga kuni kokugcina uJakobe avala incwadi yakhe kithi-na? Jakobe 5:19, 20.**

____________________________________________________________________________

"Unganikezi nakoyedwa owonayo ithuba lokudangala. Ungavumeli ubulukhuni bobuFarisi bungene ngaphakathi bulimaze umzalwane wakho. Ungavumeli ukugcona okubabayo kuvuke engqondweni noma enhliziyweni. Makungabikho ukusikisela bokunyelisa okungaboniswa ngezwi. Uma ukhuluma izwi elingelakho, uma uthatha isimo esingadingeki, ubonise ukusola noma ukungakholwa, lingafakazela ukonakala komphefumulo. Udinga umzalwane onenhliziyo yozwelo njengoMfowabo Omdala ukuthinta inhliziyo yakhe yobuntu. Makezwe ukubamba okunamandla kwesandla esinozwelo, futhi makezwe ukunyenyeza, kuthi masikhuleke. UNkulunkulu uzonipha amava anothile nobabili. Umkhuleko uhlanganisa ndawonye omunye komunye nakuNkulunkulu. Umkhuleko uletha uJesu ohlangothini lwethu, futhi anikeze lowo oqulekayo, umphefumulo odidekile amandla amasha okunqoba umhlaba, inyama, noSathane. Umkhuleko ubuyisela eceleni ukuhlasela kukaSathane.

"Lapho omunye efulathela ukungapheleli komuntu ukuze abheke kuJesu, inguquko engcwele iyenzeka esimilweni. Umoya kaKristu osebenza phezu kwenhliziyo uhambisana nomfanekiso Wakhe. Makube umzamo wakho ukuphakamisa uJesu. Vumela iso lengqondo likuqondise 'kwiWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe. Johane 1:29. Futhi njengoba ungena kulomsebenzi khumbula ukuthi 'obuyisile isoni ekudukeni kwendlela yaso, uyakusindisa umphefumulo wakhe ekufeni, asibekele izono eziningi.'Jakobe 5:20.

"Intethelelo kaNkulunkulu enhliziyweni yesoni isondela enhliziyweni enkulu yoThando Olungapheli. Umsinga wozwelo olungcwele ugobhozela emphefumulweni wesoni, futhi usuka kuye uya emphefumulweni wabanye."-*Christ's Object Lessons,* pp. 250, 251.

**_NgoLwesihlanu_** **_Zibandlela 27_**

**IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**

1. **Yisiphi isikhathi ekuphileni kwami lapho ngabona khona umusa omkhulu kaNkulunkulu maqondana nami-na?**
2. **Yiziphi izindlela engingaba necala ngazo zokungabaza maqondana nempilo yami-na?**
3. **Umkhuleka kaEliya waphenduleka kanjani ngenxa yesizwe sakubo-na?**
4. **Kungani uEliya kwafanele akhuleke izikhathi eziningi kangaka ukuba imvula ibuye-na?**
5. **Ngubani okufanele ngibe nesimo sozwelo olwengeziwe, futhi kungani-na?**